# Okuqukethwe

ISingeniso ........................................................................................6

ISahluko 1. ISimemo.........................................................................8

1. UMyeni ........................................................................................ 8

2. UKubizwa Kwami ........................................................................ 13

3. UKudideka ................................................................................. 19

4. ISango ........................................................................................ 25

5. I-Altare ....................................................................................... 29

IKhefu I ......................................................................................... 35

6. UMcengezi ................................................................................. 36

7. Ukudideka Okungaphezulu ......................................................... 40

ISahluko 2.iCourtship ......................................................................50

8. ISihenqo Sokuqala ..................................................................... 50

9. Ukukhanya Kwezwe ................................................................... 57

10. ISinkwa Sokuphila .................................................................... 62

IKhefu II ........................................................................................ 68

ISahluko 3. UKuma Phakathi Kwemibono Emibili ...................................70

11. Impi Ephakathi KweNyama noMoya .......................................... 70

12. Inxushushu yomumo nemvelaphi eguqukayo ............................... 76

13. IMidlalo Yengqondo ................................................................. 80

14. INdlu Yamakhadi ...................................................................... 86

Ikhefu III ....................................................................................... 93

ISahluko 4. Ukuphulukiswa ngoThandiweyo wami..............................94

15. Eliya ........ 94
16. UNgothandekayo Wonke ........ 101
17. UMlilo Wocwengisisayo ........ 107
18. U-Apollyon ........ 115
19. UMduduzi ........ 120
Ikhefu IV ........ 126
ISahluko 5. ENdaweni eNgcwele Ngcwele ........ 128
20. Ukushadiswa nguMdala weZinsuku ........ 128
21. Phambi Kombhoshongo Wesivumelwano ........ 133
22. Intokozo yoThandiweyo wami ........ 139
ISiphetho ........ 147

# ISingeniso

Ngizwa iziga zakhe, inhliziyo yami igcwala ukulangazelela.

Ngizwa izwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi. Linjengebhalisamu elimnandi emoyeni. Othandiweyo wami uyabiza. Ingabe ubiza igama lami ngempela? Ithemba elinje lifike njani na esifubeni sami? Uvela kuphi na lomcabango? Kungani ethande ukukhetha mina – leNkosi enamandla, iNdodana ethandekayo ekaBaba?

Ngingalithatha yini ithemba elinje? Angizokuphoxeka yini ekugcineni kuvele ubuwula bami? Angizukuphenduka inhlekisa yini ngenxa yamaphupho ami asebuntwaneni? Lena yiNkosi enamandla, esabekayo, ingamandla kaBaba ngaphezu kwalokho uYise uziqhenya yebo uzishaya isifuba ngayo; kuza kanjani ukuthi ebize mina?

Lalela! Uyezwa yini ekuzoleni? Uphinda uyabiza! Izwi lakhe, lingelimnandi, ligwaza umoya opholileyo wasebusuku, lifunana nothandiweyo wakhe. O nhliziyo yami, musa ukungabaza! Ungazinikeli emicibisholweni yabadeleli! Ubiza mina; yebo, ubiza mina. Ngizwa igama lami! Impela ubiza mina!

O Othandiweyo wami, ngilapha! Yonke into engaphakathi kwami ilangazelela wena. Konke engiyikho kungokwakho. Ukholo luthatha izimpiko lundize ngesibindi phezu kwezintaba ezembeswe izintebe zaseSharoni, nasezigodini ezinuka okwemnduze.

Ngiyambona! Ngisendaweni ephezulu engisizayo isihlahla sesikhamore, awumboni yini? Othandiweyo wami uyeza; Olangazelelwa zonke izinsuku uyeza! Oh Mdala wezinSuku, nginike amandla; inhliziyo yami iyachichima ngenjabulo; ngehlulwa yintokozo! Ngiphuthumisa isicelo sami kuwe maqondana nesandla soThandiweyo wami.

Oh madodakazi aseJerusalema, thokozani nami, ngoba ngibona kuye ubuhle obungena kuqhathaniswa; O indlela engimthanda ngayo! LeNkosi ephakeme eqhole ngemure nangenhlaka, evela phakathi kwenkungu. Ngithi ngiphenduke ukwenzela ngimbone, ngifinyisa amehlo ukuze ngimbone kahle, uma efunana nami ngempela.

Ngase ngaphaphama. Ngikuphi? Kwenzekeni? Ingabe kwakuyiphupho konke? Ngizikhohlisile ngamaphupho ami obuntwana? Impela, ubhekana nami! Ngiqinisekile ngalokho. Qina isibindi wenhliziyo yami. Themba, yebo themba ukuthi ufuna wena.

# ISahluko 1. ISimemo

## 1. UMyeni

UBaba uyasukuma esihlalweni sakhe sobukhosi, ngenqola yomlilo ungena endaweni engcwelengcwele yeThebanekile elisezulwini. Izihlalo zobukhosi zabekwa, noMdala weZinsuku wahlala. Umprofethi uDaniyeli ebheke lemibono ebusuku, uveza ukuthi izingubo zakhe zimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda lakhe zinjengoboya. Izinkulungwane zizungeze isihlalo sakhe; ezinye ziphatheke emsebenzini kodwa ezinye zibheke ngokulangazela okukhulu okuqhubekayo.

INdodana yomuntu, kusukela ngesikhathi isuka emhlabeni, ibiqhuba umsebenzi obaluleke kakhulu wokunxusela amadodana namadodakazi ka-Adamu awile. Imithandazo yabazalwane inyuka iza kuBaba ithwele izicelo zokuthethelelwa kwezono, nezomusa, namandla, nesibindi, nokukhanya, nenduduzo kanye nentokozo. UJesu wayedlulisa lezicelo ngokwethembeka kuBaba ebanxusela abafowabo abasemhlabeni ngegazi lakhe.

UBaba ubona uMoya weNdodana yakhe usebenza ezinhliziyweni zabaceli; Njengoba ebona uthando lwabo eNdodaneni nokwethembela kwabo ezwini lakhe elithi “yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade,” (Johane 3:15) uYise wokukhanya uthumela uMoya kaKrestu ongumduduzi ukwelapha, nomusa, nothando, namandla kanye nenjabulo.

Nanoma umsebenzi ongcwele wokunxusela okaKrestu wawusithekele ngenxa yezimfundiso zophondo oluncane, izigidi zabantu ziyezaqhubeka zathola umusa ngoKrestu, iNkosi noMsindisi wazo. Ekudluleni kwekhulu leminyaka lapho ubumnyama busibekele izwe abazalwane bakaNkulunkulu bayebaqhubeka ngokuza ngesibindi kwisihlalo somusa, benolwazi lokuthi iNdodana kaNkulunkulu “lokhu iphilela njalo ukubamela.”(KumaHeberu 7:25)

UNkulunkulu ushiyile ezindaweni ezihlukene eBhayibhelini, ubufakazi besikhathi lapho kwakuzoba khona inguquko enkulu emsebenzini kaKrestu wokunxusela. UPhawule wakhuluma noFeliksi "ngokwahlulela okuzayo" (IZenzo 24:25). UJohane wabona isithunywa sindiza emkhathini wezulu umemezela isikhathi sokuthi "ihora lokwahlulela kwakhe selifikile" (ISambulo 14:6,7). Uphinde wabona ithempeli likaNkulunkulu elisezulwini, wabona umphongolo wesivumelwano sakhe, kukhona imibani, namazwi, nokuduma phakathi kokuningi. (ISambulo 11:19)

Ukulungiselela lelihora lokwahlulelwa, izwe lakhanyiselwa ngomyalezo ovela ezulwini owawuveza ukubuya kukaKrestu kwesibili. Indlela yokufunda nokuchaza leziprofetho yasekelwa ngu-William Miller nabanye abathola isikhathi sokuhlanjululwa kwendlu engcwele, unyaka u-1844. IZiteshi zamaMishini umhlaba jikelele zezwakalisa lendaba yokuthi uKrestu uyeza! Nangempela wayesiza uKrestu kodwa hhayi emhlabeni ukuzolanda ibandla lakhe, kodwa esiza kuYise ukuzothola ukuthi ngobani abazobalwa bebizwe umakoti wakhe. Umshado awubikhona emva kokuza kwakhe kwesibili kodwa ngaphambi kwalokho!

IZintombi ezazihlakaniphile zezwa isikhalo "bheka nangu umyeni uyeza" zakwazi ukuqonda ukuthi umyeni wayesiya kuphi, bathola ukukhanyiselwa. Ngakho sifunda lokhu:

> Ngabona emibonweni ebusuku; bheka, **kwafika namafu ezulu onjengeNdodana yomuntu; yafika koMdala Wezinsuku**, yasondezwa phambi kwakhe. (14) Yanikwa ukubusa nobukhosi, nombuso, ukuze bonke abantu, nezizwe, nezilimi bayikhonze; ukubusa kwayo kungukubusa okuphakade okungayikudlula, nombuso wayo yiwo ongayikuchithwa. UDaniyeli 7:13-14.

Njengalokhu uJesu ethwelwe yifu, walethwa eduze koMdala Wezinsuku, umbono wonke wokungcweliswa kwamaKrestu wavezwa ngendlela ehlukile. Kuze kube manje bonke ababethembele kuKrestu babenganalwazi lokuthi kuzofika isikhathi lapho ukuthethelelwa kwezono kwakuzophela ngaphambi kokuba uKrestu eze ezolanda umakoti wakhe.

> "Bhekani, ngiyathuma isithunywa sami; siyakulungisa indlela phambi kwami. INkosi eniyifunayo **iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo; nesithunywa sesivumelwano enithokoza ngaso**, bheka siyeza," usho uJehova Sebawoti. (2) **Ngubani ongathwala usuku lokufika kwaso? Ngubani oyakuma ekubonakaleni kwaso na?** Ngokuba sinjengomlilo wocwengisisayo nensipho yomhlanzi. (3) **Siyakuhlala sicwengisisa, sihlanza** isiliva, sihlambulule amadodana kaLevi, siwahluze njengegolide nesiliva, aze anikele ngeminikelo kuJehova ngokulunga. (4) Isiyakuba mihle kuJehova iminikelo yakwaJuda neyeJerusalema njengasezinsukwini zasendulo naseminyakeni yakuqala. (5) **"Ngiyakusondeza kini ukwahlulela;** ngibe ngufakazi osheshayo ngabalumbi, nangeziphingi, nangabafunga amanga, nangabacindezela abaqashwa ngenkokhelo yabo, nabafelokazi, nezintandane, nabachezukisa abafokazi, bangangisabi mina," usho uJehova Sebawoti. UMalaki 3:1-5.

Abantu bakaNkulunkulu besafundisisa iziprofetho eBhayibhelini, bathola ukuthi abantu abazokwazi ukuma ngosuku lokuza kwakhe kwakumele bedlule emlilweni wocwengisisayo behluzwe njengegolide nesiliva. Bathola ukuthi uNkulunkulu wayezosondela kangaka kubo ngokwahlulela ngangokuthi babezokuma phambi kwakhe ngaphandle kommeli wezono. (U-Isaya 59:16).

Amava asendaweni engcwelengcwele abezoletha abantu bakaNkulunkulu babenobudlelwano obusondelene kangaka noMsindisi ngangokuthi nangempela sekungashiwo ukuthi:

> Bathandekayo, manje singabantwana bakaNkulunkulu, kepha akukabonakali esiyakuba yikho. Siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo. 1 Johane 3:2.

Ngesikhathi uJesu elethwa eduze kukaYise, iningi lamaKrestu alamukelanga amaqiniso amabili, elakuqala elokuthi weza, nelokuthi weza kuMdala Wezinsuku ukwamukeliswa umbuso ngento ebizwa ngokuthi yi-*Investigative judgement.*

I-*Investigate Judgment* iyindlela yomyeni yokuhlolisisa inhliziyo kamakoti ukuthola ukuba umthanda ngempela yini, nokuthi uyamthemba yini. Ingabe

umakoti uthemba ukuthi uMyeni engamdlulisa ekwahlulweni na? Uyakholwa yini umakoti ukuthi uMyeni engamthwala kuze kufike lapho esengaphila ngaphandle kommeli wezono na? Ingabe isethembiso sakhe sokuthi uzakumbamba ngesandla aze angene naye ezulwini lokuphumula uzosithemba yini?

ukuphila endaweni engcwelengcwele kubiza ukuthi umakoti ehlolisise uMyeni njengalokhu naye emhlolisisa. Ingubani na leNdodana yomuntu? Ivele kuphi? Iziqu zayo zithini? Ingabe inabudlelwano buni noMdala Wezinsuku, uBaba? Ingabe kungani ifuna umsebenzi omngaka wokucwengisisa? Kungenzeka yini ukuthi umuntu ebe nobudlelwano obusondelene kakhulu nomunye umuntu engazi lutho ngaye nangemvelaphi yakhe? Ingabe umuntu onjalo engathembeka ukuba ekudlulise endaweni engcwelengcwele yini?

Lokhu kusiletha esiqubulweni salencwadi, sifunde konke esingakufunda ngeNdodana yomuntu maqondana nokuphila noma namava okuphila endaweni engcwelengcwele. Besingakwazi ukuthi sibhale wonke amaphuzu ngokulandelana kwawo avela eBhayibhelini ngaleNkosi yokuphila, kodwa amava okwazi ukuma endaweni engcwelengcwele asimemela emshadweni ngakho asibizela ukuba sixoxe indaba yezothando. Ngiyacabanga ukuthi iningi lethu ngethuba lokukhetha besingakhetha ukufunda indaba emnandi kunokufunda amaphuzu ahlaza alandelanayo.

Ezahlukweni ezilandelayo ngizokwabelana nawe ngamava ami okuthi ngazane kanjani noMyeni nokuthi yindaba ngisemathandweni kangaka naye. Ngizokutshengisa indlela ayewathumba inhliziyo yami ngayo nokuthi yindaba ebiza ukuthi ngishiye konke ukuze ngithole ukuzuza yena.

UJesu uyindlela eya ekuphileni, kanti siyatshelwa iHubo lithi:

> Indlela yakho, Nkulunkulu, isebungcweleni; ngubani ongunkulunkulu omkhulu njengoNkulunkulu na? AmaHubo 77:13.

Lendaba yezothando isekelwe endleleni esendlini engcwele, siqala esangweni size sifike phakathi endaweni engcwelengcwele. Kulesisiqubulo sengeze amanye amaphuzu atholakala endabeni yendlela yesihambi (Pilgrim's progress) [1] kanye nezinye iziqubulo ezitholakala encwadini Yesihlabelelo seziHlabelelo.

[1] "iPilgrim's Progress,"…, iveza impilo yoMkrestu ngokunemba, iveze uthando lukaKrestu ngendlela ekhanyayo nethathekisayo ngangokuthi izigidi nezigidi zabantu zaguqulwa ngokusebenzisa lencwadi. Ellen White, *Historical Sketches of the Foreign Missions of Seventh-day Adventists,* page 151.

## 2. UKubizwa Kwami

Ngema ngimangele ngigqolozele amazulu. Kwakungena mafu esibhakabhakeni ngihlolisisa ubuhle nobukhosi be-*Milky-Way Galaxy*. Ngenyeyamathuba akuqala okuhlangana kwami noMenzi wami. Ngangineminyaka emine kanti ukugxila kwalesi sibonakalo kuhlezi nami kuze kube manje. O ubuhle nobukhulu obabonwa ngamehlo wami. Ngafunda ngisaseyingane ukuthi:

> Amazulu ayalanda ngenkazimulo kaJehova, nomkhathi ushumayela umsebenzi wezandla zakhe. AmaHubo 19:1.
>
> Ngezwi likaJehova izulu lenziwa, namabandla akhe ngomoya womlomo wakhe. AmaHubo 33:6.

UMama wayezothatha lonke ithuba lokungitshela ukuthi nguNkulunkulu owenzile umhlaba nakho konke okuwo. Lemicabango yangcwatshwa ngaphansi kwemidlalo eyayikhona eyenziwa yinoma yiphi ingane eyayikhula ngo-1970. Iminyaka eminingi yokukhula kwami ngiyichithe ngidlala nabangane, ngizijabulisa kanye nokuya esikolweni. Manje ngihlolisisa ingqondo yami uma ngingakwazi ukukhumbula izikhathi lapho ngezwa izwi loThandiweyo wami.

Ziningi izinto engingasho ukuthi zenzeka, kodwa yilokho okuvela ekhanda, engikukhumbulayo okuhlanganisa indaba emnandi yezothando. Zikhona ezinye zezinto engizikhumbula ezazingezinhle neze. Ngikhumbula obunye ubusuku abazali beyekwikhonsathi, omunye wezihlobo zabo wasala nathi sinodadewethu. Ngikhumbula kahle kamhlophe imbandezeka engayizwa ngilele embhedeni, ngizama ukuzwa ukuduma kwemoto ingena ngesango laseyadini.

Nanoma nginganakanga ngaleso sikhathi, ngiyabona ukuba abazali bami bangivezela ukuvikeleka nokuvikelwa ngoThandiweyo wami. Ngikhumbula ngizizwa ngilondekile ekwazini ukuthi ubaba wayenamandla, kakhulukazi uma engigona noma engibambela eduze. Emehlweni ami, ubaba wayegijima okwehhashi, wayephakamisa izinto ezisindayo, imbazo wayisebenzisa

kalulanje kanti nangamandla amandla, ekwazi ukwakha nomayini. Amava engabanawo ayafakaza nangempela iqiniso elithi:

> Abantwana babantwana bangumqhele wabadala, nodumo lwabantwana lungoyise. Izaga 17:6.

Othandiweyo wami wabeka uyise empilweni yami ukubonakalisa amandla, nomusa wakhe, nemikhono yokwenza noma yini ukuvikela abantwana bakhe, nokutshengisa uthando analo ngabo. Okunye engisakukhumbula kungukunakekelwa, nokukhuthazwa ngumama, kanye nozwelo ayenalo ngathi. Kwakukhona ukudla okumnandi ayekubhaka, amanxeba nezilonda ayezinyanga, izwi lakhe elithokozile uma nginqobe into ethile noma izwi lakhe eliletha ukuthula nxa efunda Amahubo, kudlula umoya ovunguzayo ngaphandle. Nala ngangilizwa izwi loThandiweyo wami ekhuluma ngokunakekela kukamama.

Ngokuzithola ngingalimalanga engozini yemoto ngendlela engena kuchazwa, nangesikhathi ngangibhekene nenyoka ngisesemncane, ngiyawabona amandla nokuvikelwa kwami ngoThandiweyo wami. Ivesi eliseBhayibhelini elalithandwa ngumama kunawo wonke elagcizelelwa kimi lalisithi:

> Ingelosi kaJehova iyamisa nxazonke kubo abamesabayo, ibakhulule. AmaHubo 34:7.

Ngikhumbula kahle isithombe esivela endabeni eseBhayibhelini esasiyifundelwa ngumama. Sasitshengisa umfana omncane ephethe ithoyi lakhe elibomvu, imoto imjaha kanye nengelosi ngamaphiko ayo imvikela kulemoto lomfana. Lona kwakungumyalezo wenduduzo owawuvela koThandiweyo wami, uveza indlela athumela ingelosi zakhe ngayo ukusinakekela.

Ukholo lukababa kuNkulunkulu lwalulula kakhulu, luphatheka. Ngikhumbula iziqubulo ezimbili ezisuka emlonyeni wakhe: gcina umyalo kaNkulunkulu, uthande omunye umuntu. Amavesi amabili ayewathanda kakhulu yilawa:

> Nakhu ukuphela kwendaba, lapho sekuzwakele konke: Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe, ngokuba lokho kungokwabantu bonke. Umshumayeli 12:13.

> Ngakho-ke konke nokungakanani enifuna ukuba abantu bakwenze kini, kwenzeni nani kanjalo kubo; ngokuba lokhu kungumthetho nabaprofethi. Mathewu 7:12.

Ukugcizelela kwakhe ekwenzeni okuhle nasekuthembekeni kwangenza ngaba nonembeza othambe kakhulu. Ngikhumbula izinkathi eziningi uma ngeqa umthetho nonembeza wami ugcwala ngokuzisola. Ngikhumbula ngenza umthandazo wokuthethelelwa kuNkulunkulu nezinyembezi zichitheka ngineminyaka eyisithupha. Namhlanje, ukuzisola kubukwa njengento embi. Kodwa mina, ngiyambonga uNkulunkulu ngonembeza othambileyo. Ngenxa yawo, ngezwa izwi elinothando loThandiweyo wami engixwayisa engikhuza.

Abazali bami bathenga i-*series* enezigaba eziyishumi eyayibizwa "*The Bible Story*." Ezinye zalezi zindaba sasinazo kumarekhodi we-vanali. Ngikhumbula ngilalela indaba kaMose nolwandle olubomvu, uJoshuwa nendonga zeJeriko, uDavide noGoliyathi, noEliya beno-Elisha. Sisanayo le-*series* ekhaya kanti izithombe eziningi zingikhumbuza okuningi ngokukhula kwethu. Lezi zindaba zilethwe kithi ngenxa yokuvikelwa nokunakekelwa kwethu ngabazali bami kwangivumela ukuba ngikwazi ukubona nokuzwa oThandiweyo wami. Ngazo lezi zindaba wangifundisa indaba yalomhlaba, ukuba waqala kanjani, nokuthi kwawonakala kuphi, impi phakathi kokukhanya nobumyama, umuthi wokwelapha isono, nendlela oyophela ngawo lomhlaba, nokuthi umvuzo wabathanda uNkulunkulu nabagcina umthetho wakhe kanye nesabatha lakhe uzoba muphi.

Ngikhumbula ngiya enkonzweni naseSabatheni sikole, nesikole sebandla e-samabanga aphansi. Iminyaka eyishumi nambili eyokuqala, angikhumbuli okuningi engakufunda ngezikamoya. Ngikhumbula nje ngikhalarisha izithombe, ngicula amaculo, sizidlalela nje kodwa akukho engikukhumbulayo okwaba lusizo ohambweni lwami lokholo. Engicabanga ukuthi kuyathathekisa kungukuthi nanoma ngangifundelwe izindaba ngoJesu eminyakeni yami

eyishumi nambili eyakuqala, angisakhumbuli lutho. Ngiyakhumbula kwenziwa ubizo lwe-altare, nemizwa eyafika eyokuthi amehlo onke agxolozele mina, kanti kwaziwa futhi ukuba abamile babelungile kanti ababehlezi phansi babebabi.

Ibandla lethu lineqembu elibizwa ngokuthi – *Pathfinder* lapho khona umuntu omusha uyaqhubeka edlule izigaba ezimbalwa zomsebenzi othile nama-akthivithi athile azuzile. Ngineminyaka eyishumi nambili kwakumele ngifunde iBhayibheli lonke njengenxenye yomsebenzi okwakumele nguwenze. Ngaqala lana ukuhlangana neBhayibheli ngokwami. Ngiyakhumbula izinto ezimbalwa engazifunda encwadini kaGenesise neNumeri. Ngiyavuma, incwadi yeLevitikusi ngayidlula nje ngaphezulu nezinye izincwadi! Ngisakhumbula ezinye zezindaba zaseTestamentini elidala, neVangeli ngokulandelana kwalo ngokukaMathewu ugcine ngokukaJohane. Nanoma injongo yami yayingukuqeda umsebenzi engangiwunikiwe, kwakukhona intshisekelo eyayikhula enhliziyweni yami, ngaba nemibuzo ngezinye zezindaba engangizifunda. Ngaqala lana ke ukunambitha izwi likaNkulunkulu ibanga lokuqala. Enye enyingxe yomsebenzi okwakumele ngiyenze kwakungukugcina ekhanda AmaHubo 23 noMathewu 5 amavesi 1 - 12. Lamazwi angithinta kakhulu:

> UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela. (2) Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza; uyangiyisa ngasemanzini okuphumula. (3) Ubuyisa umphefumulo wami; uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe. (4) Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angesabi okubi, ngokuba wena unami, intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza. (5) Ulungisa itafula phambi kwami ebusweni bezitha zami; ugcoba ikhanda lami ngamafutha; indebe yami iyachichima. (6) Impela okuhle nomusa kuyakungilandela imihla yonke yokuphila kwami; ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade. AmaHubo 23:1-6.

Kwakungenxa yalendimana lapho Othandiweyo wami wangithuma ukuba iqangle ukucabanga ngaye. Njengoba amazwi athi, "UJehova ungumalusi wami," ngiyengacabanga ngomuntu onakekela izimvu zakhe, ebheke phambili uma kungena ngozi engasuke ibekhona. Ngaxhumanisa umalusi

onjalo noJesu. Kwase kufika umbuzo engqondweni yami, ingabe kuchaza ukuthini ukuthi "angiyikuswela?" Ngiyakhumbula ngiqonda ukuthi kumele kuchazeke ukuba angiyikuswela lutho oluhle ngoba phela uMalusi wayezonginika konke engikudingayo. Othandiweyo wami, wayekhulumisana nami ngezwi lakhe. Izwi lakhe lalithulile linyenyeza, kanti ngezwa nokuthula kwalamanzi engangifunda ngawo. Kwangathi ngangingalalela lelolizwi ngaphandle kokuphazamiseka, kodwa kwakukhona elinye izwi, esizokhuluma ngalo esahlukweni esilandelayo, lelizwi lalingiphazamisa, lingidukisa, lidlala ngami, lingisabisa, lingenza ukuba ngingasakhuthali.

Ngazo lezo zinsuku ngaqala ukungena amakilasi wombhabhathizo. Nezifundo zakhona angisazikhumbuli, kodwa ngiyakhumbula ukuthi kwakuzwakala emoyeni ukuba uNkulunkulu, abazali bami, kanye nebandla lami lalithokoza ngalokhu nesinqumo sami.  Ngangi ngenalwazi loNkulunkulu engangenza izifungo kuye. Bengazi ukuthi kunoNkulunkulu kanye neNdodana yakhe uJesu. Ngangifundisiwe ngoMoya oNgcwele kepha ngingazi ukuba usebenza kanjani. Ngesikhathi ngibhabhathizwa, zingu-22 Septhemba 1979, ngabuzwa:

> Uyakholelwa yini kuNkulunkulu uBaba, kwiNdodana yakhe uJesu Krestu, noMoya oNgcwele?

Ngake ngafunda ngabo bonke laba bantu eBhayibhelini, ngakho ngathatha lula. Ngangikholelwa ukuba uNkulunkulu wathumela ngeNdodana yakhe ukuze uma ngikholwa yiyo ngibenempilo ephakade. Kwakulula lokhu, ngikwenza ngokholo olulula.

Uma ngicabanga ngaleminyaka, ngibona isandla soThandiweyo wami ezindaweni eziningi kakhulu. Amatshe esisekelo wayebekiwe ayezongilethela ekutheni ngazane neNkosi yami. Kodwa nangaphezu kwalokhu okwakungangisiza, ifa lami elavela ku-Adamu kanye nendawo engakhula kuyo kwenza umbhabhadiso wami ungabi nasisindo nakancane.Ngayo yonke imfundo engangiyitholile, neminyaka echithweesikoleni ngangingazi ngempela ngoThandiweyo wami. Ngangimazi ngendlela eyenza umbhabhadiso ube nomusho. Okunye futhi kwakukhona ebandleni lami

izivunguvungu ezazikhweshisa Othandiweyo wami zimkhaphela kude nami, ukuze ngingaphinde ngimthole.

Ngiyathemba ukuba uNkulunkulu wayethokozile ngokuzinikela kwami kuye kanye neNdodana yakhe, kepha isifungo sami esilula esobuntwana sadelelwa, sahlaselwa lukhula omubi ayekuhlanyelile empilweni yami.

## 3. UKudideka

Izwi loThandiweyo wami lazibonakalisa ekukhuleni kwami ngabazali ababenothando futhi bengikhathalela, emaveni engaba nawo kwimvelo kanye nezindaba engangifunde ngazo eBhayibhelini. Ukunxusa nokunyenyeza kwalo kwakuzolile, kodwa namhlanje uma ngicabanga ngokuthula nesibusiso salezo zinsuku, ngiyafisa sengathi leli kwakuyizwi lodwa engangilizwa ezindlebeni zami.

Kwakungumzabalazo ukuzwa izwi loThandiweyo wami ngoba nanoma wayeseduze nami, kwakuzwakala sengathi ukude kakhulu. Kwakukhona elinye ilizwi elalizwakala liseduze kakhulu. Lalizwakalela phezulu, linamandla amakhulu nodlame ngesinye isikhathi. Iqoqo lalelizwi lichazeka kahle ngalawa mazwi:

> Ngoba wena wathi enhliziyweni yakho: 'Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano ngasekugcineni kwasenyakatho. (14) Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe ngangoPhezukonke.' U-Isaya 14:13-14.

Lelizwi lalizwakala futhi livumelana kakhulu nemvelo yami ewile. Wasikisela inqubomgomo ethi injabulo itholakala ekuzithokoziseni nasebumnandini, nakumaswidi, nopopayi, nasekuzuzeni ukuthandwa nokubukwa ngabantu. Ngisasemncane ngabona ukuthi ukubamba isixuku sabantu, ubahlekisa noma wenza ukuthi bekudumise kwakulethela injabulo nokweneliseka. Imizwa eyafika emoyeni wami yayifana kakhulu kunaleyo eyangifikela ngesikhathi ngibheke isibhakabhaka noma ngiphethwe ngabazali bami. Kwakuzwakala kumnandi; ngangihluleka ukuhlukanisa lamaphimbo omabili.

Lelizwi langiyenga ukuba ngithole intokozo emakhekheni, noma emaswidini, noma u-*ice cream,* noma kuziphuzo. Uma abazali bengikhuza kwakungibangela ukukhononda isikhathi eside, kakhulu futhi ngize ngithole isibhaxu. Umabonakude wayenguthishela omkhulu kabi. Ngangibheka abadlali abanamandla amakhulu benqoba izitha ezinengozi. Ngangibheka

amakhaya anje nasekhaya ebhekana nokulungisa izinkinga zempilo ngaphandle kwesidingo somthandazo. Ngangibheka amafilimu wabantwana anesiphetho esihle kodwa abadlali nabalingiswa bawo bengabanga nasidingo sikaNkulunkulu, noma iBhayibheli noma nje ngisho umthandazo.

Ingxenye yokufundiseka kwami esikoleni, engakufunda kwakungukuthi injabulo iza uma unakwa ngabanye abantu, kakhulukazi abasizungezile. Lomthetho ubusikisela ukuthi uma ngithanda ukwamukeleka ebantwini, kwakumele ngifunde kakhulu. Ngisase mncane ukufunda kakhulu kwakungasiyo into engangithanda neze; ngakho-ke ngathola ezinye izindlela zokunakwa. Ukubayinhlekisa kwenza ukuthi nginakwe ngontanga engangifunda nabo, kanti nothisha ubezomisa ikilasi okwesikhashana kunakwe mina! Kwakumnandi. Kodwa ngemva kokuba ngishayeke futhi ngifunde ukuthi zikhona izindleko ezokufuna ukunakwa ngalendlela.

Uma sengicabanga, izwi lomlingi ngangilizwa nhlangothi ezimbili. Ngangihehwa ukuba ngizuze ukunakwa ngokuhlekisa abanye nokumelana nabo bonke ababephethe ubuholi empilweni yami noma ngizuze ukuthandwa ngabangane ngokuthi ngizinikele ngokuphelele ezifundweni zami, ngehlule bonke abanye abantwana ukuze wonke umuntu ebheke mina. Nanoma yiphi indlela, lelizwi lalisithi injabulo iza kuphela uma ngithola amehlo walabo abangibukile kungakhathazekile ukuthi bangibukelani.

Uma ngizizwa ngingamukelekanga ebazalini bami, nakanjalo ilizwi lomlingi lalingiqhubela ekutheni ngimelane nabo bonke ubuholi nangaphezulu nokuthi ngizenze inhlekisa. Kanti uma ngizizwa ngingowamukelekileyo ebazalini bami, nakanjalo kwakhula nemizamo yami yokuzibonakalisa ngokwenza kahle nasesikoleni. Kodwa akupheleli lapha. Ngangizofisa ukutshengisa umndeni wami kanye nabangane ukuthi ngingumkrestu olunge kakhulu. Manje lana, amazwi woThandiweyo wami kanye nomlingi wami wayezwakala efana kakhulu.

Othandiweyo wami wayefuna ngilalele abazali bami, ngifunde iBhayibheli, ngithandaze, ngiphinde ngenze kahle ezifundweni zami. Kodwa uma umlingi ebona ukuthi ngangithanda ukwamukeleka kulabo baphathi bami,

wayezongikhuthaza ukuthi ngenze izinto ezifanayo, kodwa ngizenzela inhloso ehluke kakhulu. Ngisaseyingane, angikwazanga ukuqonda umahluko kulezinhloso zombili. Ingane yazi ukuthi ithola umyalo bese ikhetha ukuba izokwenza noma ayizokwenza ekutsheliwe. Asikho isizathu sokuthi kungani ekhethe ukulalela noma ukungalaleli.

> Kepha ngithi ngesikhathi indlalifa iseyingane, kayahlukile ngalutho encekwini, ngoba iyinkosi yakho konke. (2) Kodwa iphansi kwabaphathinababonisi, kuze kube yisikhathi esamiswa nguyise ngaphambili. (3) Nakanjalo nathi (ngaphambi kokuba eze uKrestu ezimpilweni zethu), lapho siseyizingane, sasisebugqileni phansi kwezifundiso zobungane zezwe: Galathiya 4:1-3.

Ukunxuswa koThandiweyo wami esebenzisa abazali bami nezindaba eziseBhayibhelini wangigculisa ukuthi ukufuna ukwazeka ngokumelana nabaphathi kwakungalunganga futhi kunobuhlungu. Leziziphetho angizifundanga ngibhekile, kwakuyizifundo engazifunda kodwa ngingazi. Ngakho-ke ngabona kungconywana ukuthi ngifune ukuzuza ukubukwa nokunakwa ngokusebenza kanzima, nokuzuza iziqu. Lokho akusho ukuthi ngangingazitholi ngingakolunye uhlangothi uma abaphathi babengenzi kahle, noma bengasiphathi ngokulingene nontanga bami. Ngafunda ukuthi nanoma ngisebenze ngamandla, ngangingatholi inhlonipho engangiyifisile.

Kukho konke engakufunda, ngabona ukuthi inhloso yempilo ingukuthola ukunakwa ngokufeza izinto ezithile. Kwakukhona izwi elilodwa elalikhulumela phansi, elalizama ukungitshela into ehlukile. Ngesikhathi ngangiqala ukuzifundela iBhayibheli ngedwa, ngineminyaka eyishumi nambili, ngaba nomdlandla ngendaba kaJesu owafela izono zabantu emthini. Ngangifundiseke ngangokuthi benginolwazi lokuthi ngiyisoni, nanoma bengizizwa ngingekho mubi njengabanye!

Indaba yesiphambano yangifundisa ukuthi uNkulunkulu wayeyamukela abantu bakhe ngoba benjalo, kungakhathaleki iziqu zabo, nezinto abazifezile. Ngiyazi ukuthi Othandiweyo wami wayengibiza, kodwa izwi lakhe lalinyenyeza kakhulu uma ngiliqhathanisa naleli elinye; elalingitshela ukuthi

ngoba izulu linikele ukungisindisa ezonweni zami, nokuthi ngoba uNkulunkulu wenza wonke lomsebenzi ongaka ngokuthumela iNdodana yakhe ukungifela, nami kwasekumele ngizibonakalise ukuze ebone ukuthi ngiyambonga. Ngazama ukuzibonakalisa ukuthi nangempela wayefanele ngoba ngizilungele vele.

Lokhu kwenza umqondo kimi. Ngabona emathubeni ami nabaphathi abaningi ukuthi isikhathi abasichitha bezama ukungiqondisa nezimali nemikhono emingi okumele isetshenziswe ngenxa yami, eyayingasetshenziswa ukwenza omunye umsebenzi kwakuzoba ngcono. Njengenjwayelo izwi lomlingi belizokhala:

> Kwenzelwani lokho kuchitha okungaka na? Mathewu 26:8

Ngakho siyabona ukuthi ngempinda efihlakele kodwa efanayo yokufisa ukunakwa, isibonakaliso sothando lukaBaba ebantwaneni bakhe, sokunikela ngeNdodana yakhe ukubafela saphendulwa saba yisizathu esikhulu sokufisa ukuzuza ukwamukeleka. Kodwa lokhu ngikwenza ngokubonakalisa ukubonga kwami ngokuhlala ngezimiso zempilo yobuKrestu. Zonke lezi zinto bezizinhle kumuntu oneminyaka eyishumi nambili kodwa inhlanyelo yayithelwa kanti nokuvuna kwakuseza.

Emva kokubhaphathiswa kwami izwi lomlingi langikhumbuza ukuthi manje besengizivalele ekuhlaleni ngingumfana olungileyo kodwa ngesikhathi esifanayo lingikhuthaza ukuzuza ukunakwa ngezindlela ezindala engangizijwayele. NjengoMsindisi wami, nami wayezama ukungenza ukuthi ngizibonakalise *ngokuguqula amatshe abe yizinkwa, noma ukuthi ngiziphonse phansi ngisesicongweni sethempeli* ukuze ngithole ukunakwa. ISabatha lalinzima kunazo zonke izilingo ngisacabanga ngalendlela. Kwakufana nokugibela intaba yaseSinai njalo ngosuku lwesikhombisa. Ngesikhathi esifisha nje emva kokubhaphathiswa kwami, ngazithola ngiphelelwa yithemba lokuba nekhono lokumjabulisa uNkulunkulu. Engqondweni yami kwakungabonakali lokhu; kwazibonakalisa ngokwehla kwentshisakalo ezintweni zikamoya, sengenza eminye imidlalo eyayizongisiza ukukhohlwa izifungozami kuNkulunkulu.

Uma ngibheka emuva manje, ngibona amaqhinga omlingi angiheha ukuthi ngifise ukuthokozisa uNkulunkulu ngiqhutshwa yisifiso sokunakwa nokwamukelwa. Ngawela emphumeleni wokufuna ukuzigcoba ngenjabulo nokuzithokozisa. Khona ebusheni bami ngazithola ngingumkhumbi owawuhamba ngamagagasi nemimoya yokuziphakamisa. Kungakapheli iminyaka emihlanu ngase ngizisuthisa ngemidumba edliwa yizingulube.


Imfundo engayithola ngisasemncane ekhaya ayingivumelanga ukuthi ngizithole ngicwila ekujuleni kwezinto ezingangilimaza nokunye okuningi okuyingozi ontanga bami abazithola bekukho, kodwa imizwa engangiyivuna yayingefanayo. Namhlanje ngigcwele ukubonga koThandiweyo wami ngoba angiwatholanga amanxeba afana nawontangabami.

Ngiyacabanga nje indlela kunzima ngayo ukuthi Othandiweyo wami angibheke uma ngizinikela kalula ezwini lomlingi, ngilandela neziphakamiso zakhe. Ngiyathemba kube nzima ukungibheka sengivuna engangikutshalile.Ezikhathini eziningi ngangicabga ukuthi ilizwi elalingihola kwakuyizwi loThandiweyo wami kodwa ngeshwa kwakuyizwi lommangaleli wami.

Ngiyathuthumela uma ngicabanga ukuthi ngazi okuncane kakhulu ngoThandiweyo wami ngangokuthi angilazi nezwi lakhe nomehluko kwelakhe nelomlingi. Ukumomotheka okweza ngesikhathi ngamukela umklomelo esikoleni phambi kontanga kwezwakala kufana nemizwa engibanayo uma uyise engigona. Ukubhamuka kwabantu uma ngangihlekisa kwakuzwakala kufana nangesikhathi ngibheke amazulu elanda ngomenzi wawo emoyeni. Izenzo zokufunda iBhayibheli, nokuthandaza, nokuya enkonzweni zazifunwa ngabo bobabili Othandiweyo wami nomlingi, kodwa ngenhloso eyayingafani, kodwa lokhu akuvelanga engqondweni yami eyayisakhula.

Impi yokwazi ukuhlukanisa lamazwi amabili sizoyindlala ezahlukweni ezizayo. Kungumthandazo wami ukuthi njengoba ucabanga ngalezi zinto, uzobona imvelo yalempi esikuyo, nobucingo bendlela eya ekuphileni. Umcabango okuthi kwakusobala ukwamukela umlingi nokuzwisa Othandiweyo wami

## 4. ISango




Ukukhweshela emuva ezifungweni engangizenzile kuNkulunkulu ngezindlela ezihlukene zokuzijabulisa ngasengivuna okusabisayo. Kwakuya ngokunyuka uma ngiqhubeka. Isidingo sokunakwa nokwamukelwa sayangokungikhulela, kanti amathuba empumelelo wona wayesiya ngokuncipha.

Babebaningi abantu abasha ababefisa ukubukwa, befumane isikhundla esiphakathi ezigabeni eziningi, kanti zaziyingcosana ezazingabaphatha ngesikhathi esisodwa. Amaphupho nezifiso enganginazo enhliziyweni yami zaqala ukuveza isivuno esasingaqagelwa, waqala ukushabalala nawo. Ezikhathini eziningi ngangizozithola ngizicabanga ngifinyelela amaphupho athile ayezongenza ukuthi ontanga bami, umphakathi kanye nesizwe sonke sasingangibongisa. Ngangizohlala ngithatheke ngibheke omunye umdlali wemidlalo wase-Australia onqobile owayemukeliswa indondo yegolide emdlalweni ababezikhethele wona kanti umlingi wayezonyenyeza amazwi athi lena yindlela yensindiso.

Ukunikela ngemisebenzi emihle ngengqondo nangomzimba njengesizathu sokuthi kungani kumele ngiphile kwakubukeka njengesixazululo esasenza umqondo kakhulu esasingalalisa ukucasuka kukaNkulunkulu nabazali, noma ibandla engangibalethele khona ngokwehluleka kwami. Isifiso sokwenza imisebenzi emihle engenza ngifanelwe yimpilo besivumelana nemvelo yami, sasifikakalula kunokuphefumula. Ngangingazi ukuthi ngiyalugiselelwa ekukhonzeni kukaKayine, okokufisa ukunikela ngezithelo zemisebenzi yezandla zami ukukhonza uNkulunkulu. Ngokulalela izwi lomlingi, ngaphandle kokuqonda ngangizimise endleleni eyayizoshayisana nomthetho wokuphila. Ukwenza imisebenzi emihle nokufisa ukuthokozisa uNkulunkulu ngalemisebenzi nokubuya siziqhathanise nabanye kumelene nobudlelwano bothando nobokukhathala esingaba nabo nalabo bantu. Ubuhlobo bangempela bangilahlekela ngingaboni ngoba bonke abantu

ababengizungezile baphenduka isongo lokufinyelela amaphupo ami, noma babe ngumngani oseduze kakhulu engingamsebenzisa njengesikhwelo sokufeza lawo maphupho. Kodwa kusenjalo ngangifisa ukuthandwa ngibe nezihlobo engisondelene nazo.

Lemizwa emelene ibizobhamuka emoyeni wami amabanga ambalwa njengezimpawu zokuxwayisa zendlela engangihamba kuyo. Ngikhumbula kahle umdlalo we-basketball owabangela ukuqhuma okwangibukisa ngabantu. Ngangikwaze ukuthatha ibhola esandleni salo owayemelane nami ngesikhathi esibucayi kakhulu emdlalweni, kodwa uthisha obengusompempe wathi kubekhona ukufonka engangikwenzile. Umoya wokufisa impumelelo obukimi, umoya wokufisa ukufezangokwenza imisebenzi emihle wangenza ngakhohlwa yonke inhlonipho kuthisha ngaphimisela isitimela samazwi wentukuthelo ngoba ngicabanga wayephazamile. Ngalahlekelwa yinhlonipho kubo bonke abaphethe ubuholi. Ngagwinywa yintukuthelo esabisayo, yaletha neziphakamiso ezimbalwa ezazingemnandi neze engangingazinika lothisha.

Ngezwa izwi loThandiweyo wami likhuluma kimi. Kwafika umbuzo onyenyezayo, “Ingabe konke kuhamba kahle we-Adrian? Ingabe lokhu yikho ofuna ukuba yikho ngempela?” Ngesikhathi esibaluleke kakhulu lapho khona umlingi wayevuna izithelo zokuvukela kimina, Othandiweyo wakwazi ukungibuza uma ngithanda engangikunambitha noma nganginesifiso sento engcono. Ekujuleni kobumnyama ngabanamandla wokuhlukanisa lamazwi ayengafani. Umoya omnyama, osindayo nogcwele ukuziphindisela owawungivukele ubusuqhathaniswa nezwi elimnene, elimnandi loThandiweyo wami.

Usompempe wangixosha emncintiswaneni. Umlingi wenza isiphakamiso sokuthi ngizilwele ngiphikise; Othandiweyo wami waphakamisa ukuthi ngicabangisise indlela ingangiyithatha. Amazwi ayeba banzi kakhulu, nempikiswano enkulu ngomphefumulo wami izangamandla. Lesi kwaba yisikhathi esibaluleke kakhulu empilweni yami – umzuzwana lapho isinqumo sathathwa esangimisa endleleni kuze kube ephakadeni. Othandiweyo wami wangibiza ngendlela kwavuka ngaphakathi kimina isifiso senguquko. Ngangingafuni ukubahlaza, ngibemubi nobudlova; Ngangifuna ukuthula,

injabulo kanye nothando. Ngaqala ukubona isango engqondweni yami; isinqumo sami sasikhanya. Kanti isifiso saya ngokukhula uma umlingi eqhubeka enza iziphakamiso zakhe.

Umdala Wezinsuku onobuhlakani bonke akahlekiswa ngobuwula bami. Isandla sikaNkulunkulu savumela izigameko ezazilandelana ezangenza ukuba ngifise ukusuka esibayeni sezingulube ngibuyele endlini kaBaba. Uma kuvuka lemizwa ngaphakathi kwami, ngathola izithombe zesimilo sami esigcwele isono engangingena kusifihla. Ngaso sonke isikhathi umlingi evuna izithelo empilweni yami, kanjalo nobizo loThandiweyo wami lwalukhula, ubizo lokuthi ngiphenduke ngifune umgwaqo wensindiso ngithole ukukhululwa kubudlova 'bukamina'.

Isifiso esasibukeka singasoleki sokufuna ukwamukelwa ngenxa yemikhono yami nemizamo yami sangishiya, ngasala neqiniso elithi:

> Kusukela ematheni onyawo kuze kube sekhanda akukho okuphelele, ngamanxeba nje, nemivimbo nemidwa emisha; akukhanywanga ubomvu, akuboshwanga, akuthanjiswanga ngamafutha. U-Isaya 1:6.
>
> Njengokuba kulotshiwe ukuthi: "Akakho olungileyo, akakho noyedwa; (11) akakho oqondayo, akakho ofuna uNkulunkulu; (12) bonke baphambukile, baphenduke imbhuqa bonkana; akakho owenza okuhle, akakho noyedwa. KwabaseRoma 3:10-12.

Othandiweyo wami wabonakalisa ngobuhlakani nobuchwepheshe obukhulu ngesikhathi esebenza ngami. Wayenolwazi ngobuhlungu engangizobuzwa, kepha wangivumela ukuba ngizikhethele indlela engangifisa ukuhamba ngayo. Akabekanga imithetho yokunginqanda kodwa waqhubeka wahamba kanye nami noma sengivuna isivuno esibhlungu kumlingi. Ngaso sonke isikhathi uma ngiwa, akangithethisanga, akangilahlanga, akabonakalisanga ngisho nomoya wokucasuka. Wayevele engibuze ukuthi angifuni yini into encono? Wangivumela ukuba nginambithe uthando lwakhe kancane ngokudonsa inhliziyo yami. Isango laselimi livulekile phambi kwami. Ngabona amaketango ayengibophile ezandleni, nasezinyaweni, nasentanyeni. Ngalesi sikhathi kwasekuvelile kimina ukuthi ngiqonde ukulahlwa, kodwa kusenjalo

ithemba elalivela koThandiweyo wami likhanya kancane emphefumlweni wami.

Wathi kimi uMvangeli, "kungani ungafuni ukufa ngoba phela lendlela igcwele ububi?" yaphendula indoda, "Ngoba, ngiyesaba ukuthi lomthwalo enginawo ungangicwilisa nangalena kwethuna, ngiwele endaweni yokushisela. Isa. 30:33. Kanti mnumzana, uma ngingalungele ukuya entilongweni, angikulungelanga ukuya ekwahlulweni, mangisuka lapho ngibulawe ngokomthetho; kanti uma nje ngicabanga ngalezi zinto kuthi mangikhale."

Wathi uMvangeli, "Uma lesi kuyisimo sakho, usalindeleni? Waphendula, "Ngoba angazi ukuthi ngiye kuphi." Wayesemupha incwadi, eyayibhalwe ukuthi, "balekela intukuthelo ezayo." Mathewu 3:7.

Lendoda yayifunda, imbukile uMvangeli yathi, "Ngibalekele kuphi na?" Wayesesho uMvangeli, (ekhomba ngomunwe ngaphesheya kwamadlelo abanzi kakhulu,) "Uyalibona isango elincane ngalena?" Matt. 7:13,14. Yathi indoda, "Cha." Wabuza omunye, "uyasibona yini isibane esikhanyayo?" AmaHubo 119:105; 2 UPet. 1:19. Wayesithi, "ngicabanga ngiyasibona."Wathi uMvangeli. "Sigcine leso sibane emehlweni akho, ulilandele, uzohlangana nesango; uma ufika khona uzongqongqotha, uzakutshelwa khona ukuba mele wenzeni. *Pilgrim's Progress* Stage One.

## 5. I-Altare




Manje ngasenginolwazi lokuthi ngidinga uMsindisi. Umzabalazo wemizwa emphefumlweni wami wadala ukuba ngilangazele indawo yokuphumula. Ngokukhulu ukuhlakanipha, oThandiweyo wami wayengisizeukuhlukanisa phakathi kwezwi lakhe kanye nelomlingi. Ngalesi sikhathi ngangibalekela idolobha lokubhidlizwa, kepha kusenjalo ngangingayazi indlela okwakumele ngihambe ngayo. Inhliziyo yami yayidonseka ukuba iqonde uJesu. Ibanga lokuqala empilweni yami ngazizwa nginesifiso sokwazana naye. Ebusheni bami bengike ngafundiswa ukuthi uJesu unguMsindisi onothando, kodwa kuze kufike manje, bekungazange kwavela kimina ukuba kwakuyini engangidinga ukusindiswa kuyo.

> UJesu wathi kuye: "Minangiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami." Johane 14:6.

Indlela eya enkululekweni ibingoJesu, kodwa kanjani? Ngineminyaka eyishuminambili, ngangiyamukele uJesu njengeNkosi noMsindisi, ngangivume izono engangiziqonda, futhi ngangikholwa ukuthi wayezoza masinya okwesibili lapha emhlabeni. Kodwa, kwakukhona into engangiyiswela. Njengoba ngangingena lwazi ngokujula kobugqila bami, angibanga nakho ukubonga isipho soMsindisi wami.

> …kepha othethelelwe okuncane, uthanda kancane. Luka 7:47.

Incwadi ebizwa *Izinyathelo eziya kuKrestu* yeza enqondweni ngacabanga ukuthi "Lena iyincwadi elungele mina impela." Ngangingasafundi ngesifiso sokuzibonakalisa kwabanye ukuthi ngimthanda kangakanani uNkulunkulu, noma ngingasena sifiso sokutshengisa uNkulunkulu ukuthi ngangigcwele ukubonga, amazwi engangiwafunda waqala ukuhlaba engena emphefumlweni wami.

Imvelo nesambulo konkana kufakaza ngothando lukaNkulunkulu. UBaba wethu osezulwini ungumsuka wempilo, wokuhlakanipha kanye nowenjabulo. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 9.

UNkulunkulu ubophile izinhliziyo zethu kuye ngezibonakaliso ezingena kubalwa ezulwini nasemhlabeni. Ngezinto zemvelo, nobudlelwano obusondelane kakhulu kunabo bonke obuke baziwa yinhliziyo, uzamile ukuziveza kithina. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 10.

INdodana kaNkulunkulu yeza ivela ezulwini ukuzoveza nokubonakalisa uYise.“ Akakho oke wabona uNkulunkulu; iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalisile.” Johane 1:18. "Akakho futhi owazi uYise, kuphela iNdodana nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena." *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 11.

Lamazwi angithinta emphefumlweni. Intokozo yangifikela uma ngicabanga ngoJesu oweza ukuzoveza uthando lukaYise kithina. Yase yaqala ukumchaza.

Wayehamba enza okuhle, elapha bonke ababecindezelwe nguSathane. Kwakukhona imizana yonke lapho kwakungena muntu owayegula, ngoba wayesedlulile Yena, wabaphilisa bonke ababegula. Umsebenzi wakhe wanikeza ngobufakazi bogcobo lwakhe oluvela kuNkulunkulu. Uthando, umusa kanye nozwelo kwakubonakala ngaso sonke isenzo sempilo yakhe; inhliziyo yakhe inozwelo oluthambile ngabantwana babantu. Wathatha imvelo yomuntu, ukuze ekwazi ukufinyelelisa izidingo zabantu. Abampofu nabaswele babengena valo lokuza kuye. Ngisho nabantwana abancane babedonseleka kuye. Babethanda ukugibela emathangeni akhe, bebheke ubuso bakheobucwebezela ngothando.

UJesu akacindezelanga nalinye ilizwi leqiniso, kepha wayelisho njalo ngothando. Wayetshengisa ukuhlakanipha okukhulu, enaka ngomusa ekuxoxisaneni kwakhe nabanye abantu. Sasingekho isikhathi lapho wayengahloniphi, amazwi amabi engawasho kungena sidingo, nobuhlungu obabungadingiwe emphefumlweni othambileyo. Ubuthakathaka babantu wayengabugcizeleli ebhekana

nabo. Wayekhuluma iqiniso, kodwa ngaso sonke isikhathi elikhuluma ngothando. Ukuzenzisa, ukungakholwa, kanye nobubi wayemelana nakho ekhuza akhulume ngendlela engakufuni ngakho; kodwa nanoma esho ethetha izinyembezi bezigcwele emehlweni. Wakhalela iJerusalema, idolobha ayelithanda, elanqaba ukumamukela, yena owayeyindlela, neqiniso, kanye nokuphila. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 11, 12

Ngezwa inhliziyo yami ivulekela Othandiweyo wami. Wayengumuntu owayengabheki nogcizelela ubuthakathaka babantu, egcwele uzwelo, kanti enza konke ngokuhlakanipha. Abantwana babethanda ukugibela ezinyaweni zakhe! Ngicabanga ngaye, ngiziqhathanisa nami, ngezwa ubumnyama bamahloni buzama ukuvala umfudlana wokukhanya obukade bungena emphefumlweni wami. Ave engcwele, emsulwa, elungile kanti mina ngingcolile, ngikhohlakele futhi ngigcwele ubugovu. "Ingabe kusizani," washo enyenyeza umlingi." Qhubeka ufunda, Adrian," waphendula oThandiweyo wami.

Wonke umphefumulo wawuligugu emehlweni akhe. Nanoma wayeziphatha ngesizotha sikaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, wayezithoba ngokunaka okuthambile lonke ilungu lomndeni kaNkulunkulu. Kubo bonke abantu wayebona imiphefumulo ewile, okwakungumsebenzi wakhe ukuthi eyisindise. Lesi yiso isimilo sikaKrestu asiveza ekuphileni kwakhe. Lesi yiso kanye isimilo sikaNkulunkulu. Imifudlana yozwelo lukaNkulunkulu eyabonakaliswa ebantwaneni babantu nguKrestu ithola umsuka wayo enhliziyweni kaNkulunkulu. UJesu, uMsindisi othambile, onozwelo wayengu Nkulunkulu "ebonakaliswa enyameni." 1 Timotheo 3:16. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 12.

Ingabe ngiligugu ngalendlela emehlweni akhe? Ingabe leli liyiqiniso?

Ningabuki ukuthi ngimnyamana, ngokuba ilanga lingifusile. Amadodana kamame angifutha, angenza umlindizivini, kepha isivini esami angisilindanga. ISihlabelelo SeziHlabelelo 1:6.

Ngiyacabanga umlingi wayesezwile emoyeni ukuthi ithemba belivuka enhliziyweni yami. Uma nje bengingazama ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wayengithanda, nokuthi wathumela iNdodana yakhe ukungisindisa, umsebenzi wakhe (umlingi) wokungichitha nempilo yami ubuzothanda ukubanzima. Ngakho waqhubeka, "Cabanga ngezono zakho nje, Adrian."

> Ngakho uMkrestu wasala eginqika odakeni olubishayo yedwa, elahlekelwa yithemba, kepha kusenjalo wazama ukuqina ukuba ezitholeengalenakodaka, ngasecaleni elaliseduze nesango elincane, elalikude nekhaya lakhe; lokhu wakwenza nangempela, kodwa akakwazanga ukuphuma odakeni ngenxa yomthwalo obusemahlombe akhe: kepha ngabona ephusheni lami ukuthi kweza indoda kuye, ogama layo linguMsizi. *Pilgrim's Progress* Stage One

"Qhubeka ufunde Adrian." Kusho Othandiweyo wami.

"Yebo, Ngiyafuna ukuqhubeka ngifunda."

> UJesu waphila, wahlushwa, wafa ukuze kuhlengwe thina. Waba "ngumuntu wobuhlungu," ukuze thina senziwe ngabadla injabulo engunaphakade. UNkulunkulu wavumela ukuba iNdodana yakhe ethandekayo, igcwele ngomusa neqiniso, ize ivela ezweni lobukhosi obungechazeki, ize emhlabeni ehatshulwe yisono, usibekelwe yithunzi lokufa nesiqalekiso. Wamvumela ukuba eshiye isifuba sothando lwakhe, eshiye uthando lwezingelozi, ukuza lana ehlambalazwe, ethukwe, ezondwe, ekugcineni ebulawe." Isijeziso sasiphezu kwayo ukuba (thina) sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina. U-Isaiah 53:5. Mbheke esehlane, eseGetsemane, esesiphambanweni! INdodana kaNkulunkulu engenacala yathwala phezu kwayo umthwalo wesono. Yena, owayemunye noNkulunkulu, wezwa emphefumlweni wakhe ukuhlukaniswa okubuhlungu okudalwa yisono phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Lokhu kwenza ukuba kuzwakale isikhalo esidabukisayo, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?" Mathewu 27:46. Kwakungumthwalo wesono, ukuzwa ubukhulu baso, nokuhlukaniswa komphefumulo kuNkulunkulu ngenxa yaso –

> nakhu okwaphula inhliziyo yeNdodana kaNkulunkulu., *Izinyathelo eziya kuKrestu* page 13.

Ngahlala nganganyakaza. Ngesikhathi ngizwa amazwi athi “Mbheke esiphambanweni,” ngabanomfanekiso engqondweni yami. Esiphambanweni kwakulenga iNdodana kaNkulunkulu, ishayiwe, ivuvukile, yopha igazi, ngani na? ngenxa yami? Kwabakhona umzabalazo engqondweni yami.

“Angilifanele uthando olunjena…”
“UKrestu ufele izono zakho, kholwa kuphela…”

Ngase ngifunda lawa mazwi:

> INdodana kaNkulunkulu engenacala yathwala phezu kwayo umthwalo wesono. Yena, owayemunye noNkulunkulu, wezwa emphefumlweni wakhe ukuhlukaniswa okubuhlungu okudalwa yisono phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Lokhu kwenza ukuba kuzwakale isikhalo esidabukisayo, “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?” Mathewu 27:46. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, 13.

Angikwazi ukuchaza indlela okweza ngayo kimi konke, kepha ngahlabeka umxhwele ukuthi uJesu walenga emthini ngenxa yezono zami, nokuthi kwakuyizono zami kanye nezomhlaba wonke ezenza ukuba uJesu akhale, “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?” Njengoba ngicabangisisa lesenzo ngambuka uJesu ebusweni, naye waphenduka wangibheka engena cashaza nelincane lentukuthelo, ukudikibala noma ukuphoxeka. Ngabona uthando nokwamukelwa kuphela.

“Ngiyakholwa. Nkosi ngicela uze ungene enhliziyweni yami uthathe indawo ubuse impilo yami. Ngiyabonga ngokungithanda nangokungisindisa…”

Ngalowo mzuzu kwabhamuka ukuthula kwagcwala emphefumlweni wami.Ngezwa amaketango ayengibophile entanyeni, ezinyaweni nasezandleni ewela phansi. Kwehla izinyembezi emphefumlweni wami.

Ngaguqa ngavela ngakhala. Lonke icala lami, konke ukuzenzisa kwami, ukuvukela kwami, amazwi ami ahlabayo nasikayo, imicabango yami engahlanzekanga yayixolelwe yonke. Nganambitha uthando lukaJesu.

Namanje njengoba ngibhala, ngikhumbula lesisehlakalo, inhliziyo yami iyafudumala, namehlo ami agcwala izinyembezi. Angikwazi ukukusho ngamazwi indlela engangizizwa ngayo ngoMsindisi wami ngalesiya sikhathi. Ukuhlukaniswa, o ukuhlukaniswa! Wayevuma ukuba ehlukaniswe noYise ngenxa yami. Lokhu kwashaya ekujuleni kwenhliziyo. Uma wayefuna ukwenza lokhu ngenxa yami, kuchaza ukuthi mina ngibaluleke ngempela, nokuthi uma uNkulunkulu wayevuma ukunikela ngeNdodana yakhe – ngithi ukuma kancane ngivumele amagagasi okubonga awele phezu kwami awashe umphefumulo wami. Uma uNkulunkulu wayezimisele ukunikela ngeNdodana yakhe esikhundleni sami, hhayi ngakholwa ukuthi uNkulunkulu uyangithanda.

> Manje ngase ngibona ephusheni lami, ukuthi umgwaqo uMkrestu ayezowuhamba, wawunezigange nezindonga ngapha nangapha, lezindonga zibizwa ukuthi yiNsindiso. Isaiah 26:1. Ngayo lendlela, uMkrestu wagijima ethwele umthwalo wakhe, ehlangana nobunzima esindwa ngumthwalo ayenawo emahlombe akhe.Wagijima njalo waze wafika endaweni enyukayo; kuleyondawo kwakume isiphambano, kanti ngaphansi kancane kunaso kukhona ithuna. Ngabona ephusheni lami ukuthi eseza nesiphambano, umthwalo wakhe wakhululwa emahlombe akhe, waqala ukuginqika, waqhubeka kanjalo waze wafika emlonyeni wethuna, lapho ofike wawela khona, ngangasawubona. [John Bunyan's *Pilgrim's Progress* Stage three.]

# IKhefu I


Njengoba ngibheka emehlweni woThandiweyo wami, zonke ezinye izinto ziba yize, ziba ngezingabonakali. Ngizwa ukwamukelwa nguye; ngiyazi ukuthi ngithandiwe. O ngane ka-Adamu, yini engiyenzile kuba ngilungele lokhu na? Ngizama ukususa amehlo ami kuye, kepha engibuka ngiyaqinisekeka. Lena yinto yangempela! Kwenzeka ngempela kanti kwenzeka kimi! Uyangithanda ngempela, kanti kuthokozisa uYise ukuba ngihlale naye ndawonye.Inhliziyo yami iyachichima ngentokozo, imisebe yelanga iyadansa phezu komphefumlo wami ixoshe ubumnyama, nephungalensindiso elinuka kuyo yonke ikhona yomzimba wami.

OThandiweyo wami unamandla, akana valo. Wathatha izono zami waya nazo ethuneni. Waqina isibindi ukuba ehlukane noYise ngenxa yami. Konke lokhu ngenxa yami! O Nkosi ethandekayo, inhliziyo yami uyithumbile. Angikwazi ukunqaba indonsela yakho. Ngixolelwe? Yebo, kanti ngiyakholwa ukuba ngixolelwe, nezono zami zisusiwe. Nengubo enhle yelineni ngiyinikiwe, ethungwe ezulwini ngaphandle kwesandla somuntu.

Baba othandekayo, iNdodana yakho iyisipho esingaphezu kokuqonda, kusenjalo wanikela ngaye ufuna ukukwenza lokho. Ngiyazwisisa kungani iNdodana yakho iyinhle kangaka; ivele kuwena. Angizwisisi kungani ukwenzile lokhu, kepha njengengane ngiyamemeza ngenjabulo “Abba, Abba.” Angilahliwe, nginoBaba kanti iNdodana yakhe ingoThandiweyo wami.

Oh ndodana ka-Adamu, inhliziyo yami iyagijima ngenxa yenjabulo. Ngubani obesazi ukuthi insindiso ingafika nakimi ngokubheka iNdodana ebethelwe?Ngiyakholwa. Yebo ngiyakholwa. OThandiweyo wami ungowami, kanti nami ngingowakhe.

## 6. UMcengezi



Madoda, thandani omkenu, njengalokho noKristu alithanda ibandla, wazinikela ngenxa yalo; (26) ukuba alingcwelise, alihlambulule ngesigezo samanzi ngezwi. Efesu 5:25-26.

Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. (2) Yena lowo wayekhona ekuqaleni k-uNkulunkulu. Johane 1:1-2.

Umthelela walokho uJesu wakwenza esiphambanweni ngenxa yami waguqula sonke isigaba sokuphila kwami. Ngangifisa ukuba naye ngezikhathi zonke. Ngangithanda ukucabanga ngaye, ngimlingise, ngimenze iNkosi yayo yonke impilo yami. Uma ngiqala ngivumela ukuba ingqondo yami ihlale ezintweni zomhlaba okomzuzwana nje, ngangilahlekelwa bubukhona bakhe, ingqondo yami isheshe ibuyele kuye. Injabulo yokwazi ukuthi izono zami zixolelwe yangenza ngandiza isikhathi esingangamaviki ambalwa. Lena yinjabulo yothando lakuqala.

Lenjabulo yaguqula iBhayibheli lonke. Ngangingakwazi ukulibeka phansi. Ngokushesha nje nganginxanelwe ukwazana nokuqonda uJesu wase Bhayibhelini. Zaziziningi izinto okwakumele ngizifunde, kanti ziziningi nokwakumele ngizisule engqondweni yami. Umoya kaKrestu waqala ukungiqondisa ngalokho engangikufunda. Ngabona ukuba nezinto ezimbalwa kwakumele zishintshe. IZwi likaNkulunkulu laqala ukungihlanza nokwenza ingqondo yami ibentsha. Manje iZwi lalingumuntu, hhayi nje incwadi endala ehlanganisiwe. Manje kwakunguJesu ekhulumisana nami mathupha, ngothando.

Lomsebenzi wokuhlanzeka ngesinye isikhathi ubumnandi uyintokozo kodwa ngesinye isikhathi ubuhlaba unkenteze, ulethela amahloni. Njengoba ngibheka emuva, ngibona umusa woThandiweyo wami ekutheni angangivezeli ububi bami nobuthakathaka bami bonke ngesikhathi esisodwa. Uma iZwi belize

ngamandla alo wonke ngangizophela amandla ngidele. Kodwa kuso sonke isikhubekiso, uthando lukaJesu langithwala.

Oh indlela engifisa ngathi ngangithe "baphila ndawonye ingunaphakade," Kodwa eqinisweni emhlabeni, inyama kanye noSathane kwenza ukuthi umphumela onjalo ubenzima kakhulu. Emva kokuchitha iminyaka eminingi ngilalela izwi neziphakamiso zomlingi, nokuhlakula izifiso zokubukwa ngezinto engangizizuzile, ingqondo yami ibifundiseke ephethenini nendlela yokucabanga eyayimelene nombuso kaNkulunkulu. Emva kwezinyanga ezimbalwa ngisandophenduka, izwi lomlingi wami lancipha kancane kunalelo loThandiweyo wami, kepha lalisekhona. Ethukuthelisweni luthandolwami olusha ngoKrestu, wathatha isikhathi sakhe, efunana nesango lokungena ukuba ebuye elawule inhliziyo yami futhi.

Izinguquko empilweni yami nasenjwayelweni zami zabiza amazwi ayeyisayo kwabanye abangane bami. Umlingi ubezongicindizela ngezinkulumo zabo. Ngiye ngagwinywa yimizwa yesizungu nokuphela amandla. Ngangingamboni umlingi ngalezi zikhathi. Kwakukuncane engangikwazi ngenkohliso nobuqili bakhe ngakho wabanamandla ngaphezu kwami. Ngesango lokuzizwela umhawu, umlingi wami wathola indawo yokungena emphefumlweni wami. Ngesikhathi esifanayo, ezinye izinguquko ekuphileni kwakunzima ukuzigcina nokuhamba ngazo. Ngesinye isikhathi ngangizokhohlwa ngiphindele ezindleleni zami zakudala. Ngesinye isikhathi ngenxa yokuphela amandla ngangizozenza kahle nje ngibhekile ngivumele ubumnyama bungisingatha.

Ngangifike egqumeni elalinzima kabi. Isifiso sokulula, ukuswela ukubekezela, kanye nokungathandi ukuhlala nesizungu kwavulela umlingi isango lokungena ayelilindele. Ngaphezu kwalokhu ngangiswele ukuhlakanipha ngokwelizwi, kanye nendlela yokumelana nezilingo ezaziziphakamisela ukuthiyana nokumazi uNkulunkulu. Umoya kaKrestu wangifundisa ukugcina ilizwi ekhanda.

> Enhliziywени yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe. AmaHubo 119:11.

Ngafunda ukuba uma ngisho ngiphinda izwi likaNkulunkulu ngokholo, lokhu kwakuzonqamula izimpikiswano, nemizwa eyayilethwa ngumlingi emoyeni wami.

> Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomkantsha, lahlula imicabango nezizindlo zenhliziyo. KumaHeberu 4:12.

Uma Othandiweyo wami wayengangivikela eziphakamisweni zomlingi wami zonke, ngangingazozakhela isimilo. Ngiye ngafunda futhi iqiniso elibaluleke kakhulu ngemvelo yethu ewile. Ngalezi zikhathi ngiphikisana nemvelo nenyama yami, ngaqala ngaqonda ukukhohlakala kwenhliziyo yami

> Inhliziyo iyakhohlisa ngaphezu kwakho konke, futhi imbi; ngubani ongayazi na? UJeremiya 17:9.

Ukukhanya kwezwe kwakhanyisela indlela yami, kwangivumela ukuba ngiqale ukubona lapho engivele khona nokuthi ngangimelwe kukubhubha uma ngangingalalelanga ubizo loThandiweyo wami.

Ngafundiswa ukulwa neNkosi emthandazweni. Ngesinye isikhathi uma ngithandaza, inhliziyo yami ibizwakala kwangathi yitshe, kanti amazulu kuzwakala ngathi yinsimbi yethusi phezu kwekhanda lami. Uma ngiqhubeka ngizama ukuthandaza nakanjalo umnyinyitheko wami uya ngokukhula. Kwafika izwi lithi “Biza izwi lesethembiso, Adrian.” “Kholwa nalokho okushiwo yizwi, kholwa ungathandabuzi.”

OThandiweyo wami wangifundisa isayensi yokulinda emva kokucela nokwamukelisa into ethenjiswa yizwi. Ngesinye isikhathi ngangizozinikela, ngiphele amandla, kanti lokhu kwakuzovumela ukuba oThandiweyo wami engibonise inhliziyo yami elibele, egcwele ubuthakathaka nengena kubekezela. Ngezinye izikhathi ngangizobubula ngikhononde ngezinkinga zami kuJehova, ngikhohlwe nje ngokubiza izethembiso zikaNkulunkulu, ngisuke ngimpitsheke kunakuqala. Lezi kwakuyizinsuku ezilukhuni kakhulu, kodwa oThandiweyo wami wangikhuthaza ngaze ngadlula kuzo,

engikhumbuza ngokufa kwakhe ngenxa yami; engikhumbuza nangesithembiso senhlanganyelo yakhe kanye noYise. Kancane kancane izwi laphenduka inkemba yami, ukholo lwami, kanye nesivikelo sami.

Ngikhumbula kahle injabulo yaleminyaka eyokuwala, uma ngisaqala ukuhamba noThandiweyo wami – O uMsindisi othembekayo, uMfundisi kanye noMhlobo. Isifiso sami sasisinye voh! Ukufana noJesu.

Emva kweminyaka emibili, amazwi weBhayibheli agcizeleleka kimima.

> UPetru wayesethi: "Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele. Izenzo 2:38.

Nanoma ekukhuleni kwami ngangike ngafundiswa ngoJesu, ngangingamazi kanti nobhaphathizo lwami lwalusho okuncane kimina, ngoba nganginolwazi oluncane ngami kanti ngingazi lutho ngoThandiweyo wami. Ubhaphathizo lingukuphawula nokuqinisekisa ubudlelwano obuphakathi kwabantu ababili abathandanayo. UJesu wayehlezi njalo engithanda, kodwa manje nami ngasengimthanda, kanti ubudlelwano bethu kwadingeka ukuba buphawulwe ngobhaphathizo.

Njengoba ngangishona phansi emanzini embhapathizweni, inhliziyo yami yayibheke kuJesu. Wayeyiculo nentokozo yami, kanti ngangithokozela ukunikela ukuphila kwami kuye, nokumbiza ngeNkosi yami. Amanzi ayevale umphefumulo wami wayebonakalisa ukuhlanzeka ngezwi okwakwenzeka empilweni yami. Umsebenzi ayewuqalile ubunesethembiso sokuthi uzowuqeda.

## 7. Ukudideka Okungaphezulu

> Umuntu onhliziyombili ungoguquguqukayo ezindleleni zakhe zonke. Jakobe 1:8.

Emva kweminyaka eyishumi ngibe nothando lwami lokuqala noJesu, ngadideka. Impilo yami yobuKrestu yafanakakhulu nezwe; ngizizwa njengabantwana bakwa-Israyeli bezula ehlane. Uma umuntu ubengathi nginenhliziyombili, ngangingethuka ngiphatheke kabi kakhulu. Ngangimthanda kakhulu uJesu ngokungifela esiphambanweni, ngangifisa ukugcina imithetho kaBaba ngokuthembeka kanti ngathandazela namandla wokunqoba. Ngangiba nakho ukunqoba kodwa ukungashintshi nakancane kwakuyinto engazange ngayithola ohambeni lwami.

Ngakhula olwazini lwami ngemiBhalo, ngaba namava amnandi nezihlobo nabangane ngamaSabatha. Kepha kwakukhona engangikuswela. Yayikhona into engangiyidinga kodwa ngingayitholi. Isikhathi eside akuvelanga kimi ukuthi kwakukhona engangikuswela ngempela.

> Kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe njengalowo mfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngoMoya weNkosi. 2 KwabaseKorinte 3:18.

Ngokungazi kwami, uJesu engangimbukile yonke leminyaka wayeyinhlanganisela yemihlaba emibili engafani. Ngakolunye uhlangothi ngafunda ngoJesu onothando, onakayo, nonozwelo oze ukuzofeza isimilo sikaYise. Ngiye ngacabanga ngomzabalazo uBaba abe nawo ngokunikela iNdodana yakhe ngenxa yethu. Ngizindla ngempilo yomthandazo kaJesu kanye nokunginxusela kwakhe, lezi zinto zathinta umphefumulo wami, zanyibilikisa inhliziyo zangikhuthaza ukuba ngiphile impilo yobuKrestu. Kodwa kwakukhona ezinye izici ayenazo uJesu, engangithathe kalula ngicabanga zikhona eBhayibhelini, zabayizisekelo zemizamo yami yonke empilweni yobuKrestu. Ngidinga ukuba ngithathe isikhathi esifushane ukuba ngichaze okwakwenzeka engqondweni yami. Ezinye zalezinto zadala ukuba ngikhale:

> Ebusuku embhedeni wami ngamfuna othandwa ngumphefumulo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga. Isihlabelelo seziHlabelelo 3:1.

Kusukela ngisaseyingane, ngaze ngabangumuntu omusha umlingi wami wayezo  sikisela inqubomgomo yokuzimela nokusebenza kanzima ukuze ngizitholele inhlonipho. Ngokubona kwami ukuba ngumuntu olungile, umuntu angaziguqula, lokhu ngangikubona ngemvelo yami ewile kanye nokusikisela kukaSathane okuthi inhlonipho itholakala ngokuthembeka, nobuqotho. Uzokhumbula ukuba ngangithe umlingi wami wayezosikisela ukuthi ngenze izinto ezifanayo neziphakanyiswa ngoThandiweyo wami, kodwa ngenjongo ehluke kakhulu.

Kanti ngoba izwi lomlingi lalizwakala phezulu kuneloThandiweyo wami, ukuqonda kwami komuntu olungile kwakungumuntu owayeyenza kahle, ebonakalisa ngesimilo esihle kwabanye. Lokhu kuzibonakalisa kwabanye abantu kwakuzodala ukuthi abantu bengithande, ngibe ngumuntu owamukelekile emphakathini.

Akuvelanga kimi ukuthi lomuntu engangizibazele yena engqondweni yami wayeyisithombe, ngumuntu ofanayo engangimfanise nalomuntu okuthiwa nguJesu. Ngangibona kuJesu umuntu owayebonakalisa zonke izici zomuntu esingafisa ukufana naye, umuntu owayezuze udumo nokuthandwa ngabantu abaningi ngenxa yezenzo zakhe zomusa nokulunga. Nangempela uJesu wayebonakala njengomuntu engangingafisa ukumlingisa ngifane naye. Umlingi wami wayephinde wangilinga ukuba ngenze ezinto ezazilungile kodwa ngezizathu nenjongo engalungile nakancane.

Into enzima kakhulu kwakungukuthi uJesu wangempela oseBhayibhelini wayehlanganiswe noJesu wamanga osengqondweni yami, ngangokuthi ngangingakwazi ukubahlukanisa.

> Kanjalo-ke kusukela manje, thina asisayikwazi umuntu ngokwezwe; nanoma besimazi uKrestu ngokwezwe, nokho manje asisamazi ngalendlela.  2 KwabaseKorint 5:16 (NIV).

Kwakungazange kwavela kimina ukuthi uJesu ngangingamazi ngendlela yezwe. Into eyadala ukuthi konke lokhu kubelukhuni kwakuliqiniso elithi ibandla lethu lathola ithuba lokuba likhethe uJesu wangempela oseBhayibhelini, kodwa ngeshwa lakhetha owomhlaba ngo-1888. Kusukela ngaleso sikhathi, ibandla lethu lakhula kancane kancane ngendlela elibona uJesu ngayo. Lambona njengomuntu owayethandwa ehlonishwa ngenxa yamandla ayenawo, nemikhono kanye namathalente akhe. Ngendlela efanayo engangilingeke ngayo nami, lapho ngicabanga uJesu njengomuntu owamukeliswa indumiso ngoba enza kahle, okhokho bami ngokomoya nabo bazithola belingwa kanjalo. Kwadlula isizukulwane esisodwa nje, ibandla laqala ukufundisa loJesu omusha emithethweni yalo ngalawa mazwi.

> UNkulunkulu munye: Yise, Ndodana, noMoya oNgcwele, inhlanganisa yabantu abathathu abalinganayo. UNkulunkulu **akafi, unamandla onke, wazi konke,** ungaphezu konke, futhi usendaweni zonke. Ungaphezu kokuqonda komuntu, kodwa waziwa ngalokho akuvezile. **Ufanelwe ludumo nokukhonzwa kuze kube ephakadeni**, nokuthi izidalwa zikhuleke kuye zonke. Fundamental 2 of the Seventh-day Adventist Church.

LoJesu omusha wayeyingxenye yobuthathu, uNkulunkulu omunye, uTrinity. Ubunzima babantu abathathu abakhona phakathi koNkulunkulu oyedwa bangenza ngadela yonke imizamo yami yokuqonda ukuthi lokhu kwenzeka kanjani. Ngakhuthazwa ukwamukela lokhu njengemfihlakalo.

Uma ufunda kahle lencazelo engenhla kaNkulunkulu, uyabona ukuthi isizathu uNkulunkulu elungele ukukhonzwa nokuba sikhuleke kuye kungoba engafi, enamandla futhi nokwazi konke. Lona nguNkulunkulu engangimkhonza ebuntwaneni bami! Uma ngicabanga ngaloNkulunkulu, kwenza umqondo vele. Lencazelo yangenza ukuba ngithathe uNkulunkulu engangizibazele yena engqondweni yami ngisaseyingane, ngimbeke ehlale esigodlweni njengoNkulunkulu wami.

Akuzange kuvele kimi ukuthi loNkulunkulu engangifunga ukuthi ngizomkhonza wayeyinhlanganyelo yezifiso zami zokuba ngumuntu oqotho, ofanelwe yindumiso, nenhlonipho.

Njengoba besengishilo ngaphambilini, into eyayenza loNkulunkulu abonakale njengoNkulunkulu wamanga kwakungukuthi ngangihlanganise izici zikaJesu otholakala eBhayibhelini naloNkulunkulu. Ubhaphathizo lwami ngemuva kweminyaka emibili ngisanda kuphenduka lwabonakalisa lokhu kuhlanganiswa kwengqondo ezimbili ngoNkulunkulu.

Isifungo sobhapathizo lwami sabuza:

> Uyakholwa yini kuNkulunkulu uBaba, eNdodaneni yakhe, kanye nakuMoya oNgcwele?

Kodwa umusho wezenkolo ubuveza ukuthi:

> UNkulunkulu munye: Yise, Ndodana, noMoya oNgcwele, inhlanganisa yabantu abathathu abalinganayo. UNkulunkulu **akafi, unamandla onke, wazi konke,** ungaphezu konke, futhi usendaweni zonke. Ungaphezu kokuqonda komuntu….

Abantu abaningi bafunda lemisho emibili bangaboni mahluko nakancane. Ngangibona amazwi athi Yise, Ndodana kanye noMoya oNgcwele. Lamazwi ayevela eBhayibhelini, kanti ngabona nobufakazi balabantu abathathu besebenza, ngakho ngathatha kalula ukuthi lomusho uqinisile.

Isifungo sombhaphathizo wami sasiveza ukukholwa ebantwini abathathu lapho khona ubudlelwano phakathi kukaYise neNdodana buchazwa ngegama elithi *eyakhe*. Leligama elincane elithi *eyakhe* lenza umahluko omkhulu kabi. Igama elithi *eyakhe* lalinikeza ngomusho emagameni athi Yise neNdodana. UJesu wayeyiNdodana yakhe; eyiNdodana kaYise. Into ebalulekile ekumele ngiyiveze lana ngeyokuthi ukuhlephuka kwalobu budlelwane obuphakathi kukaYise neNdodana *yakhe,* yikho okwaphula inhliziyo yami. Lawa angamazwi angishaya.

> INdodana kaNkulunkulu engenacala yathwala phezu kwayo umthwalo wesono. Yena, owayemunye noNkulunkulu, wezwa emphefumlweni wakhe ukuhlukaniswa okubuhlungu okudalwa yisono phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Lokhu kwenza ukuba kuzwakale isikhalo esidabukisayo, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?" Mathewu 27:46. *Izinyathelo eziya kuKrestu*, page 13.

Kulawa mazwi kwavela iqiniso elithi:

> Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze **wanikela ngendodana yakhe ezelwe yodwa** ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Johane 3:16.

> Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo. (10) Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo yezono zethu. 1 Johane 4:9-10.

Iminyaka eyishumi nambili emva koBhaphathizo lwami, ngangingazi ukuthi ubudlelwane obuphakathi kwalabantu ababili ababizwa ngoYise neNdodana buphethe isixazululosenkinga eyaguqula impilo yami. Uthando lukaNkulunkulu lwabonakala ngokuthi enikele ngeNdodana yakhe. Kwakuyisenzo sikaBaba esokunikela ngeNdodana yakhe, hhayi ukuthi iNdodana yazinikela, noma ukuthi iNdodana yayibonakalisa amandla ayo, nesimilo sayo sokuzinikela, hhayi ukuthi uJesu wayesibonisa imisebenzi yakhe emihle. UYise wathumela iNdodana ukuzosivezela isimilo sakhe sothando, kanti ngokusinika iNdodana kwakhe sibona isibonakaliso senhliziyo yakhe esihle kunazo zonke, inhliziyo yakhe ethambile, kanye nesibindi ayenaso.

Njengoba besengishilo ngaphambilini, akuvelanga kimi ukuthi ngokwamukela uNkulunkulu oyiziqu ezintathu emunye, obizwa-Trinity, ngalethelwa ukudideka ngohlobo lobudlelwane obuphakathi kukaYise neNdodana yakhe. Lenkinga yakhuliswa ngumbono othi uma ngabe ngimthanda ngempela uJesu kwamele ngimphakamise ukuba efane noma elingane noYise. Ngisakhula, indlela engangifunde ukufana kwezinto ezimbili kwakungukuthi

ngiziqhathanise ngenani. Ngangizobheka ukuthi isiphuzo esasiphuzwa ngudadewethu sasingesiningi ukudlula esisenkomishini yami. Ngangizokhononda kakhulu uma udadewethu wayethole amaswidi amahlanu mina ngithole amane kuphela. Lena kwakuyindlela yokubona ukulingana noma ukufana kwezinto. Ngakho-ke nanoma sengiza ekutheni ngithole indlela iNdodana ilingana noYise ngayo, ngangizobheka ukuthi inezici ezifana nqo, namandla alinganayo, nolwazi olufanayo, nempilo elinganayo evela ephakadeni. Uma omunye wayeyamukele nanoma yini komunye, lokhu kwakuchaza ukuthi kunomahluko; kwakuzoba ngathi omunye una-100% ye-*lemonade* kanti omunye yena ena-50% ye-lemonade exutshwe ngo-50% yamanzi.

Lendlela yokucabanga ibiqhubeka ekujuleni kwezizindlo zami; kwakuyimvelo yami, ngakho ngabona kwenza ingqondo. Ngangingazi ukuthi ukucabanga ngoNkulunkulu ngalendlela kwakuzotshontsha umusho walamagama athi *uYise neNdodana yakhe* kanye nobuhlobo abanabo phakathi kwabo.

Njengoba ngibheka ubuDodana bukaJesu eBhayibhelini, ngabona umuntu othemba uYise ngokuphelele nophumula entandweni yakhe ngokuphelele. Ngabona indlela ayengalala emkhumbini phakathi kwesivunguvungu; wayengabhekana nesixuku esithukuthele esasifuna ukumbulala engena valo nakancane; wayengahlala alinde izinsuku ezingamashumi amane ngaphandle kokudla ethemba ukuthi uYise wayezomnikeza ukudla ngesikhathi esifanele. Uma lezi zinto sezibekwa ziqhathaniswa noJesu ongumuntu wesibili kuNkulunkulu oneziqu ezintathuemunye, enamandla alingana namandla kaYise, ngendlela efana nqo nekaYise, ingqondo yami yadideka. LoJesu wayengena kubonga nakancanekuYise ngamandla ayenawo, kunalokhu wayemelana ubuso nobuso nomuntu owayebizwa ngokuthi “Yise,”amandla aqhathaniswa namandla, ulwazi luqhathaniswa nolwazi, iminyaka neminyaka, babefana. Babefana ngendlela ethandekayo yebo, kodwa babefana okusalayo. Inselelo enkulu kimina ingeyokuthi kulokhu kufana kwabo engangikubona kwasuswa umusho emagameni athi Yise neNdodana, lokhu

kwadala ukuthi nami ngilahlekelwewubudodana bami. Uma uJesu engasiyo iNdodana ngempela, lokhu kuchaza ukuthi nami angisiyo indodana empeleni.

Kanjalo-ke ngangikhonza uJesu owayethobekile emhlabeni, ethembakele nolalelayo, kodwa ngimxuba noJesu osezulwini owayezithemba yena, enamandla ngokwakhe, engatholanga ifa elivela kuYise nakancane. LoJesu "osezulwini" wangidalela ukuba ngifise ukwenza imisebenzi kaJesu esasemhlabeni (ukulalela, nokuthobela, nokwenza kahle) ngokuzithemba. Ngingaqondile imvelo yami ewile, yazibazela uJesu owayeyisithombe ethebanekelini elisezulwini, ngiqhutshwa yimizwa efanayo yenyama eyaqhuba uPhondo oLuncane ukuba limelane noKrestu weqiniso osezulwini.

Ngizothi nginikeze ngezibonelo zokuthi lokhu kwakusebenza kanjani. Ezikhathini eziningi ngizothi uma ngihlezi ngilalele intshumayelo, oThandiweyo wami wayezongigqugquzela ukuba ngithathe lezi zinto ngicabange ngazo. Ngesikhathi esifanayo umlingi wayezongenza ukuba ngibheke umshumayeli nendlela eshumayela ngayo. Uma intshumayelo ilethwe kahle, ngangizocabanga uma seyishunyayelwa yimi ngicabange ngendlela abangilalele ababezokwenza ngayo ngenxa yokushumayela kwami. Uma umshumayeli engakhulumanga kahle, umlingi wayezongilinga ngokuthi mina bengingenza umsebenzi oncono kakhulu. Uma ngishumayela intshumayelo, abantu behlabeka ezinhliziyweni zabo ngenxa yeqiniso, Othandiweyo wami wayezongikhuthaza ukuba ngithokoze, kodwa umlingi wayezongikhuthaza ukuba emnyango ngizidonsele udumo lwabantu njengoba sebephuma endlini yokukhonzela.

Uma ngangihlala kufundwa iBhayibheli, oThandiweyo wami wayezozama ukugcizelela amazwi emibhalo enhliziyweni yami, kanti umlingi wami wayezama ukugcizelela ukuba ngiqiniseke ukuthi ngazi indlela yokusho amavesi ngekhanda kahle, nokuba ngisho amavesi ayezoveza ukuba yimina ophethe esifundweni. Uma senze iculolomthandazo, oThandiweyo wami wayezongikhuthaza ukuba ngijabulele ithuba elihle lokuxhumana noYise ngaye, ngesikhathi esifanayo umlingi ezongicindezela ngemicabango yokuthi lomuntu oseduze nami uthandaza isikhathi eside abe yena engena lutho olokusho. Unembeza wami ubuzovele ushise ngivele ngibenalempi

eqhubekayo engqondweni yami ngalamaqembu omabili, ngigcine sengingasalandeli nalabo abathandazayo abangizungezileyo.

Ngafunda ngendlela uJesu ayethandaza ubusuku bonke ngayo, kunokuthi ngicabange ngendlela ayethanda uYise ngayo ngizithole ngimangalela into yokuthi wayechitha ubusuku bonke emthandazweni, nami ngizithole nginesifiso sokuba ngenze lokhu, kepha oThandiweyo wami wayezongiqondisa ukuthi lokhu akukuhle. Njengoba sengishilo, lempikiswano yasengqondweni yaqhubeka isikhathi esingangeminyaka elishumi. Ngesikhathi oThandiweyo wami engivezela ukubaluleka kokudla engikudlayo nendlela yokuphila, umlingi wangiheha ekutheni ngigxile kakhulu ngendlela engangenza ngayo, kungaba ekudleni, ekugqokeni noma ekuzithokoziseni. Uphawu lokuthi ngangiphendula izwi elingelona laba ngelokuthi ngizithole ngigxeka abanye ngamaphutha abawenzayo. Ukuziphatha okuhle kwamaKrestu kwabayimpande kunokuthi kube yisithelo sohambo lwami neNkosi. Lokhu kweza ngoba uNkulunkulu wasebuntwaneni bami wathatha wahlala esigodlweni senhliziyo yami njengoNkulunkulu odalile izulu nomhlaba.

Lempikiswano yangaphakathi eyayiqhubeka usuku nosuku yaletha usizi emphefumlweni wami. LoJesu obenza lemisebenzi emihle waqhubeka njalo engibalekela ngingamtholi. Ngathathelwa injabulo yothando lwami lakuqala. Ngangimdinga oThandiweyo wami kepha ngingamtholi. Impilo yami igcwele imisebenzi yasebandleni, izifundo ngangokuthi angizanga ngasaba nesikhathi sokucabanga nokukhulumisana noMsindisi wami. Ngisho noma ngiba naso isikhathi, kwakuba khona lento eyayingiqhuba ukuba kusheshe kuse ukuze ngenze imisebenzi ebisenziwa nguJesu, ngibe ngumuntu onosizo nokhathalela abanye njengaye. Akekho umuntu obengaba nendaba yokuthi ngangichitha isikhathi noJesu ndawonye, ngaphandle kokuthi mhlawumbe ngizitholele abantu ababengajabulela ukuzihlukanisa nabanye abathanda lokhu engangikwenza.

Kwakuhlezi njalo kunempikiswano phakathi kwami ephakathi kokufuna ukuba ngumKrestu oqotho othanda uNkulunkulu nezwi lakhe, kanye nalabo

abangizungezile, nokuthi ngizizuze ukubongwa ngenxa yokwenza lezo zinto. Ngangisazi ukuthi ukufisa ukubongwa kwakungekho kuhle, kepha ngaziduduza ngokuthi lena kwakungenye ingxenye yamava yokulwa nezinkanuko zenyama yobuKrestu. Ngangizo zama ukunqaba ukunqonywa ngabantu ngemva kokushumayela, kodwa ngezwa kuvela sobala ukuthi ngiziveza uma ngangisithi “Ungangibongi mina, mayibongwe iNkosi.” Sasingekho isidingo sokuthi ngenze “umina” evele nakancane. Bengikwazi ukuthi “mayibongwe iNkosi,” kodwa ukuthi ngithi “ungangibongi mina” yayivela esifisweni esifihlakele sokufuna ukubongwa nokuthandwa vele ngenxa yokwenza umsebenzi omuhle.

Uma sengingumfundisi webandla labaLindi, ngabekwa endaweni ephezulu engangingazange ngayibona ngaphambilini. Ngaqala ukubona abefundisi bebanga izikhundla; ngaqala ukubona ezinye zezinto engangisokoliswa yizo engqondweni yami zenziwa ngabefundisi ababengizungezile. Ngenxa yokuthi lemizabalazo ngangibanayo engqondweni yami, bengimangala ngokuziphatha kwalaba befundisi ababedukisa umhlambi.

Ngemva kwesikhathi ngisebenza njengomfundisi, ngibona ukusetshenziswa kwamandla namasu ayesetshenziswa kwezombusazwe seziphakathi ebandleni, ngicabanga ukuthi ngiye ngaphazamiseka kancane. Ngalesi sikhathi umlingi wayezongikhuthaza ukuba ngihambe ngenye indlela ngesikhathi ukujabulisa ababengiphethe kwakungasangisebenzeli ngokungilethela udumo. Ngaqala ukuzicwilisa kumafilimu, nakwezemidlalo nokuzijabulisa ukuze ngichithe isikhathi. Ngazitshela ukuthi ngangingafisi ukuba ngumFarasi, kanti ngangidinga ukuxegisa ngithi ukuphola kancane. Nangempela ngangidinga ukuphola kancane kodwa hhayi ukuthi ngisebenzise ezemidlalo, ngoba lokhu kwagcizelela ukholo lokwenza imisebenzi emihle nokufeza izinto ezithile njengendlela eletha ukwamukeleka nenhlonipho.


Ngalesi sikhathi ngazithola ngimile eNdleleni eyisa empilweni. Ngangingakwazi ukuqhubekela phambili ngoba ukuqonda kwami uNkulunkulu kwakudideke nokukhonza isithixo sobushabami. Lokukhonza kwezithombe kwavumela ukuthi umlingi enze iziphakamiso kimi, ngesikhathi esiningi ngangingaboni ukuthi zivela kuphi nokuthi kungani zazisenziwa.

Ukudideka kwami kwabangela ukuthi ngizilalele egqumeni elibizwa ngokuthi *ubunzima*, nokuthi ngilahlekelwe yincwadi engangiyaliwe ukuba ngiyigcine eduze nesifuba sami njengokuchaza kuka-John Bunyan kwi-*Pilgrim's Progress.*

> Ngiyakuvuka ngihambahambe emzini, ezitaladini nasezigcawini; ngiyakufuna othandwa ngumphefumlo wami; ngamfuna, kepha angimtholanga. (3) Abalindi bangifumana behambahamba emzini ngababuza ukuba: "Nimbonile othandwa ngumphefumulo wami na?" ISihlabelelo seziHlabelelo 3:2-3.

# ISahluko 2.iCourtship

## 8. ISihenqo Sokuqala



Umlingi wayengidukise ngokuveza isithombe esididekile soThandiweyo wami. Inhlanganiso kaKrestu eyavezwa ebantwini ekugqokeni kwakhe inyama yanamathiswa ndawonye “nesiqu sesibini sobuNkulunkulu” owayenamandla, igunya kanye nenhlonipho ngokwakhe. Lomuntu wavezwa kimi engolingana noYise ngoba enamandla nakho konke kunokuthi elinganiswe yifa alithola njengeNdodana. Akukho nokuncane okwalokhu okwavela kimina ngalesi sikhathi, ngivele ngaziphilela umphumela wenkolo enjalo.

Njengoba besengishilo ngaphambilini, ngaphinda ngadidwa yizinto ezazenziwa yiningi labefundisi engangisebenza nabo. Ngabona ukubandlulula, izibi zishanyelelwa ngaphansi kombhede, nezombusazwe phakathi ebandleni.

Ngokulahlekelwa kukusondelana noThandiweyo wami, isono asivelanga sisibi ngaleyo ndlela, nonembeza wami ubungathambanga kangako, kanye nokuzizwela isihawu kwavumela umlingi ebambe inhliziyo yami kakhulu. Izono engangizenza ngithi zincane zajika zabankulu. Njengomholi kwezenkolo, ingaphandle ngangizoqiniseka ukuba ligcinwa libukeka kahle, kepha ngezikhathi ngingedwa, ngangingenamsebenzi ngenkulumo nodlame olwalusemafilimini engangiwabheka. Intshisekelo yami ngezemidlalo lapho khona inhlonipho etholakala ngenxa yeziqu yayibonakaliswa ngaso sonke isikhathi.

Ingqondo isasenje, ngazithola ngiyeqa umugqa engangicabanga ukuthi ubaluleke kakhulu. Kwakuyinto eyayiqhubeka enhliziyweni yami, kodwa kusenjalo ngenxa yomthetho kaNkulunkulu, ngazizwa ngingofanelwe

ukulahlwa. Lokhu kwangiletha endaweni eqave kakhulu empilweni yami. Ngenxa yezimiso zokuhlonishwa ngendlela yokusebenza kanzima, ubuqotho ngezwa sengathi ngihlulekile. Yayiyodwa Indlela engangiyibona ngalesi sikhathi, eyokuthi ngivele ngikhohlwe ngakho konke nje ukuzibiza uMkrestu uma umgangatho uphezulu ngalendlela. Uma lokhu engangikushumayela kwakungangisebenzeli ekuphileni kwami, kwakungcono ngiyeke nje ukushumayela. Umgangatho owawuphakathi komyalezo wabaLindi wakuqala ngenxa yemfundiso yendlu engcwele esezulwini. Umyalezo wabaLindi ubufundisa ukuthi uJesu wayezoma ngomsebenzi wakhe wokuncengela abantu endaweni engcwele ngcwele *ngaphambi* kokuba ebuye emhlabeni. Lokhu kuchaza ukuthi abaLindi bakholelwa ekutheni ukulunga kukaKrestu kunamandla abenza ukuba babenokunqoba okuphelele ekuphileni kwabo.

Kungenzeka yini ukuthi into eyangenza ngicabange ukuthi lokhu akuna kwenzeka kwakungukuba nangqondombili ekuqondeni ukuthi uJesu ungubani ngempela. Ngangingazange ngabanamava wendawo engcwele ngenxa yemibono eyayididekile enganginayo. Lokhu sizokhuluma ngakho maduzane, kodwa okwamanje mangithi nje ngarobheka ebudlelwaneni enganginabo noJesu ngoba nganginemibono eyayiphikisana ngobuDodana bakhe ngingazi. Ngangingazi nokuthi lemibono yayimelene. Impikiswano ngangibanayo engqondweni yami ngokuhamba kwezinsuku.

Njengoba ngangizwa isisindo somthetho phezu kwami, ngibheka ikusasa lami, ngathola ukuthi ngenxa yokukhonza isithombe engangizibazele sona engqondweni yami, kanye nesivele ezingqondweni zokhokho bami, ngathola ukuthi:

> ...umyalo obungowokuphila wona wafunyanwa ungowokufa kimi. (11) Ngokuba isono sithola ithuba ngomyalo, sangikhohlisa, sangibulala ngawo. AmaRoma 7:10-11.

Umthetho obungowokuphila, mina ngathola ubiza ukufa kwami ngenxa yesifiso sokunakwa nokubonakala ngezinto engangizifeza, nokuhlalisa uNkulunkulu onjalo phezu kwesigodlo senhliziyo yami. Ngazibona nginecala phambi kukaNkulunkulu. Uma ngicabanga ngokuzisola, imvelo yami ibingenza

ngicabange ngoYise, ngoba ubaba wami wayebonakala eyisithunywa sikaNkulunkulu sokungiqondisa. Ngakho uma kwakumele ngibhekane nezono zami, kwakunguYise osezulwini okwakumele ngibhekane naye. Ubengangixolela kanjani? Ngokomthetho wabantu abahloniphekayo, ngangizizwa ngingafanele ukuthethelelwa. Enye into eyangenza ngizizwe ngingafanele kwakungukuthi ngangingasakwazi ukuqhubeka ngizuza udumo nokuthandwa ngabanye ngenxa yokusebenzela uNkulunkulu wami.

Ngesikhathi ngithandaza ngilwa noNkulunkulu, oThandiweyo wami weza kimi ezongikhumbuza ukuthi uBaba uyangithanda. Uma nje bengingakhetha ukubambelela emnikelweni wakhe ngenxa yezono zami, khona ngangizokuthethelelwa ngempela.

Ngesikhathi ngiphuphutha phakathi kwalenkungu eyayingidida, ngangifuna isiqinisekiso sothando lukaYise. Izwi likaNkulunkulu laselithi, “Kholwa!” Kodwa kusenjalo kwakukhona itshe lesikhubekiso endleleni yami. UBaba kaJesu ngokweBhayibheli wayedlala indima ebaluleke kakhulu empilweni yami, kodwa uBaba wakhe ngokwe-*Trinity* wayezwakala sengathi ukude kakhulu ngoba phela uJesu wayenguye owayesenza yonke imisebenzi emihle. UYise ubevele ezihlalele esihlalweni sakhe, amomotheke ngomsebenzi obusenzwa yiNdodana. Lezi zinto azivelanga engqondweni yami sonkelesikhathi, yikho okwakubangela isigodi esikhulu phakathi kwami noYise. Ingabe wayengangithethelela ngempela?

IZwi langitshela ukuthi, “kungani ungabambeleli we-Adrian?” Ngaqhubeka nomzabalazo. Kwase kufika iZwi kimi:

> Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle [asenze saba ngabamukelekileyo] ngaye oThandiweyo. Kwabasefesu 1:6.
>
> Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Johane 3:16.
>
> Lokhu ningamadodana, uNkulunkulu uthumile umoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu omemeza ethi: “Abba, Baba!” Galathiya 4:6.

Ngibuye ngakhunjuzwa ukuthi ukuhlukana kukaYise neNdodana Yakhe yikho okwabonakalisa imizwa kaYise kithina. Emva kokuthi ngiqale ukubona ukuthi uNkulunkulu unguYise kaJesu ngaqala ukunaka nokubonga uthando Lwakhe kimi. Uma uJesu engasiyo iNdodana kaNkulunkulu ngeqiniso, lokho kushukuthi uNkulunkulu wayenikela ngento engasiyo eyakhe; wayebheka "iNdodana" ilandela imizwa yayo, isenza intando yayo. Singasho ukuthi uYise wayenikela ngobudlelwano bakhe neNdodana, kepha kwakungasibo ubudlelwano obungobakhe, ngakho akwenzanga mqondo uma ngifunda into ethi "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka." Uma ngangifunda igama elithi uNkulunkulu kulomusho, ngengxenye ngangicabanga ngeziqu ezintathu zobuNkulunkulu zinquma ukuba uJesu wayefanele ukuza, ngesikhathi esifanayo ngicabanga ukuthi wayethunywe nguBaba. Lokhu kudideka kwakhweshisela umusa nokuthethelelwa nguNkulunkulu kude kangaka nami. Ngama njengesihambi esikhathele ku-*Pilgrim's Progress,* uma kumeamabhubesi amabili ngaphambi kwendlela yakhe. Ngangibona indawo yesiphephelo ngaphambili, kodwa kwakuzovivinywa ukholo kuqala.

Ngesikhathi sohlupho, ngalula isandla kuYise wangempela, ngakhetha ukukholwa ukuba ungixolele. Injabulo yagcwala emphefumlweni wami uma ngangibambelele esiqinisekweni sokuthi ngangamukelekile koThandiweyo wami. Nangempela wayengoThandiweyo wami.

> Ngangidlule kancane nje kubo; ngase ngimthola othandwa ngumphefumlo wami; ngambamba, angivumanga ukuba ahambe, ngaze ngamngenisa endlini kamame nasekameleni owangikhulisayo. (5) Ngiyanifungisa madodakazi aseJerusalema nangezinsephe nangezindluzelakazi zasendle ukuba ningalunyakazisi, ningaluvusi uthando, lungakavumi. (6) Ngubani owenyuka ehlane njengezinsika zomuzi, eqhole ngemure nangenhlaka, nangawo onke amakha omthengi, na? ISihlabelelo seziHlabelelo 3:4-6.

Yonke injabulo yothando lwami lakuqala yaphenduka. Uthando lukaKrestu labuya laqhola wonke umphefumlo wami. Ngangithethelelwe, ngixolelwe kabili; okokuqala ngenxa yezono zobusha bami, namanje ebudaleni bami ngokukhonza kwami abanye oNkulunkulu.

Ngemuva kwalokhu, uYise waqinisekisa ukuthi ngangizothola isikhathi sokuthi ngifunde ngeNdodana Yakhe, ngiqale ukuqonda ukuba kungani ngiqale ngazula iminyaka emide kangaka, ngidideke engqondweni yami. Ngize ngagula, kwadingeka ukuba ngimise umsebenzi wami njengomfundisi. Sahamba sayohlala lapho engangizothola isikhathi sokwelapheka, sokufunda nesokukhuleka.

Ngalesi sikhathi, ngakhumbula ingxoxo ende engaba nayo iminyaka eyisikhombisa edlule. Omunye wabangane bami wayezame ukungitshela ukuthi kwakukhona inkinga nge-*Trinity*, nokuthi abasungululi bebandla lethu babengakholelwa kuyo lemfundiso. Ngathuka, ngangingazi lutho ngalokhu. Umphumela obuzobangelwa yilokhu ngebandla lethu wawumkhulu kakhulu ukuba wamukelwe yingqondo yami. Ngeshwa, ngaphenduka odabeni, ngazitholela iziqaphuno engangizikhethela zona ezazibonakala ngathi zivumelana nenkolo yami. Ngazitshela ukuthi akukho okwakuzokwenza ukuthi oThandiweyo wami athole okuncane kunalokhu okwakumfanele. Ngangingeke ngivumele umuntu enciphisa ubuNkulunkulu bukaJesu. Mina, kanye nazinye izihlobo, sambona lomngane wethu enje ngomuntu odukisiwe, wagudlulwa emsebenzini wangempela wokusindisa abantu. Lokhu kwabonakala kuyinto ephelele engatshengisa ukwethembeka kwami kuNkulunkulu.

Manje emva kweminyaka eyisikhombisa, ngahamba ngaya kuyo umngane wami, ngacela ukuthethelelwa ngokuswela umoya wezifundo zeBhayibheli zaseBerea ezokuhlolisisa konke. Wangixolela, ngase ngicela ukuba anginike ezinye izincwadi engangingazifunda ngalesi sihloko. Ngifunda ngadonseleka emishweni ecacile yemiBhalo.

> Ngokuba njengalokhu uYise anokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo. Johane 5:26.

> Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Krestu omthumileyo. Johane 17:3.

> Ukuqala kwevangeli likaJesu Krestu, iNdodana kaNkulunkulu; Maku 1:1.

USimoni Petru waphendula wathi: "Wena unguKrestu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Mathewu 16:16.

UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, (2) ekugcineni kwalemihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise yaba yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi izwe. (3) Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene somkhulu kweliphezulu, (4) seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama layo eliyifa lilikhulu kunezalo. KumaHeberu 1:1-4.

OThandiweyo wami wakhulumisana nami ngalawa mazwi. Njengoba ngilifunda obala iBhayibheli, kwabonakala ngathi nangempela uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngaqala ukuzinikela enjabulweni yalemicabango uma umlingi wami ehebeza esithi, "Kuza kanjani ukuthi uJesu elingane noYise, kepha abe yena ezelwe nguye ngesinye isikhathi? Adrian, lokhu kuchitha ubuNkulunkulu bakhe uKrestu. Ingabe uqinisekile ukuthi ufuna ukubeka yonke into engcupheni ngento ongena nasiqiniseko ngayo?"

Ngize ngathumela i-email komunye ongumfundi ohlonipheke kakhulu ngalezi zinto, yena wangivezela into yokuthi u-Ellen White wayesebenzisa igama elithi Krestu ngamanye amathuba ekhuluma ngaye esase zulwini ngaphambi kokuthi kube nesono. UJesu akagcotshwanga kuze kube embhaphathizweni wakhe, ngakho igama elithi ogcotshiweyo kaNkulunkulu lalisetshenziswa kubhekelelwe into ebisezokwenzeka. Waphakamisa ukuthi negama elithi *Ndodana* linjalo futhi. Lephuzu lihlanganiswa nesifiso sami sokubona uJesu enguNkulunkulu ogcwele, olingana noNkulunkulu uBaba kwabangela ukuthi ngiphindele emuva, ngingamukeli iqiniso lokuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngangifunde okuningi ngomlando webandla nasemiBhalweni ngangokuthi nganginolwazi lokuthi amacala mabili endabeni. Nganquma ukuthi ngizohlala ngilalele amanye amacala, kodwa ngeshwa ngabambelela ku-*Trinity*.

Ngiyafisa ukuthi bengingakwazi ukusho ukuthi ukwesaba ukulahlekelwa yizihlobo zami eziningi, kanye nokuma kwami ebandleni akubanga

nomthelela esinqumweni sami, kodwa angikwazi ukukusho lokho. Abanye bezihlobo zami basebenqunyiwe ngenxa yokunqaba uNkulunkulu uneziqu ezintathu emunye, kanti mina empeleni ngangingafisi ukuzibandakanya nezimo zaloluhlobo. Ngavuma amaphuzu womngane wami ongumfundi kunokuthi ngikhethe ubuDodana bangempela ngingacabanganga ngakho ngokujula. Nangempela uJesu wayeyiwundlu elahlatshwa ekusekelweni komhlaba, kanti eyisethembiso salokhu ayezokwenza. Igama elithi Mesiya lalichaza umsebenzi nesikhundla seNdodana kaNkulunkulu ngakho belingakwazi ukuba lisetshenziswe ngalokhu okwakuseza. Igama elithi *Ndodana* alikhulumi ngomsebenzi nesikhundla, kepha likhuluma ngalokhu ayikho vele. Amaphuzu womngane wami ayephendulela igama elithi Ndodana libe *yisikhundla* noma umsebenzi, lingasabi umuntu *uqobo lwakhe*. Ingabe yini umahluko? Kungumahluko phakathi kwalokho *oyikho* nalokhu *okwenzayo*. Umahluko ungukwazeka ngobudlelwane kunokuthi wazeke ngalokhu okwenzayo nemisebenzi. Ingabe ubalulekile lomehluko? Njengoba ngiye ngayothola emva kwesikhathi, kungumahluko phakathi kokukhonza uNkulunkulu kunokukhonza uSathane.

Manje inhliziyo yami yase ivulekele izinto eziningi ngoThandiweyo wami. Kusenjalo ngazimela phakathi kwemiqondo emibili. Inhliziyo yami yakhekhela ngaseqinisweni lokuthi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu nangempela, kepha kwakukhona ezinye izinto engangingakwazi ukuzixazulula.

> Wayesithi kubo: "O nina eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi! Luka 24:25.

UYise onothando wangizwela ubuhlungu. Wayesazi ukuthi ngidinga amandla angaphezulu, nomuthi wamehlo kanye nokunxuselwa koThandiweyo wami ukuba ngilungisiswe ukuqondana neqiniso lonke. Zonke lezizinto zazitholakala endaweni engcwele. ISinkwa sasezulwini, ukukhanya kwezwe kanye nokunxuselwa nguKrestu ku-Altare, kwakuzonela ukuletha zonke izimpendulo ezazidingeka ukuba ngicabangisise ngazo ngaphambi kokuba ngamukele oThandiweyo wami ngokuphelele.

# 9. Ukukhanya Kwezwe



Izwi lakho liyisibane ezinyaweni zami, nokukhanya endleleni yami. AmaHubo 119:105.

Ukuphila kwakukuye, ukuphila kwakungukukhanya kwabantu. Johane 1:4.

Ngakho uJesu waphinda wakhuluma kubo, wathi: "Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila. Johane 8:12.

Njengoba ingqondo yami yase ivulekile iqinisweni lokuthi uJesu wayeyiNdodana, izicaphuno ezimbalwa emiBhalweni zaqala ukuveza ukukhanya okumangalisayo. Ngoba uJesu uyitshe legumbi, konke esicabanga kuyiqiniso kuncike ekuthini simqonda njani yena. Njenge siqu "sesibili sobuNkulunkulu oneziqu ezintathu," "iNdodana" yayibonakala njengomuntu owayesenza izimangaliso ezinkulu ngezithako ayenazo ngakuye. NjengeNdodana kaYise, ngaqala ukubona iNdodana eyamukela zonke izinto, nezibusiso zonke, nokuthandwa hhayi ngenxa yemisebenzi ethile eyenzayo, kodwa ngalokho eyikho. Lendlela yokubona izinto ayivelanga yabasobala kimina kodwa yayibonakala ngendlela engangifunda imiBhalo ngayo nangendlela engangiphatha ababengizungeze ngayo.

Nanoma ngangingenazo zonke izimpendulo ngoNkulunkulu oneziqu ezintathu, iqiniso ngobuDodana laguqula itshe legumbi lokukholwa kwami, kanti lelitshe legumbi elisha laqala ukuletha yonke ingxenye yempilo yami ekuvumelaneni nalo. UNkulunkulu engangimhlalise esihlalweni kusukela ebusheni bami wayebhekene nenkinga. Nanoma uJesu ngangisambuka njengomuntu onamandla kusukela ezithakweni zakhe, umbono wobuDodana bangempela wangivumela ukuba ngiqale ukulingisalesimiso nasempilweni

yami. Ngaqala ukulingisa umuntu owaye yamukela, umuntu obusisiwe nguYise kanti lokhu kwaqala ukuguqula zonke izinto.

Ngelinye iSabatha ngisahamba ngasemakhaya ngakithi, ngazithola ngicabanga ngokuzalwa kwendodana yami. Ngisacabangisisa ngalesi sigameko, ngikhumbula izizindlo zengqondo yami. Ngisayigonile indodana yami, ngenza umthandazo othi "Nkosi, ngicela ungavumeli kubekhona into ezongena phakathi kwami nendodana yami, ngicela engazi njengoba nginje." Ngoba manje besengivulekele embonweni wokuthi uJesu wayeyiNdodana yangempela, ngangilungele ukuzwa nalempendulo ecacile eyeza kimi ivela kuBaba osezulwini uma ngangihamba ngalelaSabatha elalithulile.

"Nami ngizizwa njalo ngawe"

Ngamangala. Ukuguquka kokuqonda ngokuthi uJesu ungubani, kwangivumela ukuba ngiqonde amandla akulomusho. UNkulunkulu wayeshilo ukuba akafuni kubekhona into eyayingasehlukanisa, kanti wayefisa ukuba ngimazi njengoba enjalo. Manje ngoba senginokuqonda ngokuthi uJesu uyiNdodana, nami ngangikwazi ukuba ngimlingise ngeqiniso, ngikholwe futhi ukuba nami ngiyindodana. Ubudodana bukaJesu kuYise benza isiqiniseko sobudodana bami kuBaba. Lokhu ngaqala ngakuqonda uma ngizwisisa okuthile ngeNdodana kaNkulunkulu.

> …Ngenyukela kuBaba noYihlo (wenu), kuNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu. Johane 20:17

> Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle [asenze saba ngabamukelekileyo] ngaye oThandiweyo. Efesu 1:6

Ngaphandle kwalendlela entsha yokuqonda, uma ngibona okwakushiwo nguBaba kimi, ngezwa amagagasi okunqaba athululela phezu komphefumulo wami. UMlingi wangikhumbuza ukwehluleka kwami kanye nezizathu ngangingafanele ukubizwa indodana. Lempi yaqhubeka isehla yenyuka enhliziyweni yami ukuthi ngingazibiza indodana nami noma cha, nokuthi uMdali wezulu nomhlaba wayefisile ukuthi sisondelane ngangikuthi kungabi nalutho olwaluzosihlukanisa. Kuzwakala njengephupho elingakholeki. UYise

osezulwini wayenyenye ekhulumisana nami ngokuthula, “ingabe uzokwenqaba ngempela ukunxusa kwami?”

“Ingabe ngenzani?” ngasho ngizibuza. “Cha Nkosi, ngikhetha ukukholwa ukuba ungithanda njengendodana. Empeleni angizwisisi ukuba lokhu kuza kanjani, kodwa ngiyakholwa.”

UBudodana bukaJesu baphenduka itshe legumbi lobudodana bami. Ngokubheka ubudodana bakhe ngangikwazi ukubiza nokubambelela kobami. Ukukhanya okwakukhona eNdodaneni ezelwe kwathululela phezu komoya wami. Konke lokhu kwakusenzeka ngaphakathi, ngingazi nokuthi lokhu kuhlangana kanjani no-*Trinity.* Ukwakha phezu kwalelitshe Elisha legumbi kwaba ngumsebenzi oqhubeka kancane kancane.

Ukuqonda kwami okusha ngobudodana kwabangela ukuthi ngibone kancono ukuncika kwami kuYise. Ngolunye usuku ngisafunda:

> Inyoka yathi kowesifazane: “Aniyikufa nokufa; (5) kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengonkulunkulu, nikwazi okuhle nokubi.”Genesis 3:4-5.

Kwavela kimina ngokushesha ukuba lawamanga aqokelele ngaphakathi isimiso sokuzimela nokunganciki kumuntu. Ngokukhulu ukulandelana ukukhanya kwafika engqondweni yami ukuthi ukuzimela kuchaza ukulahlekelwa yisibusiso okuchaza ukungabi nasisindo nanto yalutho. Lemicabango yaphenduka isiqalo *series* engayenzayo emva kwalokhu ebizwa ngokuthi *Identity Wars.* Lokhu kwalandelwa yincwadi ebizwa *Izimpi zemvelaphi.*[2] Nanoma benginganaki indlela inguquko ngokuqonda kwami ibisenzeka ngayo, kusenjalo ukuqonda ukuthi uJesu uyiNdodana ngempela kwalethela esisekelweni sefa, lokhu kwalethela esimisweni sokubakhona kwesibusiso, lokhu kwangiletha ekuqondeni ukubaluleka ngenxa

---

[2] bheka www.identitywars.org

yobudlelwano kunokuthola ukubaluleka ngenxa yeziqu nezinto esizifezayo ekuphileni.

Ngikhumbula kufika kimina ibanga lokuqala ukuthi uSathane wayezizwa engasiyo into yalutho ngenxa yalawa manga okuzimela ngokwakhe. Uma konke esiyikho nesikwenzayo kuvela kuNkulunkulu kuchaza ukuthi injabulo, nentokozo kanye nokuthula sizoba nakho kuchichima mhlazana savuma ukuba sikuthola kuMdali osinika khona. INdodana kaNkulunkulu lokhu iphila ikuphefumula njalo kahle kamhlophe. Akenzi lutho ngokwakhe, kepha uvuma njalo ukuthi uBaba ungumsuka omkhulu wakho konke. Kodwa uSathane wenqaba ukuvuma ukuba konke ayenakho kwavela kuNkulunkulu ngaye uKrestu. Lokhu kwamhluthulela isibusiso esivela kuBaba, njalo waphenduka uMqambi wobuze nokungabi yinto yalutho. Ngase ngiqala ukubona ukuthi imbewu yalobu buze nokungabi yinto yalutho ixhumene namanga anikezwa u-Adamu no-Eve ensimini. UBuze buqukethwe emangeni wokuzimela nokunganciki kumuntu ngalutho.

> Madodana abantu, koze kube nini ubukhosi bami budunyazwa na? Koze kube nini nithanda okuyize, nifuna amanga na? AmaHubo 4:2 (NKJV).

Uma sesihlanganisa amanga kaSathane nokufisa ukuzuza ukubaluleka ngemisebenzi yami kwasusa amaleya namaleya wenkohliso uMlingi ayengidukise ngawo. ISidingo sokwamukeleka ngenxa yemizamo yami ebandleni, nesidingo sokuhlala umatasatasa njalo, ukwahlulela abanye ngamaphutha abo konke kwaqala ukwambuka ngenxa yokukhanya okokuthi ukubaluleka kwethu asikutholi kulokhu esikwenzayo nesikufezayo kodwa kuLoyo esingabakhe.

Kuwo lawamanga wenyoka, ngaqala ngabonisisa ukuthi ukuphila kufunyanwa ngaphezulu. Ngaphambilini lokhu ngangikukholwa njengoba kulotshiwe nami ngikufunda phansi kepha ngoba manje itshe legumbi lokukholwa kwami lalibhidaniswe njengomuntu ozithemba yena ngokuphelele, imicabango yami yadideka. Ngase ngishaywa yilawa mavesi aseBhayibhelini:

> UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konke okukuwo, yena oyiNkosi yezulu nomhlaba, akahlali emathempelini enziwe ngezandla; (25) futhi

> akakhonzwa ngezandla zabantu ngokungathi udinga utho, yena obapha bonke ukuphila nokuphefumula nakho konke; IZenzo 17:24-25.

> Yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa, izibulo lezidalwa zonke, (16) Ngokuba zonke izinto zadalwa nguye, ezisemazulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathamandla; konke kwadalwa ngayo, kudalelwa yona; (17) Yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo. Kolose 1:15-17.

Unikeza ukuphila nokuphefumula kubo bonke abantu. Ngaye uJesu zonke izinto zimi noma zibambeke ndawonye. Lemicabango yabhamuka ngokukhanya okusha uma sengiqonda uBudodana bukaJesu. Ngangingazi ukuba zonke lezi zinto zihlangana kanjani, kodwa isakhiwo esisha ngezifundo zaseBhayibhelini sasivumelana ndawonye netshe legumbi loBudodana.

OThandiweyo wami waba muhle kunaphambilini uma kuvela ukukhanya kobuDodana bakhe emiBhalweni njengozamcolo. Kungakapheli iminyaka ukuqonda kwami ngendindiso kanye nempikiswano enkulu ephakathi kukaKrestu noSathane yaguquka ngendlela eyisimanga. UKukhanya Kwezwe kuvula ingqondo yami, ngasengilungele ukwamukeliswa iSinkwa.

# 10. ISinkwa Sokuphila



Umbono othi ucindezelo nobuze kwakuhlanganiswe namanga wokuzithemba waqala ukuba yincazelo kokuningi ekuweni komuntu, impi phakathi kokuhle nokubi nodaba lonke losindiso. Amehlo ami aqala ukuvulekela iqiniso elithi ukuwa komuntu esonweni kwakungukuwela ehlazweni nasebuzeni. Kuyisimo sokuhlala ngeqiniso lokuthi senza izinto uNkulunkulu angavumelani nazo. Ingqikithi yalesi simo esilusizi kuyisifiso sokuncika kumina kunokuthi umuntu encike kuNkulunkulu; Kuyisifiso sokwazeka nokwamukeleka ngalokhu esikwenzayo kunokuthi sazeke ngosipha zonke izinto.

Njengoba ngicabangisisa lezi zinto, amava kaJesu ngesikhathi ezwa izwi likaYise limtshela ukuthi uthandekile futhi wamukelekile njengeNdodana Yakhe, wayenomusho ngisho nakimi.

> Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi, "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." Mathewu 3:17.

Ekukhonzeni kwami kwaphambilini, kokukhonza uJesu ozithemba yena, angikwazanga ukumuzwa kahle uBaba ekhulumisana nami ngalawa mazwi. Kodwa manje ngenxa yokuqonda uJesu eyiNdodana kaNkulunkulu, lamazwi ashaya inhliziyo yami njengebhalisamu emphefumlweni wami. Ezingalweni zeNdodana ezelwe, ngibhekile, ngimthanda, ngiguqulwa nguye, ngiyakwazi ukuma lapho uJesu ayemi khona  ngizwe izwi likaYise osezulwini lingitshela ukuthi ngiyindodana yakhe ethandekayo, athokozile ngayo. Kepha lokhu ngikwazi ukukuzwa ngaye uKrestu kuphela, iNdodana kaNkulunkulu. Ngisacabanga ngalezi zinto ngaholelwa kulomusho olandelayo, umusho owaqinisekisa amava amnandi engangiwezwa.

> **Izwi elakhuluma noJesu lisho kumuntu wonke okholwayo, lona ungumntwana wami othandekayo, engithokozile ngaye.** "Bathandekayo, manje singamadodana kaNkulunkulu kepha

> akukabonakali esiyakuba yikho kodwa siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo." 1 Johane 3:2. UMhlengi wethu uvule indlela ukuba isoni esikhulu, esiswele kunazozonke, esicindezeleke nesihlukumezeke kakhulu, singabuyela emuva kuYise. *Desire of Ages*, page 113.

Khona lana kuMathewu 3:17 sithola imfihlo yalokho okulangazelelwa yinhliziyo yami, isifiso sami sokwazi ukuthi ngithandiwe nguMdali omkhulu womhlaba, nokuthi uthokozile ngami. Ngokubuka iNdodana kaNkulunkulu isezingalweni zikaYise, ngakwazi ukuthi nami ngizibone ngokholo nami ngiyame ezingalweni ezifanayo ngizwe namazwi afanayo eza nakimi. Ngokubuka iNdodana eyafumana ifa ingazange yenze into ethile ukuzibonakalisa kuBaba ukuthi ifanele, nami ngabanamandla wokwamukela lonke ifa uYise ayelangazelela ukunginika lona.

Ngifisa sengathi nganginokuqonda okugcwele ngobuDodana bukaJesu ngalesi sikhathi sokuphila kwami. UYise wayengivumela ukuthi nginambithe isinkwa sokuphila, o indlela esasimnandi ngayo, kodwa kusenjalo ukubambeka kwami kwi-Trinity kwabangela ukuba ngichithe isikhathi ngishona phansi naphezulu. Lokhu ngizokhuluma ngakho ngokugcwele esahlukweni esilandelayo, kodwa kubalulekile ukuthi ngisho ukuthi nanoma ngiyenganambitha uthando olumnandi lweNdodana ezelwe, ngangingaziboni ukuba ngisadidekile nokuthi nga ngakhe phezu kwesisekelo esingqondombili.

Ngaphandle kwalokhu, manje ngazizwa sengiba nemizuzwana yentokozo. Ngabambelela eqinisweni lokuthi uBaba uyathokoza ngami. Ngasengikubona lokhu manje; ngangikwazi ukukusho manje. Uma ngikhubeka ngiwa, bengizobheka eZwini likaNkulunkulu. Ingabe uYise wayesanentokozo ngeNdodana yakhe? Yebo! Kanjalo nami ngamukelekile koThandiweyo. Kufanele ngabe uyathokoza nangami. ISethembiso sempilo engunaphakade sasingamanga entweni ethile engangizenzela yona ngokwami ngoba ngangibheke eBhayibhelini uJesu owayengena kuzithemba okwakhe, kodwa owayencike ezethembisweni zikaYise.

Ngalezi zinto engqondweni, ngafunda indaba yonke yombhaphathizo kanye nokulwa kwasehlane njengempi okubangwa khona ubuDodana nendlela obuzuzeka ngayo. USathane waqhubeka elinga uJesu ukuba ezibonakalise uma eyiNdodana ngokwenza izimangaliso noma ebonakalise umhlaba amandla akhe. Ngabona udweshu lukaJesu noSathane kuyimpi yendlela ubudodana buchazwa ngayo. Ingabe kungukwethemba izwi elikhulunywa nguBaba noma kwamele kugcwaliseka noma kuboniswa ngalokhu okwenziwa yindodana yini?

Siphinde futhi, impi engangifunda ngayo ngoJesu ehlane kwakuyitshe legumbi lempi eyayiqhubeka ngaphakathi kwami. Ingabe ngumuphi umuntu engifisa abe yisibonelo sobudodana bami? Ingabe ngizama ukwenza izinto ezimangalisayo noma ngivele ngithembe izwi likaBaba? ISiqiniseko siphinde sabuya kimina futhi.

> "Abaningi babuka lempi eyayiphakathi kukaKrestu noSathane [ehlane] njengento engena lutho nosindiso lwezimpilo zabo; ngakho ayithathekisi nakancane kubo. Kodwa lempikiswano iphindeka ngaphakathi kwenhliziyo yawonke umuntu ophilayo." *Desire of Ages,* page 116.

Into ethathekisa kunazo zonke ngalokhu ngeyokuthi kunokuthi ngibheke kuJesu ngizame ukwenza njengoba ayeyenzile, umthetho wofuzo kanye nowefa uthi konke akwenzile ngikunikwa ngesihle.

> Makathi uhlushwa yisilingo sokuzithiba abheke uMsindisi elingeka ehlane. Mbheke ezinhlungwini zakhe emthini, ekhala ethi, "ngomile." Umelane wabekezelana nakho konke esasimele sikuthwale. UKunqoba kwakhe ngokwethu.*Desire of Ages,* page 123.

Ngicishe ngabhamuka ngenxa yobumnandi beZwi likaNkulunkulu. ISambulo esiligugu kangaka! UKunqoba kwakhe kungokwami, ngokukholwa. Ngangike ngazama ukubambelela kuleliqiniso ngaphambilini, kodwa uJesu owayezithemba okwakhe engangimkhonza phambilini wangenza ngahluleka ngaso sonke isikhathi, ngingaqondi ukuba konke kuza njengefa!

Uma sibona ubuze nokungabi yinto yalutho kuyingqikithi yokuwa komuntu kanye nokulahlekelwa ubudodana, ngazithola sengibona impi kaJesu ehlane emva kombhaphathizo wakhe kuyitshe legumbi ecebeni losindiso. ImiBhalo engcwele iphinde yakufakazela lokhu.

> Isibonakalo sokulingwa kukaKrestu ehlane kwakuyisisekelo secebo losindiso, kanti sinikeza umuntu owile isithumbululi nkinga sokuba naye, engakwazi ukunqoba, ngegama likaKrestu. *Confrontation,* page 63.

ISithumbululi nkinga sokunqoba sitholakala edweshwini lukaKrestu ehlane kanti siyisisekelo secebo losindiso. Ngikhumbula uma ngangifunda lawamazwi ibanga lokuqala, ngathi *INI!* "ISisekelo socebo losindiso sitholakala ehlane lokulingwa!" Kodwa manje kwakusenza umqondo konke.

Ngalendlela entsha yokuqonda ukuthi uJesu ubuye wayizuza njani imvelaphi noqobolwethu njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, manje kwase kukhanya lokhu ngomyalezo oka-Eliya.

> Bheka, ngiyakuthuma u-Eliya umprofethi ngaphambi kokuza kosuku olukhulu nelisabekayo lweNkosi: Uyakuphendula izinhliziyo zoyihlo ezinganeni, nezinhliziyo zezingane koyihlo, ngaphambi kokuba ngishaye izwe ngesiqalekiso. Malaki 4:5,6.

INgqikithi yomyalezo ka-Eliya kungukuphendulwa kwezinhliziyo zabantwana koyihlo, ezoyihlo ebantwaneni. Lokhu kwangilethela evesini elithi.

> Abantwana babantwana bangumqhele wabadala, nodumo lwabantwana lungoyise. IZaga 17:6.

Kanti lonke loludumo lubonakala uma sisembusweni othi:

> Usho kanje uJehova, uthi: "Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa, nokwahlulela, nokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo," usho uJehova. UJeremiya 9:23-24.

Njengendodana kaNkulunkulu yangempela, kwakungadingeki ukuba ngizishaye isifuba ngokuhlakanipha kwami, noma amandla ami, noma oncebo yami; Kwakudingeka ukuba ngizibonge ngokwazi uYise ngaye uKrestu. Ngikhumbula ngishumayela ngalezi zimiso kwesinye isixuku eSydney, ngikhumbula intokozo eyayimanyezela ebusweni babanye ngokuqonda lezizinto ngombuso kaBaba.

Kusasa, ngavuswa ngizwa kuculwa. Ngezwa engqondweni yami amazwi esihlabelelo esaziwa umhlaba wonke sika Charles Wesley.

*And can it be that I should gain*
*an interest in the Savior's blood?*
*Died He for me, who caused His pain-*
*for me, who Him to death pursued?*
*Amazing love! How can it be,*
*that Thou, my God, shouldst die for me?*
*Amazing love! How can it be,*
*that Thou, my God, shouldst die for me?*

Njengoba ngizindla ngalawa mazwi nokuqiniseka kobudodana bami kuYise ngaye uKrestu, nokuthi nangempela uBaba wami osezulwini wayeludumo lwami, ngezwa uthando olumangalisayo luwela phezu kwami, intokozo kanye nokuthula. Uthando engaluzwa lwalulukhulu ngangokuthi angikwazanga ukukhuluma ngenxa yezinyembezi zentokozo ezehla. Empeleni angikwazi ukuchaza ngokugcwele ngamazwi indlela engangizizwa ngayo. Ngalesi sikhathi, ngafikelwa ngumqondo owodwa voh othi:

"Thatha lomyalezo emhlabeni wonke"

Nangempela lona kwakungumyalezo owawumele uzwiwe yiwowonke umuntu. Angizamanga ukumelana nalengqondo, kepha ngathandazela amandla wokwabelana nabanye lomyalezo oligugu ochaza ukuthi kusho ukuthini ukuba yindodana kaNkulunkulu ngaye uKrestu. Njengoba ngangihlezi ngicabangisisa zonke iziqu zalomyalezo engangizifunde ngesikhathi esifushane kakhulu, ngicabanga nangokuthi zibe yisibusiso esingakanani

empilweni yami, ngivele  ngadumisa uBaba kanye neNkosi yethu uJesu ngezinto ezimangalisa kangaka. Lonke lolulwazi olumnandi lwavela ekukhanyeni komuntu oyiNdodana kaNkulunkulu.

UKusukela ngalesi sikhathi ngaba nesifiso sokuqhubekela phambili, nokwabelana intokozo engangiyitholile. Kodwa nanoma ngangiqhubekela phambili, kwakusekhona izinto engangisalindelwe ukuba ngizifunde, izinto ezazizongivumela ukuba ngingene ngempela endaweni engcwele ngcwele.

## IKhefu II

Ngokuthula kokusa, ngamlinda. OThandiweyo wami wayedlula ngaphezu kwezintaba, izindlela ezigwegwile uyaziqondisa. Ukuhlanganyela kwethu kumnandi. Uyahebeza kimi esencebweni yakhe ayifumane njengefa; amazwi akhe awa njengoluju ezindebeni zomlomo wami. Indlela amazwi akhe amnandi ngayo kimi.

Njengomthombo ojulileyo, oThandiweyo wami ugeleza umfudlana wekristalu lamanzi okuphila emphefumlweni wami. Ngiyathokoza ukunambitha lamanzi okuphila kodwa kusenjalo kusanezinto ezisangishiya ngididekile. OThandiweyo wami, xolela ukwephuza kwenhliziyo yami ukubamba lonke ulwazi ozama ukunginika lona. Ngicela ungivumele ngithi ukuphumula kancane, ngithathe isikhathi sokucabangisisa ngalezi zinto ezimnandi.

Uma ngabe babekwazi oThandiweyo, ngifisa wawusaziwa nangempela yizakhamuzi zezwe lakithi! Babezoba nokuqonda ukuthi kungani ngikuthanda kangaka, nokuthi kungani ukuhlanganyela nawe ndawonye kumnandi kangaka. Ngigcwele ngokubonga enhliziyweni yami ngokungibonisa indlela eya kuYise ngobuDodana bakho. Ngizwa uthando uBaba analo ngawe enhliziyweni yami, nginofakazi lokuthi nangempela ngiyindlalifa kanye nawe, oThandiweyo Wami. Wamuhle ngempela.

Uzongithatha yini, oThandiweyo wami, ungise endaweni engcwele ngcwele? Sekukudala nginesifiso sokuthola isango lokungena, kepha ngikhubeka ngisiwa ngenyembezi emehlweni zamahloni. Njengendodana ka-Adamu wokuqala, ngiyimpumputhe ekutheni ngizolithola kanjani isango lokungena. Uzongithatha yini, oThandiweyo wami? Uzongiyisa yini endaweni efihlakele yongaPhezu Konke? Ngiyazi ukuthi angifanele, kepha ngibeka ithemba lami kuwe, oThandiweyo wami, ngoba uyindlela eya ekuphileni.

> Ngavuka ukumvulela oThandiweyo wami; izandla zami zaconsa imure, neminwe yami imure elimanzi phezu kwezibambo zesihluthulelo. (6) Ngamvulela-ke oThandiweyo wami, kepha oThandiweyo wami

ubephendukile, wamuka; umphefumulo wami wawuphela ngokukhuluma kwakhe, ngamfuna, kepha angamthola; ngambiza, kodwa akaphendulanga. ISihlabelelo 5:5-6.

# ISahluko 3. UKuma Phakathi Kwemibono Emibili

## 11. Impi Ephakathi KweNyama noMoya

Kwakudikibalisa ngempela! Lonke lolwazi ngoThandiweyo wami olwalukhona kodwa lokho akungivimbelanga ukuba ngingahehwa nokudukiswa kalulanje ngumlingi wami ngezindlela eziningi ezishiyene. Umlingi wayethathe ithuba ngobusha nokukhula kwami ukuba efake uphawu lwakhe emoyeni wami uthando lokulula, nobumnandi kanye nokukhanuka kwezinto ezishiyene. Wayengifundise ngomoya wokuzithemba mina esebenzisa umphakathi engangihlala kuwo, imfundo kanye nothando lwemidlalo.

Njengoba oThandiweyo wami wayeqala ukuziveza ngokungaphezulu, ngazithola ngisemathandweni naye nangaphezulu, isithandwa sami sakuqala sazama ukulwa enqabe ngami, ezame ukungisusa koThandiweyo wami lokho ayekulahlekelwe. Nanoma uJesu ngangimthanda kakhulu, ngangingazi ukuba inyama yami ewile ibusa okungakanani empilweni yami. Into embi kunazo zonke ngenyama ewile kuyisiqi esokusebenzisa ilojiki ehlanganiswe namangaukufihla isisusa sangempela kanye nesifiso.

> Ngubani owazi iziphosiso zakhe na? Ngithethelele kwezisithekileyo. AmaHubo 19:12.
>
> Inhliziyo iyakhohlisa ngaphezu kwakho konke, futhi imbi; ngubani ongayazi na? (10) Mina Jehova ngivivinya inhliziyo, ngihlola izinso ukuba nginike, kube yilowo nalowo njengezindlela zakhe, njengezithelo zezenzo zakhe." UJeremiya 17:9-10.

Ngesikhathi ngisezwa ubumnandi bezwi endaweni engcwele, ngazithola ngibhekene nqo nezilingo ezimbalwa engangibhekene nazo empilweni yami endala. Ngezinye izikhathi bengiphoqeleka ukuba ngihlale phansi ngibheke umncintiswano noma umdlalo thizeni kumabonakude. Ngezikhathi eziningi bengizozinikela ngangizobuka vele, kepha emva kwesikhashana nje ngingatholi isaneliso nakancane. Ngazizwa ngibambekile kepha ngingaqondi

ukuba kungani na.Ngangithandazele ukunqoba, kepha isifiso sasizohlala njalo nami. Ngisase musha, nganginesisusa sokuvela ngingolungileyo, nabanye nje ontanga bami nabo babegqugqzeleka ngalendlela efanayo. Lokhu kwangenza ngabonakala njengomuntu onokunqoba ezilingweni eziningi, kodwa konke lokhu kwakuliphupho kanti nomlingi wayekwazi kahle kamhlophe lokhu.

Ukunqoba okuningi empilweni yami ngakuthola kanzima kakhulu. Ngama phambi kwendawo engcwele ngcwele nginesifiso sokuba ngingene, kodwa kwakukhona okwakungivimba ukuba ngingangeni kanti ngingenakuqonda ukuba kuyini. Ukufunda kwami kwencwadi yeSambulo nekaDaniyeli yangiqondisa ukuba umsebenzi wokunxusela wawuzoma maduze, kanti yilowo kuphela owenze izingubo zakhe zabamhlophe ngokulunga kukaJesu ozongena emzini. Ngabona abangane bami abambalwa bedela imizamo yabo yokungena endaweni engcwele ngcwele, baqala ukufundisa ukuthi ngenxa yothando lwakhe ngezoni, wayezobavikela abamboze ngempilo yakhe ezonweni zabo aze abuye. ISifundo sokunqoba kwezono zonke saphenduka ukukhula komkrestu, ngoba phela kwakungena kwenzeka ukuthi umthetho kaNkulunkulu ubungagcineka wonke.

Engangikufunda emiBhalweni kwakumelene nalokho iningi lezihlobo zami belikusho, kodwa kusenjalo amava ami nawo ayebonakala sengathi avumelana nabo. Ngangingakusho kanjani ukuthi ngiyakholwa ekunqobeni kwezono zonke uma amava engangibe nawo ayengakutshengisi lokhu? Nginalungelo liphi lokunikeza abantu ithemba lokunqoba ekuphileni uma mina ngangingangqobanga uqobo lwami?

Uma ngangizowela esilingweni, ngangikwazi ukuthi uBaba wayengithanda, nokuthi ngoKrestu ngiyaxolelwa, kepha ngangifisa ukuhamba nomsindisi wami zonke izikhathi, nokuba ngimgwaze ngamazwi amabi anganakile, nezenzo zami ezingacabangiwe ezazibonakala zinobugovu. Yebo, uNkulunkulu uyasixolela, kodwa isono sodala ubuhlungu ebudlelwaneni bethu. Ngangizothola eBhayibhelini isethembiso sokuthi ngingakwazi

ukuyeka ukuzwisa abanye abangizungezile ubuhlungu, kepha esikhathini esiningi ngangihluleka.

> Kepha kuyena onamandla okunilinda ukuba ningakhubeki, nimiswe phambi kwenkazimulo yakhe ningenasici, ninokuthokoza okukhulu,Jude 24.
>
> Njengokuba uKristu wahlupheka enyameni, hlomani nani ukuqonda okunjalo, ngokuba ohluphekile enyameni uyekile ukona,1 Petru 4:1.
>
> Lowo ohlala kuye akoni; lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi. (7) Bantwana, maningadukiswa muntu; owenza ukulunga ulungile, njengokuba Naye elungile.1 Johane 3:6-7.
>
> Ngalokho uthando luphelelisiwe kithi, ukuze sibe nesibindi ngosuku lokwahlulelwa, ngokuba njengalokhu enjalo yena, sinjalo nathi kuleli zwe.1 Johane 4:17.
>
> Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu. ISambulo 14:12.

UMsindisi wami onothando nokuhlakanipha wangivumela ukuba ngivune umphumela wokungaqondi kwami engangisakubambelele. Lezi zikhathi zokulwa kwami nokulingwa, kanye nokukhonza kwezithombe kwaba nomthelela wokuthi ngifune noma ngiseshe izingcezu ezazingekho. Ngaso sonke isikhathi uma ngiguqa phambi kukaBaba, ngimcela ukuhlakanipha kanye nokuqonda ngoJesu, ngangisondezwa ekukhanyeni.

Omunye usengacabanga ukuthi ulwazi enganginalo ngoJesu engumsindisi wezono zezwe lwaluwulwazi olwanele, nokuthi kwakungadingekile ukuba ngizihluphe ngezinye izinto. Indaba ingukuthi izilingo zaqhubeka zibuya usuku nosuku, kanti ukubonakala kwemvelo ewile kwakuzwisa abanye abantu ubuhlungu.Iqiniso ngelithi ulwazi enganginalo ngoJesu lwaludidekile. Engqondweni yami umehluko awubanga khona ngezwi loThandiweyo wami kanye nezwi lomlingi wami ezigabeni ezithile.

Imizamo yami yokukhonza nokuphakamisa uMsindisi wami, yayixubene nezinye izindlela esingazivezelwanga emiBhalweni. Ngokungazi kwami uJesu

wayevela njengomuntu ozithemba yena. Lezi zinto zeza ngenxa yokhokho bami ekukholweni, kanti futhi zazivumelana nemvelo yami ewile. UJesu engangizitshela ukuba ngiyamkhonza wayeyisidalwa sezizindlo zengqondo yami, uJesu oqukethe ekujuleni kwenhliziyo yakhe ukuzithemba nokunganciki emuntwini ngalutho, engangikunambithe ekukhuleni kwami kanti futhi kufundiswa kakhulukazi ngumlingi.

Lonke ulwazi enganginalo ngoJesu luvele kulokhu engangikufundisiwe ekhaya kanye nasebandleni. Ngangifundiswe ukuba uJesu unguNkulunkulu, uBaba unguNkulunkulu, noMoya unguNkulunkulu naye. Ngangifundiswe ukuthi bonke banobuNkulunkulu ngakho bayalingana. Ukuqonda kwami ngalokhu kulingana ngemvelo kwakungukuthi bayazithemba ngokwabo, kanti lokhu kuvela eqinisweni elithi banamandla, nemikhono kanye nolwazi abanalo kubona. Ngakho angibuzanga ukuthi ingabe uBaba, baneNdodana kanye noMoya balingana kanjani. Ngivele ngathatha kalula  ngacabanga ukuba lokhu kuchaza ukuthibabenamandla nezikhundla ezilinganayo. Emhlabeni esiphila kuwo ukulingana kuchaza lokho vele ngakho ngiye ngacabanga ukuthi kuyafana nangoNkulunkulu. Akuvelanga kimi ukuthi uma uNkulunkulu engabantu abathathu abalinganayo, lokho kwakuchaza ukuthi amagama abo ayezoshintsha. Amagama athi u*Yise neNdodana* yakhe wayengaphinde asho lokho akushoyo. Uma uYise neNdodana belingana ngamandla, nangeminyaka kanye nezikhundla akuna kwenzeka ukuthi umuntu wesibili evele noma eqhamuke komunye ngoba lokho kuzochaza ukuthi owesibili uthembele noma uncikile futhi ungaphansi kowokuqala.

Amanga kaSathane ku-Eva wayethi thina siyizidalwa ezingadingi muntu, ezingazethamba ngokwazo; imvelo yethu iphawulwe ngalawa manga kanti adlula esizukulwaneni esisodwa esiya kwesinye. Umlingi wasebenzisa izwi lakhe ukungifundisa ngalendlela yokuphila esebenzisa umndeni wami, imfundo kanye namava engaba nawo emphakathini wakithi. Ngesikhathi ngidayiselwa umbono kaJesu ongumuntu onokuzethemba ngokwakhe, kodwa obonakalisa ukuthobeka nokulalela esenzela thina, ngawuthemba. Ukuqonda ubuNkulunkulu bungukuphatha amandla onke, nobukhosi

ngaphezu kwabanye kanye nokuzithemba mina kwakuvumelana nalemfundiso ye-*Trinity.* Imfundiso eveza abantu abathathu abanamandla beyimbumba eyodwa ehlanganiswa ngumndeni owodwa.

Angikwazanga ukubona ukuthi ngobuqili obuthile, uNkulunkulu ophilayo neNdodana yakhe babexubiwe bahlanganiswa nonkulunkulu wamanga owayethandeka yilemvelo yami ewile. Ngezinye izikhathi ngangizobheka kakhulukazi ubudlelwano bukaBaba neNdodana ngidonseke kubo. Kodwa bengizophinda ngizifumane ngibheka ekuzithembeni kwabo, namandla negunya abaliphethe, kanti lokhu kwakuzongenza ukuba nami ngibenjalo.

Umoya wokuzithemba ubuvumelana nemidlalo namafilimu amaningi. Uma ngangizobheka umdlali wama-Olimpiki ebonakalisa ngamakhono akhe nobuhlakani anabo ukuthi ezuze indondo yegolide, ngadonseka kulokhu ngoba ingxenye yoNkulunkulu engangimkhonza yayibonakalisa amandla, ukuhlakanipha kwayo kanye nemikhono, iveza nokubonakalisa ukuzithemba kwayo. Uma ngangibheka iqembu lamadoda lifohla ukuthola indlela kwindonga yamanye amadoda ukuba ibeke ibhola emugqeni, ngawezwa amandla ngashaya nezandla ngalokhu engangikubona. kwakuvumelana nenye into eyayisenyameni yami. Kusenjalo, lomoya ubumelane noJesu omnene nothobekile enhliziyweni, owayesenza izinto ezazithokozisa uYise njalo. Akenzanga lutho ngokuzithemba kepha wathemba yebo waphonsela konke ezandleni zikaYise. Lomoya ubungasiyo owemvelo yami, kodwa ngenxa yokuhlanganyela noThandiweyo wami, ngaqala ukunambitha loMoya ngawulambela nangaphezulu. Lokhu kwadala ingxabano enkulu ngaphakathi kimina.

> Ngokuba inyama ikhanuka okuphambene noMoya, kepha uMoya ukhanuka okuphambene nenyama, ngokuba lezizinto ziyamelana, ukuze ningenzi lokho enikuthandayo. Galathiya 5:17.

> Wo! Mina muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulomzimba wokufa na? (25) Makabongwe uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngalokho-ke mina ngokwami ngikhonza umthetho kaNkulunkulu ngengqondo kepha umthetho wesono ngenyama. AmaRoma 7:24-25.

Impi eyayiqhubeka enhliziyweni yami ibiphakathi kwemiqondo emibili ngoKrestu engangimthanda. Isithandwa sasebusheni bami sasingumzamo wokuzivikela njengomuntu ozithemba ngokwakhe, onamandla owayethandwa futhi ehlonishwa kakhulu yilabo ababemzungezile. Kanti umuntu wesibili obenguJesu omnene nothobekile enhliziyweni, owayethanda uYihlo futhi ethemba ukuba konke ayenakho kwavela Kuye. Ngaphandle kokubheka amakhono, namathalente loMsindisi wayebusisekile futhi ethandwa nguBaba ngoba wayeqhamuke wavela kuye kwaphela.

Ngangivaleleke kulempi ephakathi kwalemibono emibili ngoKrestu ngoba imfundiso elungiswe ngobuhlakani ye-*Trinity* yayikwenza kubenzima ukuyihlukanisa lemibono emibili. Kwakukhona ezinye izinto emphakathini ezabangela ukuthi ubunzima bami bokubona lomahluko bande. Manje sizothi ukubheka lezi zinto.

## 12. Inxushushu yomumo nemvelaphi eguqukayo



UKhisimusi kwakuyisikhathi esimnandi kakhulu kimi ngisasemncane. Ngikhumbula abantu begqoka njengo Santa Claus, benikeza izingane izipho ezindaweni zokudayisa lapho sasithenga khona ukudla. Ngikhumbula kahle kamhlophe nendaba yokuzalwa kukaJesu idlalwa ngokuthembeka phambi kwebandla nge Sabatha Sikole.

Uma ngikhula, ngabona abalingiswa bamafilimu begqokiswa kahle, bedlala indima yokusindisa kwezwe noma kwedolobha. Ubusha bami kanye nokukhula kwami konke kwakugcwele nge-*drama*. Umbono womuntu othatha imvelaphi noqobo lomunye umuntu ngenhloso yokufundisa iphuzu elithile yabayingqikithi yempilo yami. Ngemuva kokubheka amahola ayizinkulungwane wabantu abathatha imvelaphi engasiyo yabo ngenhloso yokufundisa iphuzu elithile, ngazithola ngidungekile emqondweni ukuthi lena kwakumele kube yindlela izinto ezisebenza ngayo emhlabeni. Lokhu angikufundiswanga muntu, kodwa ngakubamba ngenxa yomphakathi namasiko.

Injwayelo yokubheka abantu bethatha enye imvelaphi yaphenduka ifastela lokuthi nami ngizicabange ngingomunye umuntu onamandla kunalokho engangiyikho khona. Ukubheka amafilimu kwabayinto engibambeka kuyo uma ngifuna ukuthatha enye imvelaphi ukuba ngizicabange ngisesigabeni lapho khona ngizuza inhlonipho nokunakwa engangikulangazelela kangaka.

Njengoba ngangikhula ngibangumuntu omusha, izifiso zami zobuntwana kwabanzima ukuthi ngizifeze, ifastela lokugqokiswa enye imvelaphi laba yimpendulo, nesixazululinkinga sokuhlala ngamanga wokuzimela nokunganciki kumuntu. Imfihlo ibingukuhlanganisa imvelaphi noqobo lwami nelaloyo engangifisa ukuba njengaye. Ngokufundiswa yisithandwa sami sokuqala, sasebuntwaneni, ifastela elilethela ekuzuzeni kwamandla

lalingukunikela ngemvelaphi yami. Akuvelanga kimina ukuthi lendlela ibizobiza imvelaphi yami, ngoba uma kunento eyayibalulekile kwakungukuthi ngizuze amandla. Ukungigcina ngigqilazekile emangeni wokuzimela nokunganciki kumuntu, umlingi wasebenzisa amafilimu njengengqikithi. Konke lokhu kwangenza impumputhe ukuze ngingaboni ukuthi uma ngikhonza u-*Trinity,* ngisuka ngikhonza izithixo.

U-*Trinity* wayeyisibonakaliso esiphelele sokugqoka isimo nemvelaphi ethile ngenhloso yokufeza umsebenzi othile; iziqu ezintathu ezathatha zembatha isimo sikaYise, neNdodana noMoya ngenhloso yokuveza isifundo esiqavile ngodaba lwensindiso. Lokhu kwakuvumelana kahle nendlela yamafilimu engangikhuliswe ngayo. Ngiphinde futhi, lendaba yayivumelana nemvelo yami ewile ngoba kwakunje ngokuphefumula.

Njengalokhu kungavelanga kimi ukuthi ukuthatha enye imvelaphi kudala ukuba umuntu engasaqondi ukuba ungubani, kanjalo akuvelenga kimi ukuthi uma ngikholwa abantu abathathu abangoNkulunkulu abathatha esinye isimo noma enye imvelo kubangela ukulahlekelwa nokudideka ngokuthi bangobani. Lokhu kwaba yimfihlakalo kaNkulunkulu! Engqondweni yami ewile, kwakusenza umqondo konke lokhu.

Akumelanga kusilahlekele ukuthi amanga ayingqikithi atshelwa u-Eva, wavela ngesidalwa esasiguqule imvelaphi noqobo lwaso, kwaba ngesihluke kakhulu. Masingakhohlwa ukuthi imvelo yethu ewile evela ku-Adamu iphawulwe ngomyalezo wokuzithemba owavela kusetshenziswa esidalweni esasiziguqule nemvelaphi yaso.

Lomyalezo wagxila engqondweni yami nangaphezulu ngokubheka amaqhawe wabalingiswa abanjengo-*Superman,* no-*Spiderman* nabanye. Labalingiswa babenamandla ngaphakathi kubona ababengawasebenzisa uma sebeguqukile. Lawa mandla ayezosetshenziswa ngenhloso enhle emphakathini. Isimiso esiyingqikithi esasifundiswa lapha ngesithi *finyelela amandla ngaphakathi ngokuguqula imvelaphi yakho.* Lesifundo saphindwaphindwa kimi. Kunokuthi ngifundiswe ukuwaphansi ngamadolo

ngithandaze kuBaba osezulwini, ngaboniswa ukuthi amaqhawe ayebiza amandla angaphakathi ngokuziguqula. Ngiphinda futhi, ngangiphuza umoya wokuzithemba ngiguqukile.

Ngisase ngumuntu omusha, ngahlangabezana nenye indlela yokuzithemba nenguquko yami. I-*series* ebizwa ngokuthi *Star Wars* ebhalwe ngu-George Lucas yayiveza amaqhawe ayo njengezikhulu zokuzindla ngengqondo. Ngokulandela imizwa engaphakathi nokugxila, umuntu angenza okuningi azuze nodumo kwabambhekile. Lesi kwakuyisingeniso ekukhonzeni kwezithixo okwavela empumalanga.

Njalo-ke, ngenxa yazo zonke lezizizathu ngazithola ngidonseka kumabonakude ukufeza imikhuba kankulunkulu wamanga wasebuntwaneni bami, ozithemba ngenxa yokuba nemvelo eguqukileyo. Ngangizozicabanga ngingumlingiswa omqoka nomkhulu kunabo bonke efilimini ngizizwe nginamandla akhe. Uma nje ngangizoqhubeka ukukhonza unkulunkulu owayeziguqula aphinde azethembe ngokwakhe, uthando lwezemidlalo, namafilimu kanye nezinganekwane lwalungeke lungishiye.

Enye imfundiso engayithola kumabonakude yayisithi opposites attract. Indaba yonke yokumnyama/nokumhlophe, yin/yang uma ivezwa izinto ezihlukene ezihlanganiswa ukwenzela amandla angaphezulu, intokozo kanye nokwaneliseka. Lemfundiso ibiphelele ukuba ihlanganise uJesu onamandla ozithembayo osezulwininoJesu othobelayo, olalelayo nothobekile esemhlabeni ukuba ekhonzwe uJesu onjalo.

Njengoba ngibheka emuva namhlanje ngiyabona ukuba ukuhlobana kwami nomphakathi ekukhuleni kwami kwadala ukuthi ngilungiselele ukwamukela unkulunkulu we-*Trinity* njengongento enhle nejwayelekileyo, okungamele kube nemibuzo ngayo. Ukugcizelela ekubhekeni ngaphakathi komoya wokuzithemba kwakuvumelana kahle nesithombe salaba bantu abathathu abaziguqula bathatha isimo sikaYise, neNdodana kanye noMoya.

Umlingiswa woThandiweyo wami owayethemba uYise, ehlezi njalo elalela ebheke kuye ngakho konke wayehlanganiswe wagwinywa yizithombe

enganginazo engqondweni yami zomuntu ozithemba ngokwakhe, obheka ngaphakathi kuye, aguquke uNkulunkulu onamandla.

Uma nje ngangiqonde lamazwi ngabe izinto ziye zabalula kakhulu:

> UJesu Kristu nguyena izolo nanamuhla, yebo, naphakade. KumaHeberu 13:8.

Kanti futhi nezinye izinto bezizakubalula kakhulu uma nje ngangifunde iBhayibheli njengoba libhaliwe. Kodwa, indlela engangikhuliswe ngayo nemfundiso engayithola esikolweni yafaka inkwethu emehlweni ami eyangivimbela ukuba ngibone.

## 13. IMidlalo Yengqondo



Ngolunye usuku sidlala nabangane esikolweni, ngezwa omunye wamemeza igama lami ngokujulileyo, "Adiran! Ibhulukwe lakho lidabukile." Inhliziyo yami yashaya kakhulu uma ngijika ngokushesha ukuthola okuthi lidabuke kuphi. Ngase ngizwa ichorus yokuhleka inamazwi athi "Ngakuthola!" Siyakwamukela ezweni lokuhlekisa. Esikhathini esiningi impilo yami yaphenduka umdlalo wokuphosa lemicibisholo yenkohliso, nokubalekela eyayiphoswa ngabanye.

> Njengohlanya oluphonsa izikhuni nemicibisholo ebulalayo, (19) unjalo umuntu okhohlisa umakhelwane wakhe, ethi; "Angithi ngiyadlala nje na?" IZaga 26:18-19.

Kwakuhlambalaza ngempela ukuba yinhlekisa yegumbi labantu abasha. Lamava angifundisa ukuthi kwamele ngiqine, ngingalimazeki kalula, ngingathembi muntu, phezu kwakho konke ngiqaphele ukungathathi njengeqiniso konke okushiwo ngabantu.

Isici esiyingqikithi ngokuhlekisa kungukusho into ephambene neqiniso, nokudonsa abacabanga njengengane, noma abathatha into njengoba injalo badideke ukwenzela ukuthi abanye abantu bahleke. Ngisasemusha, ngangingcwila kulomyalo wenkohliso, nokudida abanye nokuzijabulisa ngokuguqula amazwi asho into ephambene nalokho echaza yona ngokujwayelekile. Enye yezinto zakuqala Othandiweyo wami wangiqondisa kuzo emva kokuphenduka kwami kwakuyisimiso sokusho into njengoba injalo, ngisho into engifisa ukuyiveza njengoba injalo.

> Kepha okwenu makube ngokuthi: Yebo, yebo; noma qhabo, qhabo. Okudlula kulokhu kuvela kokubi. Mathewu 5:37.

Lemicibisholo yadlala indima ekunginqabeleni ukuba ngingene ngesango elincane eliletha endaweni engcwele. Ngaqondiseka kakhulukazi mhlazana

ngifunda ukuthi ukuntela nokuhlekisa kwakungolunye uhlobo lokuqamba amanga, ngakho ukweqa komthetho wesishiyagalolunye.

> Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho. Eksodusi 20:16.

Ngafunda ukuthi enye yezinto abalandeli bakaJesu babengazufunyanwa nankohliso emlonyeni yabo.

> Ngokuba nibizelwe khona lokho, ngokuba uKristu wahlushwa ngenxa yenu, enishiyela isibonelo sokuba nilandele ezinyathelweni zakhe, (22) "Ongenzanga sono, akafunyanwanga (ngisho) nankohliso emlonyeni wakhe,"1 Petru 2:21-22.

> Labo yibo abangangcoliswa ngowesifazane, ngokuba bayizintombi. Labo yibo abalandela iWundlu noma liyaphi. Labo bathengwa ebantwini, babe lulibo kuNkulunkulu nakulo iWundlu. (5) Nasemlonyeni wabo akufunyaniswanga nkohliso, ngoba abana sici phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu sobukhosi. ISambulo 14:4-5.

Incazelo yenkohliso ithi:

> Ukuheha omunye; (qhathanisa ne G1185); iqhinga (bait), lokho kuchaza ukuthi, (figuratively) nkohliso: - Ubuqili, ukukhohlisa.

Okuthathekisa kakhulu kimi, kungukuthi indawo engaba namava nalomoya wenkohliso kakhulu kwakuyisikhathi ngifundela ubufundisi. Bengihlangana nobunzima njalo ukuthi ngingazitholi ngikhekhela ohlangothini lomoya wokuhlekisa ngokusebenzisa ubuciko bokuhlekisa. Kwakumele ngithandaze kakhulu ukuthola usizo ukuba nginqobe lokhu. Ngaso sonke isikhathi uma ngizama ukufunda uBhayibheli njengoba libhaliwe, ngilichaze ngokucacileyo, ezindlebeni zami ngangizozwa ukuhleka nokugxekwa.

Imfundiso yomlingi yokuhlekisa yangifundisa ukuthi ngingathathi amazwi njengoba enjalo, kodwa ngihlale njalo ngifuna incazelo engaba ifihliwe. Ngasebenzisa ukuhlekisa kakhulu ukwamukela izimiso zokufunda kweBhayibheli kwase-Alexandria. Incazelo yamazwi yangempela ayitholakali

emushweni njengoba siwufunda kodwa ifihlakele. Ukuhlekisa kwakungumdlalo wengqondo owabanomthelela kakhuluekufundeni iBhayibheli kwami, kanye nemvelaphi noqobo loThandiweyo wami.

Izindlela ezisobala zokusho indaba noma istori esizibona kumabonakude yangifundisa umqondo obizwa *parallel realities*. Ngezinkathi ezishiyene zokuphila kwami ngaba namathuba okubona ama-*Soap opera* kumabonakude awemindeni yenza izinto ezilula nje. Lama soap opera wayengama-*series* okuchaza ukuthi ayebakhona usuku nosuku noma iviki ngeviki. Ngesikhathi esifishane nje, ngazithola senginolwazi ngabalingiswa balama soap opera, kanti abanye ngizizwe nginozwelo nabo. Labalingiswa baphenduka abantu abadlala inxenye enkulu empilweni yami ngangokuthi ngangizothatha isikhathi ngicabange ngiphupha ngiphila phakathi kwabo, emhlabeni wabo, ngiphatheke kabi ngezimo ababehlangabezana nazo, ngesinye isikhathi ngize ngiphuphe ngabo besemhlabeni engiphila kuwo.

Lama-*soap opera* ayengivumela ukuba ngingene kwelinye izwe noma empilweni ehlukile engqondweni yami. Ngesikhathi esifanayo bengikwazi ukuthi ngizikhiphe kuwo lowo mhlaba. Isibonelo, uma ngangibheke into eyayithusa kakhulu, ngangizozitshela ukuthi, “haybo, ngibheke ifilimu kuphela njena.” Lokhu kwangivumela ukuthi ngibenawo wonke amava nemizwa ye-*parallel reality,* noma ukuphila emhlabeni emibili ngesikhathi esisodwa, kodwa ngikwazi ukusuka komunye umhlaba uma kungemnandi ukuba kuwo ngaleso sikhathi. Lento yayinamandla kakhulu ngama-*soap opera* nama-*series,* amafilimu ayebanomthelela ofanayo nawo. Ukusetshenziswa kwabantu kokubonwayo nokuzwayo njengakumabonakude kwadala umhlaba obungibiza ukuba ngiphume kulowo engangiphila kuwo.

Kungakhathazeki ukuthi ngibheka amafilimu akhuluma ngani, ukuphila emhlabeni emibili kwaba nomthelela endleleni engangifunda iBhayibheli ngayo. Lokhu kwadala ukuba uJesu aphile impilo ehlukene kabili elapha emhlabeni. Akwenza elapha emhlabeni akusikho ayeyikho khona ngempela. Wayengasiyo iNdodana encike nethembela kuBaba ngempela, wayevele wathatha enye imvelo ngenhloso yokuba efundise thina into ethile ngokuziphatha. Lokhu kwakufana namafilimu engangike ngawabuka. Iningi

lawo ayezama ukuveza isifundo esithile nangempilo yami engangingayiphila kabili.

Amanye amazwi ajwayelekileyo kakhulu ngalokhu kuphila okukabili ngamazwi athi "Lokhu kwakuyiqiniso kuphela ngesikhathi embathe inyama. Ukuhlanganiswa kokuphila impilo okuhlukene kabili nokuguqulwa kwemvelaphi kukaSathane kwenza ukucabanga ngalendlela kube lula kakhulu. Ngangizofunda imisho yaseBhayibhelini elandelayo, ngiyiguqule kube ngathi ingachazeka ngezindlela ezimbili.

> Khona uJesu waphendula wathi kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: iNdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yena, neNdodana iyakwenza kanjalo. Johane 5:19.
>
> Ngokuba njengalokhu uYise anokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo. Johane 5:26.
>
> Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Kristu, omthumileyo.Johane 17:3.
>
> UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, (2) ekugcineni kwalemihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise yaba yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi izwe. (3) Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene somkhulu kweliphezulu, (4) seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama layo eliyifa lilikhulu kunelazo. KumaHeberu 1:1-4.

Ngaso sonke isikhathi uma ngizwa ngathi lamavesi amelwe afundwe njengoba elotshiwe, ukuqonda enganginakho ngoJesu olingana noYise ngenxa yamandla akhe anawo ngokuzithemba kwakhe kwakuzoguqula lamavesi ukuba abe nencazelo ezimbili nje ukuba efundise thina isifundo esithile. Lokhu kwakusenzeka engqondweni yami ngaphandle kokuthi ngibone okwakuqhubeka. Ingqondo yami yayifundiswe ngalendlela isikhathi esingangeminyaka, kanti yonke lemfundiso yaqinisekisa ukuthi

ngingaphunyuki ukukhonza lonkulunkulu obizwa ngeziqu ezintathu emunye obizwa *Trinity.*

Ngaso sonke isikhathi uma sibheka ifilimu kungakhathaleki uhlobo lwayo noma indaba ethile, kungakhathaleki ukuthi ikhuluma ngani, siyalungisiswa ukuphila izimpilo ezimbili ngesikhathi esisodwa, futhi enye impilo singayishiya noma siyithathe nangasiphi isikhathi esifuna ngaso. Ngisho nendaba engasonganekwane iba nomthelela ofanayo, ngoba umnyakazo wabalingiswa, nokuxhumana kwabo uvele udale jithina le-*parallel reality* kanti kusivumele ukuba nathi singene sibenesabelo kuyo.

Lokhu kuhluke kakhulu kunokufunda indaba eBhayibhileni, nokuvumela uMoya kaNkulunkulu usichazele ezinhliziyweni zethu ukuthi indaba inamuphi umusho. Uma sifundiswa ukufunda iBhayibheli njengoba lilotshiwe (literally) nokuthi singazitholi sifuna incazelo ngaphandle kwalo iBhayibheli, siyakwazi ukuthola izifundo kulezizindaba; kodwa akubizi ukuthi singene kuparallel reality nokuthi sishiye izimpilo zethu.Ngezikhathi eziningi uma siqeda kubheka ifilimu, uphawu lokuthi ngangingene empilweni yomunye umuntu lwalungukuthi ngangizodideka ngendawo engikuyo, noma ngokuthi kwakungubani isikhathi, nokuthi kwakumele ngenzeni okulandelayo.

Ngikhumbula enye ifilimu eyangishiya ngikulesimo izinsuku ezintathu. Ngivele ngaqhubeka ngiphila lempilo yomunye umuntu, ngangakwazi ukuthi ngiphume kuyo. Izicaphuno ezivela kulefilimu zazizoqhubeka zidlala engqondweni yami, umoya wami uye phansi futhi ngalokhu engangikubonile. Lendlela yayihlukile kakhulu kunokufunda iBhayibheli njengoba libhaliwe. Asilahlekelwa yisimo sethu njengabantu nangezimpilo zethu uma sifunda iBhayibheli. Kanti nezingqondo zethu azihlaselwa yizithombe ezingaba ngamashumi amabili nanhlanu kuya kumashumi amathathu ngesekondi elilodwa, okubangela ukuthi kubene-*overload* yeminininingwane, okuphoqa ingqondo ukuthi ishiye yonke enye into eyizungezile. Lona ngumsebenzi wombhidlizi.

Ukufunda iBhayibheli njengoba linjalo kuzothanda ukuba nzima kuwowonke umuntu osanothando lamafilimu, amasoap opera nezinye zezinhlelo ezidlala

kumabonakude; akungenzeki ngaphandle kokuthi umuntu azithole ephila impilo ehlukana kabili. Amafilimu amabi kunawo wonke yilawo akhuluma ngoJesu uqobolwakhe. Izinga lokudideka okuvela kulamafilimu, ngingasakhulumi ngezinto ezingasizo ezilotshiwe embhalweni, kanye nezimpilo zasese zabalingiswa alina kulinganiswa.

Usungacabanga ukuthi lamaphuzu kuphela anele, kodwa ngize ngathola ukuthi lento yokuba umuntu eshiye impilo yakhe okwesikhashana itholakala nakuma-*computer games* anje nge-*treasure hunt,* ama-*quest* namanye enje awokufeza umsebenzi othile anjengawokushayela imoto, kakhulukazi lapho khona kunezigaba nezigaba umuntu adlula kuzo uma edlala. Lemidlalo nayo iba nomthelela ofana nowamafilimu. Ngemuva kokuchitha amahola ngidlala amagemi, bengizofikelwa yilemizwa engangiyizwa uma ngibheke amafilimu, imizwa yokudideka okwesikhashana ekutheni konje iqiniso liyini. Ngikhumbula kahle imizwa engaba nayo ngemuva kokunqoba igemi nokuqeda zonke izigaba zenye igemu. Ngazizwa ngiphakama, okwalandela kwaba ukudangala ngoba phela ibisifike emaphethelweni. Isimiso sokuhlekisa (jest),[3] uma sihlanganiswa nokufundiseka ngamafilimu, namagemu kanye nezinye izinhlelo ezidlala kumabonakude, konke lokhu kwangidonsela ekutheni okomzuzwana ngiphume kweyami impilo ngingene kweyomunye umuntu.

Lezi kwaba yizinto nezikhali ezazisetshenziswa nguMlingi wami, ukuba angigcine ngingaphandle kwendawo eNgcwele ngcwele noThandiweyo wami. Zonke lezinto zazenzelwe ukujika nokuguqula amaqiniso eVangeli abe yindlu eyakhiwe phezu kwesihlabathi. Sonke isigaba sokukhula kwami sasenzelwe ukufundisa ingqondo yami kude nalokho oThandiweyo wami wayezama ukungitshela khona eBhayibhelini.

[3]Lezizimiso lapho khona incazelo engokoqobo yamazwi iba yinhlekisa, esikhathini esiningi kungasikho okushiwoyo

# 14. INdlu Yamakhadi



Ngikhumbula enye yezinkathi ukukhanya kufika kimi ibanga lokuqala, ngaqala ukubona indlela abafundi beBhayibheli babesisho izinto ezingezona neze. Kwadlula iminyaka eminingi ngizibuza kuza kanjani ukuthi abantu abazibiza ngokuthi bakholwa iBhayibheli bangakholwa ukuthi umhlaba wadalwa ngezinsuku eziyisithupha, baphike iSabatha noma bakholwe ukuba uma abantu befa baya nqo ezulwini. Ngaphezu kwalokhu, amazwi ayeshiyo yizifundi zamaSabatha benqaba umsebenzi we-*investigative judgement* owenziwa nguJesu endaweni engcwele ngcwele, nokuhlanjululwa kwezono ngaphambi kokuthi abuye emhlabeni.

Ngangihleli eklasini ngifunda ngezincwadi uDaniyeli neSambulo. Lapho kwathiwa okwabonwa nguDaniyeli emibonweni kusahluko 7 kwakungasoqiniso kodwa isifaniso. Isifaniso sisho ukuthi:

> Inkulumo lapho khona umusho noma igama lisetshenziswa ukuchaza enye into ngaphandle kokusebenzisa igama **njenge**, kanti futhi khona incazelo engokoqobo ingachaziwe ukuzama ukutshengisa ubudlelwano…[4]

Njengoba ngithatha lendlela yokucabanga yemifaniso kuDaniyeli 7, ngezwa sengathi umhlaba uyavuleka, kanti yonke inkolo yethu singamaSabatha noma Abalindi iyachithwa.

Isiphakamiso sasingesithi izincwadi zikaDaniyeli kanye neSambulo zazigcwele ngemifanekiso kanti okwabonwa nguDaniyeli lapho khona onje ngeNdodana yomuntu eza ngamafu koMdala weZinsuku kwakungumfanekiso kuphela nakho. Kwakuzwakala sengathi kunomqondo kuleliphuzu. Lalizwakala, kodwa ngokocwaningo engangilwenzile, lokhu kwakuzoguqula izimfundiso zama-

[4] www.dictionary.reference.com

Adventist zibe yindlu yama-cards, esekelwe esihlabathini eduze kwentambo yogesi engahlala kahle.

Ukusetshenziswa komfanekiso kukhona vele ezindaweni eziningi eBhayibhelini. Umbuzo uthi masilifunda iBhayibheli, sizokwazi njani ukuthi simele sifunde njengomfanekiso, nokuthi incazelo siyibheke kwenye indawo, noma sithathe incazelo engokoqobo yamazwi?

Umgogodlo wokucabanga kwabasungululi bama-Adventist wawume emthethweni embalwa elula, kanti enye yawo ithi:

> RULE XI. Sizokwazi kanjani uma igama elisetshenzisiwe limele lithathwe njengomfanekiso. Uma lenza umqondo njengalokhu libhaliwe, futhi lingaphikisani nemithetho yemvelo esobala, kwamele lithathwe njengoba linjalo, njengoba libhaliwe hhayi njengomfanekiso.[5]

Umfanekiso ubanamandla uma uhlanganiswa neqiniso elithile. Uma uthatha isisekelo seqiniso, bese ulethe ukuqonda okungumfanekiso ngaso lesisekelo, lokhu kuzokwenza ukuthi isakhiwo sonke sibhidlikengoba phela akukho okumile nokuqinile isakhiwo esingabekwa kukho.Umthetho weBhayibheli wokwamukela amagama njengoba efundeka qala uma "engaphikisani nemithetho yemvelo esobala" uyasivikela ukuba izisekelo zethu zingaphenduki isihlabathi.

Umphumela wemvelo wokuchaza ngomfanekiso into engachazeka izwisiseke njengalokhu ibhaliwe ungukuthi incazelo ibangemelene nokushiwo ngumBhalo. Lesikhali esincane sokuchaza njengomfanekiso ezicaphuneni ezazingaqondakala uma zazifundwe njengalokhu zibhaliwe ngangisisebenzisa kakhulu ekukhuleni kwami, uma ngizijabulisa ngokuhlekisanokufundela kwami ukuhehana kokuphambene. Lemifanekiso egcwele ingozi yaphenduka isango elilethela ekutheni ngiphile impilo ezimbili ezinemisho ephambene.

[5] William Miller's "Rules for Bible Interpretation"

Ngikhumbula nomunye uthishela ethi ngesikhathi eqonda ukusetshenziswa kwemifanekiso iBhayibheli laphenduka incwadi ephilayo kuye.

Enye yezibonelo ezilula ezitshengisa ukuthi ukusetshenziswa komfanekiso kungenza into ivele ngendlela ephambene kunaleyo echazwayo siyibona ngeSabatha.

IBhayibheli ithi:

> Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Eksodusi 20:8.

Uma sithatha igama elithi Sabatha, silinike incazelo yokuphumula, singasho ukuthi uJesu usinikeza ukuphumula ngokuvula ivesi elithi:

> "Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza." Mathewu 11:28.

Ekugcineni abanye baphetha ngokuthi uJesu ungukuphumula kwethu, nguyena ofeze ukuphumula kwethu. Siphumula kuKrestu, kanti uma sikwenza lokho silandela umyalo ngokomoya. Lendlela iphendula igama elithi *Sabatha* libe ngumfanekiso wokuphumula ensindisweni eza ngoJesu. Kodwa uma sisebenzisa umthetho wokuthatha igama njengoba libhaliwe kuqala, sithola ukuthi lenza umqondo kakhulu njengalokhu libhaliwe. Ngalokho siyeka incazelo ekhuluma ngomfanekiso, ezodalela ukuthi lomusho ubukeke sengathi usibizela ekutheni senze into ephambene nomyalo esawunikezwa.

Nxa sibheka uDaniyeli 7, sihlangana nemifanekiso eminingi. Kunokuthi siqagele ukuba lemifanekiso ikhuluma ngani, simele silandele omunye umthetho obaluleke kakhulu, uthi:

> RULE V. IBhayibheli malizichaze ngokwalo, ngoba lingumthetho ngakwalo. Uma ngincika kuthisha ukuba engicacisele lona, eqagele ukuthi lithini, noma efise ukulichaza ngokwezimfundiso zebandla elithile, noma ngokombono wobuhlakani obuthile, lokho kuchaza ukuthi ukuqagela kwakhe, nesifiso sakhe,

nezimfundiso nokuhlakanipha kwakhe kungumthetho wami, awusasilo iBhayibheli.[6]

Asikho isidingo sokuqagela ukuthi ibhubesi, noma ibhele, noma ingwe ichaza ukuthini, iBhayibheli ngokwalo liyasitshela ukuthi lezilo zichaza ukuthini.

> "Lezo zilo ezinkulu ezine zingamakhosi amane ayakuvela emhlabeni." Daniyeli 7:17.

Ingqikithi yalombono owanikwa uDaniyeli ingukubukwa kokwahlulela okukhulu, kanti kubonakala abantu ababili abachazwa ngokuthi ngoMdala Wezinsuku kanye neNdodana yomuntu. Ifundeka ngalendlela:

> Ngisabheka kwabekwa izihlalo zobukhosi, kwahlala Omdala Wezinsuku; izambatho zakhe zazimhlophe njengeqhwa, izinwele zekhanda lakhe zinjengoboya bezimvu obuhlanzekileyo; isihlalo sakhe sobukhosi sasinjengamalangabi omlilo, amasondo aso anjengomlilo ovuthayo. (10) Umnonjana womlilo wavela, waphuma phambi kwakhe; izinkulungwane zezinkulungwane zazimkhonza, nezinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zazimi ngaphambi kwakhe; kwaqalwa ukwahlulela, izincwadi zavulwa. (11) "Ngabheka ngaleso sikhathi ngenxa yenhlokomo yamazwi amakhulu akhulunywa luphondo; ngabheka saze sahlatshwa isilo, wachithwa umzimba waso, sanikelwa ukuba sishiswe ngomlilo. (12) Kepha ezinye izilo, ukubusa kwazo kwasuswa, kodwa ukuphila kwazo kwelulwa isikhathi nenkathi. (13) "Ngabona emibonweni ebusuku; bheka, kwafika namafu ezulu onjengendodana yomuntu; yafika Komdala Wezinsuku, yasondezwa phambi kwakhe. (14) Yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso, ukuze bonke abantu, nezizwe, nezilimi bayikhonze; ukubusa kwayo kungukubusa okuphakade okungayikudlula, nombuso wayo yiwo ongayikuchithwa. Daniyeli 7:9-14.

Kuyakhanya ukuthi lezilo nophondo oluncane zingumfanekiso, kanti zithola incazelo yazo kwezinye izindawo kuso lesi sahluko, nakwezinye izahluko

[6] William Miller's "Rules for Bible Interpretation"

encwadini kaDaniyeli. Yonke enye into ingafundwa njengalokhu ibhaliwe ngaphandle kokuphikisana nemithetho yemvelo esobala.

Lesehlakalo sokwahlulela esiqukethe uMdala weZinsuku kanye neNdodana yomuntu siyingqikithi yenkolo yama-*Adventist.* Ngisahleli eklasini le-*theology,* isiphakamiso sokuthi imibono kaDaniyeli kwakuyimifanekiso yokwahlula kukaNkulunkulu, owawuveza amandla akhe okuletha isiphelo sesono saguqula indaba yonke yaphambana nokuchazwa yiBhayibheli.Ngenxa yokuhluleka ukusebenzisa umthetho wokuqala wokuthatha izinto njengalokhu zibhaliwe, lokhu kwavumela ukuba iqiniso eliyisisekelo likaNdodana yomuntu eza koMdala weZinsuku ukuzokwamukela umbuso liphenduke uthuli. Ngani na? Ngoba akwenzekanga ngempela, ngumfanekiso kuphela. Lona ngumphumela wokuziba umthetho wokuthatha izinto njengalokhu zibhaliwe (literal rule of interpretation).

Kwakuyilesi sikhathi lapho khona ngahehwa mayelana nemfundiso yeBhayibheli kaBaba neNdodana yakhe. Ngiyamangala ukuthi ngangingakholwa kanjani ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu kodwa ngesikhathi esifanayo ngikholwe futhi uTrinity. Kodwa lokhu kuba lula kakhulu uma amagama athi *Yise* ne*Ndodana* engumfanekiso kuphela wokutshengisa uthando uNkulunkulu analo ngomhlaba.

Uma sizwisisa ukuthi ingqikithi yomhlaba wonke inguNkulunkulu neNdodana yakhe bese lamagama aguqulwe umfanekiso, ubuKrestu bonke buphenduka indlu eyakhelwe phezu kwesihlabathi. Qaphelisisa lomusho:

> "Elinye iphuzu elibalulekileyo limaqondana nendlela esichaza ngayo iBhayibheli. Lana indaba isekutheni ingabe silitolika noma silichaze njengalokhu libhaliwe noma njengomfanekiso. Mhlawumbe singenza isibonelo ngalendlela. Nanoma sijwayele ukukhuluma ngoJesu njengeNdodana, kanti esikhathini esiningi sibize isiqu sakuqala (eziqwini ezintathu) ngoBaba, ingabe siyafuna yini ukuthi lamagama siwathathe njengalokhu ebhaliwe? Noma kuhle futhi kusilungele ukuthi siwachaze njengemifanekiso ekhuluma ngobudodana kanye

nobuYihlo" "The Trinity" ngo Whidden, Moon and Reeve, page 94.

Uma amagama athi *Baba* ne*Ndodana* angasathathwa ngalokho achazwa khona, umgogodlo wemiBhalo ungaguqulwa ube yilokhu esithanda ube yikho. Kuba yinto elula kakhulu ukwenza uNkulunkulu umfanekiso wezingqondo zethu. Umbono othi uNkulunkulu wathatha indima zabalingiswa esebenzisa amagama athi Baba neNdodana njengemifanekiso usiletha emqondweni othi uNkulunkulu uzenze ngokomfanekiso wabantu. UNkulunkulu ubonakala ephila impilo ehlukane kabini naye, ukuba eveze isifundo esithile. Incazelo yemisho ekhuluma ngothando lukaNkulunkulu ngeNdodana yakhe akumele siyithathe, ngoba ngokuya ngebandla labaLindi, uJesu akasiyo iNdodana kaNkulunkulu ngempela; lena yindima ayidlala njengomlingiswa ngecebo losindiso.[7]

Njengoba ngibheka emuva empilweni yami ngibona indlela lezinto zihlangana ngayo ukuhlekisa, amafilimu, ukuphila izimpilo ezimbili ngesikhathi esisodwa, umumo nemvelo eguqukayo, nokusetshenziswa kwemifanekiso okuyingozi, ngiyabona ukuthi zonke lezi zinto bezinenhloso eyodwa, ukunginqabela nokungalela ukuthi ngingene ekuhlanganyeleni okumnandi noNkulunkulu kanye neNdodana yakhe endaweni engcwele ngcwele ezulwini. Ngesikhathi ngingekaqondi ingozi yalezi zinto nokuthiba ziyangidukisa, ngasuka kuzo, kwakungena kwenzeka ukuthi ngithole isango lokungena endaweni eNgcwele Ngcwele, ngibe noThandiweyo wami. Indawo eNgcwele Ngcwele kulapho umshado uqhubeka khona, kanti kwakungena kwenzeka ukuthi ngibe yingxenye kamakoti uma ngingamazi umyeni wami wakusasa.

Yinye vo! indlela yokuba nenhlanganyelo emnandi neqhubekayo, ingukwazi iqiniso lokuthi uNkulunkulu neNdodana yakhe bangobani empeleni.

> Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Kristu omthumileyo. Johane 17:3

[7] Noma ngamanye amazwi ukuveza isifundo esithile

> Lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe nenhlanganyelo nathi, kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu.1 Johane 1:3.

Lenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe ngangiyifuna kangaka, kodwa ulwazi lwami ngoJesu lwaludidekile ngezwi nangezifundiso zomlingi. Ukufundiseka kwami kumafilimu, ekuhlekisaneni, ne-*theology* yemifanekiso kwangivumela ukuthi ngivumele lamadoda amabili ahlukile ahambe nami njengomuntu oyedwa. Ngangikhonza Izimiso zokuzithemba, umumo nemvelaphi eguqukayo kanye nokuzuza kwenhlonipho ngezinto esizifezayo. Ngangikukhonza lokhu kodwa kufihlakele, kuhamba ndawonye noMsindisi wezwe omnene nothobekileyo. OThandiweyo wami wayengakwazi ukungivumela endaweni efihlakele yongaPhezu Konke ngisathandana nesithandwa sasebusheni bami. Bekumele kube nendlela yokuphunyuka neyokusinda kulempi eyayiqhubeka engqondweni yami.

## Ikhefu III

ISihlabelelo seziHlabelelo 5:7-9 Abalindi bangifumana behambahamba emzini, bangishaya, bangilimaza; abalindi abazange bangaphuca imvakazi yami. (8) Ngiyanifungisa, madodakazi aseJerusalema, uma nimfumana oThandiweyo wami, ukuba nimtshele ukuthi ngiyafa uthando. (9) “OThandiweyo wakho udlula ngani omunye na, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane? OThandiweyo wakho udlula kuphi omunye ukuba usifungise kanjalo na?”

AmaRoma 7:21-24 Ngalokho ngifumana umthetho engithanda ukwenza okuhle wokuthi kukhona okubi kimi (22 ngokuba ngiwenamela umthetho kaNkulunkulu ngokomuntu ongaphakathi, (23) kepha ngibona omunye umthetho ezithweni zami olwisana nomthetho wengqondo yami, ungithumela emthethweni wesono osezithweni zami. (24) Wo! Mina muntu wosizi, ngubani oyakungikhulula kulo mzimba wokufa na?

ISambulo 3:17-20 Ngokuba uthi: ‘Ngicebile, kangisweli lutho,’ kanti kawazi ukuthi ungolusizi, nowokuhawukelwa, nompofu, nophuphuthekayo, nohamba ze; (18) Ngiyakululeka ukuba uthenge kimi igolide elihlanzwe ngomlilo ukuze ucebe, nezingubo ezimhlophe ukuze wembathe, kungabonakali ihlazo lobuze bakho nomuthi wamehlo wokugcoba amehlo akho ukuba ubone. (19) Bonke engibahloniphayo (ngoba begcina ngokungihlonipha) ngiyabakhuza, ngiyabalaya ngiyabasola; ngokho-ke shisekala uphenduke. (20) Bheka, ngimi ngasemyango ngiyangqongqotha, uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

# ISahluko 4. Ukuphulukiswa ngoThandiweyo wami

## 15. Eliya

Njengoba besengishilo kusahluko 9, ukuthi umbono othi uJesu wayeyiNdodana kaNkulunkulu ngempela waletha engqondweni umuntu owayeyamukeliswe zonke izinto nguYise. Nokuthi uBaba wakhe wayemthanda ngoba eyiNdodana yakhe, kungasikho ukuthi umthanda ngoba enamandla noma izikhundla ezithile ayenazo. Leliqiniso laveza imibuso embili ekhanyayo.[8]

| | **UMbuso kaNkulunkulu** | **UMbuso kaSathane(owomhlaba)** |
|---|---|---|
| UMbusi | Umndeni | ONamandla |
| IMali(Udumo) | UBudlelwano bothando | Impahla nemfuyo |
| IZakhamuzi | Ngabantwana bakaNkulunkulu | Abasebenza nabafeza izinto ezinkulu emehlweni akho nakwabanye |

IZwi loThandiweyo wami elisitshela ukuthi into esenza sibaluleke lalivela engqondweni yami kancane kancane, nanoma ngangifundiswe ngezindlela ezahlukene ukuzithemba ngokwami, neBhayibheli ngingalifunda njengalokhu libhaliwe, kanye nesifiso sokuphila ezinye izimpilo kuneyami. Ngaqala ukubona iqiniso elithi:

[8] Bheka incwadi yami *IZimpi Zemvelaphi* ukubona lemibuso emibili ivezwa ngokugcwele.

"Ngokuba imicabango yami ayisiyo imicabango yenu, nezindlela zenu azisizo izindlela zami," usho uJehova. (9) "Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba, kanjalo izindlela zami ziphakame kunezindlela zenu, nemicabango yami kunemicabango yenu. U-Isaya 55:8-9.

Usho kanje uJehova, uthi: "Ohlakaniphileyo makangazibongi ngokuhlakanipha kwakhe, neqhawe malingazibongi ngobuqhawe balo, nocebileyo makangazibongi ngengcebo yakhe, (24) kepha ozibongayo makazibonge ngalokhu ukuthi uyangiqonda, angazi ukuthi nginguJehova owenza umusa nowahlulela ngokulunga emhlabeni, ngokuba ngiyathokoza ngokunjalo," usho uJehova. UJeremiya 9:23-24.

Lelitshe legumbi elisha laqala ukuveza izimfundiso engangikholelwa kuzo ngendlela entsha.[9]

| | **UMbuso kaNkulunkulu** | **UMbuso kaSathane(owomhlaba)** |
|---|---|---|
| Umthetho | Isipho sokusilondoloza | Ithuluzi lokukhangisa ngezenzo ezinhle |
| ISabatha | Isipho esihle sokuchitha isikhathi ndawonye | Isikhathi sokukhokha umoya emsebenzini yethu, noma ithuluzi lokubonakalisa ukulunga kwethu |
| Ukwahlulela | Isikhathi sokusondela kuNkulunkulu, uthembele emuseni wakhe | Isikhathi sokusebenza ngamandla ukwenzela umuntu adlulele ezingeni elilandelayo |

[9] Bheka inkulumo yami "Doctrinal Implications of the Two Kingdoms" ukuthola okunye okuningi. http://vimeo.com/24396148

Ukusa kokuqonda ukuthi uJesu wathola zonke izinto njengefa, njengesipho sothando nesibusiso, kwadala ukuthi nami ngiqonde ukuthi izimfundiso eziningi yizipho zothando nazo ezivela kuBaba ngaye uKrestu. Amandla okugcina umthetho kanye neSabatha noma amandla okubhekana nokwahlulela awaveli ngaphakathi kodwa avela phezulu. Nanoma ngangikuqonda lokhu ngaphambilini, ngangibambelele kuJesu owayezithemba yena njengoMsindisi wami. Ngakho ngokuswela ulwazi ngangikhekhela kulendlela yokubhekana nomthetho, neSabatha kanye nokwahlulela. Kepha ngasosonke isikhathi uma ngizindla ngalamazwi:'Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi, "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo."'(Mathewu 3:17) ngangizobona ukuthi amandla okwenza lokho akufunayo ayevela kuye njengesipho nangaphezulu. Njengoba ngiqhubeka isifundo ngesifundo seBhayibheli, ngabona uthando uBaba analo ngami ngayo iNdodana yakhe.

Ngolunye usuku umqondo wafika kimi. Manje kuthiwani nge-*Trinity? Ingabe singafunda imiBhalo ekukhanyeni esisanda kuthola ngemibuso emibili?* Kwafika umqondo kimi. *Awufuni ukuya lapho!* Kwafika omunye umqondo ojule kunalona – *Ingabe umuntu oyiProtestanti ngempela wayenganqaba ubizo lokufunda imiBhalo ukuhlola zonke izinto?* Into yokuthi nganginokwesaba ukuba ngihlolisise lesihloko yangenza ngifune ukufunda ngokujula lendaba. Nganginolwazi lokuthi yonke inkolelo eyayilethela uvalo yayingamanga esisekelweni esiqinileyo. Ngakho ngaqala ukufunda lesihloko.

Ngesizathu engingasazi amazwi aku Johane 5:26 angigxumela.

> Ngokuba njengalokhu uYise anokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ibe nokuphila ngokwayo; Johane 5:26.

Emveni angikwazanga ukufunda lelivesi njengalokhu libhaliwe ngoba phela ukwenza njalo kwakuzochaza ukubhidlizwa kwesimiso engangikholelwa kuso sokuzethemba mina. Uma ukuzethemba nokuncika kumina kuyingqikithi yobuNkulunkulu, bekungena kwenzeka ukuthi umuntu angafunda achaze lelivesi ngokuthi uYise unikile iNdodana ukuthi ibe nempilo ngokwayo, okuchaza impilo eyokuphila ngokwayo. Manje kwakulula ukuba ifundwe

njengalokhu ibhaliwe. Esinye isizathu esayenza ukuthi ngikwazi ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wanikeza iNdodana yakhe wukuthi ukubaluleka kukaKrestu njengeNdodana enobuNkulunkulu akuyamanga emandleni nasemikhoneni anawo, kodwa kuvela ebudlelwaneni bakhe noYise kuphela. Lokukhanya kwaveza uJesu wamanga engangimkhonza ngengqondo yami sonke lesikhathi. Ngokushesha nje ukrestu wamanga ongangimufundisiwe, engangimthanda ngimkhonza nokumkhonza wambulwa. UJesu wayengaso muntu ozithemba yena, wayeyiNdodana ethanda uYise, neyamukeliswe konke okusesandleni sayo.

Masinya amavesi amaningi abhamuka ngokukhanya okusha.

> Akakho oke wabona uNkulunkulu; iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalise. Johane 1:18.

> Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Kristu omthumileyo. Johane 17:3

> Ngokuba amazwi ongiphe wona ngibaphile wona, bawamukela, bazi isibili ukuthi ngavela kuwe, bakholwa ukuthi wangithuma wena. Johane 17:8.

> Ukuqala kwevangeli likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Maku 1:1.

> Noko kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke, nathi sikhonela yena, neNkosi inye, uJesu Kristu, okungaye konke, nathi sikhona ngaye. 1 KwabaseKorinte 8:6.

> USimoni Petru waphendula wathi: "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo." (17) UJesu waphendula, wathi kuye: "Ubusisiwe wena Simoni kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu kodwa uBaba osezulwini. Mathewu 16:16-17.

> UJehova wayengithwele ngingukuqala kwendlela yakhe ngaphambi kwemisebenzi yamandulo. (23) Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho. (24) Lungakabikho utwa ngazalwa, ingakabikho imithombo egcwele amanzi. IZaga 8:22-24.

> UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, (2) ekugcineni kwalemihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise yaba yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi izwe. (3) Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene somkhulu kweliphezulu, (4) seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama layo eliyifa lilikhulu kunelazo. KumaHeberu 1:1-4.

Kwaqala ngamazwi azwakala embhaphathizweni kaKrestu, kwalandela ukubaluleka kwempi yasehlane noSathane kubangwa ubuDodana, ingqondo yami yagijima ngesivinini esikhulu kabi ngibhala, kwaze kwavela incwadi ebizwa *The Return of Elijah*. Imicabango emingi yahlangana, yazohlala kulelitshe legumbi leqiniso leNdodana **ezelwe**. INdodana ebusisiwe, iNdodana eyintokozo kaYise, iNdodana eyanikwa konke ayenako uBaba, iNdodana elalela uYise ngokuthemba nangothando. Ngazizwa njengo Isaac Newton ngesikhathi kusa kuye iqiniso lokuwa kwe apula esihlahleni.

Ngemuva kokubhala leyancwadi, ngikhumbula kahle kamhlophe ngibheka amazulu nezinkanyezi zawo, ngikhala njengabafundi:

> "Simfumene uMesiya," okungukuthi ngokuhunyushwa uKristu. Johane 1:41

Inyembezi ziyagcwala emehlweni uma ngicabangisisa iqiniso lokuthi ngimfumene! Ngangimfumene ngempela! Kodwa iqiniso ngelithi yena wayefumene mina, maye nentokozo yokufunyanwa. INdodana kaNkulunkulu yama phambi kwami njengedwala elinamandla, nganquma khona lapho ukwakha indlu yami phezu kwalelitshe legumbi eliyigugu. Inkungu emnyama yomlingi eyayibophe oThandiweyo wami, yamfihla kude nami, yaxoshwa ekukhanyeni okumangalisayo kwaleNdodana eyifa. Izwi lika-Eliya labiza ngokujulileyo emphefumlweni wami:

> "Bhekani, ngiyakuthuma kini u-Eliya umprofethi, lungakafiki usuku lukaJehova olukhulu nolusabekayo. (6) Uyakuphendulela izinhliziyo zawoyise kubantwana nezinhliziyo zabantwana koyise, funa ngifike, ngishaye izwe ngesiqalekiso." Malaki 4:5-6.

Nembala umoya ka-Eliya wawusufikile kimi, waphendulela inhliziyo yami kuYise neNdodana yakhe. Ukulangazelela inkululeko ngemisebenzi yami kwaphela mhlazana ngafumana iNdodana kaBaba **ezelwe**, ema ngenjabulo phambi kukaBaba ezwini lokwamukeleka, lothando, nelentokozo elivela kuYise. Enganciki nakancane ekuhlakanipheni, emandleni nasengcebeni yayo.

Njengoba isimilo soThandiweyo wami sasivela ngokukhanya emibhalweni, nakanjalo amahloni ami nokuzisola kwami kwakhula uma ngibona uthando nokuphinga kwami nesela elalizethemba ngokwalo elalingiheha, lingishela impilo yami yonke. Ngibambeke ekukhonzeni kweziqu ezintathu ezibizwa *Trinity*, ngokuswela ulwazi ngangizikhethele uBaraba ngaphezu koThandiweyo wami. Lehlazo lokukhonza kwezithixo ngahamba nalo kuBaba, ngacela ukuthethelelwa ngenxa yegazi loThandiweyo wami. Ukuthula, intokozo kanye nothando kwaphalala emphefumlweni wami. Kodwa kusenjalo ngakhunjuzwa ukuba ngikhumbule lapho ngivele khona ukwenzela ngibe nomusa nakwabanye ababesase ndaweni efanayo, abalahlekile njengalokhu ngangilahleke nami.

Lezinsuku zazwakala njengothando lwami lakuqala futhi, uma ngangime phambi kwe-altare lomnikelo, ngabheka oThandiweyo wami engifela lapho. Kodwa manje lomnikelo wawunje ngesipho sangempela esivela kuBaba, ukuzuza nokubuyisa abantwana bakhe abadukileyo. Amava ami asendaweni eNgcwele ngesibane kanye nesinkwa ahlanganiswa nokunxusa koThandiweyo wami kwalungiselela u-Eliya ukuba aqondisele izinyawo zami indlela, ukuze ngifumane ukwamukeleka ezandleni zoThandiweyo wami.

Ngangifisa ukungena eNdaweni eNgcwele Ngcwele noThandiweyo wami kodwa kwakukhona izinto ezazingivimba, okwakumele zisuswe, nokuba ngibone ukuthi ukukhonza izithixo kwami kube namphumelamuni empilweni yami.

> Jehova, ngubani oyakuhlala ethebanekelini lakho na? Ngubani oyakwakha entabeni yakho engcwele na? (2) Yilowo ohamba ngobuqotho nowenza ukulunga, okhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe, (3) ongahlebi ngolimi lwakhe, ongamoni umngane wakhe, nongamhlazi

> umakhelwane wakhe; (4) obuka onengekayo ngokumenyanya, kepha ebazisa abamesabayo uNkulunkulu; ofunga ngokuzakumlimaza, nokho angalaphuli izwi lakhe; (5) ongatsheleki muntu mali yakhe ukuba izale, nongamukeli umvuzo ngongenacala; owenza lokhu akayikuzanyazanyiswa naphakade. AmaHubo 15:1-5.

Sekwaba yiminyaka neminyaka ngizama ukwakha indlu phezu koThandiweyo wami oxubene nomlingi ozethembayo. Kwakukhona ezisekelweni zami imithi nenhlanga okwakumele isuswe ukuze ngihambe ngobuqotho, ngenze ukulunga, ngikhulume iqiniso enhliziyweni yami. Lezinto zaba wukuvivinywa kwami okwakuzoba khona ngokwemvelo uma ngizoqala ngimvume Othandiweyo wami phambi kwabazalwane bami. Kodwa ngaphambi kokuthi ngabelane nawe lezinto, ngifisa ukwabelana nawe izizathu Othandiweyo eyintokozo yami.

## 16. UNgothandekayo Wonke

> OThandiweyo wami uyakhazimula ngobumhlophe, muhle, uyabonakala phakathi kwezigidi. (11) Ikhanda lakhe liyigolide elihle elicwengikileyo; isihluthu sakhe sinententezo, simnyama njengegwababa. (12) Amehlo akhe anjengamajuba ngasemifuleni yamanzi, ageziwe ngobisi, ehlezi ngasemfudlaneni egcweleyo. (13) Izihlathi zakhe ziyizindima zamakha ezithaphuka iphunga, nezindebe zakhe ziyiminduze econsa imure elimanzi. (14) Izingalo zakhe ziyizindilinga zegolide, okufakwe kuzoamakrisolithe; isidumbu sakhe sinjengokwenziwe ngophondo lwendlovu, sembesiwe ngamasafire. (15) Imilenze yakhe iyizinsika zetshe elimhlophe ezisekelwe ezinyaweni zegolide elihle; ukubukeka kwakhe kunjengeLebanoni, kukhethekile njengemisedari. (16) Umlomo wakhe umnandi, uyanxaneleka wonke; yilowo ongoThandiweyo wami, yilowo ongumngane wami, nina madodakazi aseJerusalema. ISihlabelelo seziHlabelelo 5:10-16.

Kuyamangalisa kimi ukuba kwakungena kwenzeka ukuthi uNkulunkulu uBaba adale izwe ngokwakhe. Angizwanga? UNkulunkulu angenza noma yini, omunye angaphendula. Umthetho wempilo uthi osinika ukuphila, unguyena esizofisa ukuba njengaye.

> Kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe njengalowo mfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi ngoMoya weNkosi.2 KwabaseKorinte 3:18.

Uma umbuso kaNkulunkulu ubusemahlombe kaYise, umphumela ubuzoba yini na? Zonke izingelozi neminye imihlaba eyadalwayo ibizofisa ukumlingisa uYise. Yebo, singafisa ukumlingisa ngokwesimilo, kodwa ukufisa ukuba njengaye ngokujulileyo, singakhubeka siwe. Kanjani na? UBaba akathobeli muntu, akalaleli muntu, akafundiswa muntu, akatshelwa lutho.

> Yeka ukujula kwengcebo, nokuhlakanipha, nokwazi kukaNkulunkulu! Yeka izahlulelo zakhe ezingaphenyekiyo, nezindlela zakhe ezingaqondakaliyo! (34) Ngokuba, "ngubani owawazi umqondo weNkosi na? Nokuba ngubani owaba ngumeluleki wayo na?" (35) Noma "ngubani owaqala ukuyipha ukuba kubuyiselwe kuye na?" (36)

> Ngokuba konke kuvela kuye, kukhona ngaye, kuya kuye; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade. Amen. AmaRoma 11:33-36.

Uma uYise wayebekwe phambi kwethu njengetshe legumbi lendlela yokuphila, besizofisa ukumlingisa nokuba njengaye, siphenduke abantu abangathobeli, abangalaleli, nabangamukeli mfundu evela komunye. Emizameni yethu yokufana naye, besizophenduka into ephambene naye, lokhu kubonakaliseka empilweni kaSathane owafisa ukuba njengoPhezu Konke.

Isixazululo salokhu, ngesithi uYise ebeke isisekelo esiyitshe legumbi lomhlaba wonke, ukuze bonke bakwazi ukwakha phezu kwalo – Owayengabukwa njengesibonelo sendlela yokuphila.

> Ngalokho ithi iNkosi uJehova: "Bheka, ngibeka eSiyoni itshe lesisekelo, itshe elivivinyekileyo, itshe legumbi elinqabileyo lesisekelo esiyiso; okholwayo [kulo] kayikubaleka. U-Isaya 28:16.

Ngokuhlakanipha okungena mkhawulo, uNkulunkulu wazala iNdodana efana naye nqo. LeNdodana ingumqondo kaNkulunkulu wenzwe wazwakala. Ukugcwala konke kobuNkulunkulu kuhlezi kuye. Wayenikezwe ukuthi ebe nokuphila ngokwakhe njengalokhu uBaba enakho ngokwakhe naye.

> UJehova wayengithwele ngingukuqala kwendlela yakhe ngaphambi kwemisebenzi [yakhe] yamandulo. (23) Ngamiswa kwaphakade kwasekuqaleni, umhlaba ungakabikho. (24) Lungakabikho utwa, ngazalwa; ingakabikho imithombo egcwele amanzi. IZaga 8:22-24.

Nanoma iNdodana kaNkulunkulu inamandla kaYise onke, kepha sibona lokhu ngayo:

> Khona uJesu waphendula, wathi kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: INdodana ingenze lutho ngokwayo, kuphela lokho ebona uYise ekwenza, ngokuba lokho akwenzayo yena, neNdodana iyakwenza kanjalo. Johane 5:19.

IQiniso elithi iNdodana kaNkulunkulu ikwazi ukubheka uYise ngokulalela okunokuthobela, nothando ingabi nesifiso sesikhundla sakhe lingufakazi

lokuthi unguNkulunkulu ngempela. Uma wayedaliwe, engena sibonelo sokuthi kwamele ethobele kanjani, naye ngokwemvelo wayezofisa ukuba njengoPhezu-Konke ngesimilo **nangamandla nesikhundla**. Ukuthembeka kwakhe kuBaba asukanako ephakadeni kungufakazi lokuthi ungumqondo kaNkulunkulu uvezwa nokubonakaliswa, nokuthi konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlezi kuye.

Phezu kwalelitshe legumbi, uNkulunkulu wayengakwazi ukakha umhlaba. Sonke isidalwa esavela esandleni seNdodana sasizogcwala umoya ofanayo othobelayo, nolalelayo, nothembayo, njengalokhu nayo iNdodana edalile inengqondo enjalo.

> Kodwa manje siphendukela umfanekiso omncane, sibona uNkulunkulu kuJesu. Uma sibheka uJesu siyabona ukuthi kuludumo nenkazimulo kaNkulunkulu ukunikela. "Angenzi lutho ngokwami," kwasho uKrestu, "uBaba ophilayo ungithumile, nami ngiphila ngoBaba." "Mina-ke angifuni olwami udumo, kodwa ngifuna udumo longithumileyo. John 8:28; 6:57; 8:50; 7:18. Kulamazwi sithola isimiso esikhulu esingumthetho wempilo emhlabeni wonke. UKrestu wamukeliswa zonke izinto nguNkulunkulu, kodwa wathatha ukuba enikele. Nakanjalo ezulwini, emsebenzini wakhe esebenzela izidalwa zonke: ngayo iNdodana ethandekayo, impilo kaYise igelezela wonke umuntu; ngayo iNdodana iphinda iphenduke, ngendumiso nangemisebenzi yentokozo, nothando ibuyele kuMsuka omkhulu wakho konke. Kanjalo ngoKrestu isekhethi yokwenza okuhle iphelelisiwe, ibonakalisa isimilo soMnikeli omkhulu, umthetho wempilo. *Desire of Ages*, page 21.

INdodana ezelwe iyisithumbululinkinga sokugcina yonke into esemhlabeni ime ngomumo ndawonye. Kungumoya othobelayo, nothembayo weNdodana othunyelwa nguYise ezinhliziyweni zezidalwa zonke.

> Ngokuba sizalelwe umntwana, siphiwe indodana; umbuso uyakuba semahlombe akhe, negama lakhe liyakuthiwa uMluleki omangalisayo, uNkulunkulu onamandla, uYise ongunaphakade, iNkosi yokuthula. U-Isaya 9:6.

> Nokho ningamadodana, uNkulunkulu uthumile uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu omemeza ethi: "Abba, Baba!" Galathiya 4:6.

Kungumoya weNdodana ezelwe owenza izinhliziyo zezidalwa zonke ziphendukele kuYise ongumsuka omkhulu wakho konke. Lena ngenye yezinto eziligugu kakhulu ngoThandiweyo wami. Isimilo sakhe singesomuntu othemba nothobela uYise ngothando.

Njengoba ngivumela Othandiweyo wami ukuba ethathe impilo yami, ngidonseleka kuBaba. Ngibona indlela engimswela njalo ngayo. Konke lokhu kuyisipho nengcebo evela koThandiweyo wami. Nasi isizathu uYise ayphakamisa iNdodana waynika igama elingaphezu kwamagama onke. Yingakho Othandiweyo wami enguYise ongunaphakade wabo bonke abathobela uNkulunkulu oyedwa ophilayo. Lawa ngamanzi okuphila asinika wona. Kulamanzi kunoMoya othemba uBaba noma isimo singavumi, kanti loMoya nguwo obamba umhlaba ndawonye ngaphansi kukaNkulunkulu.

> Yona ingumfsanekiso kaNkulunkulu ongenakubonwa, izibulo lezidalwa zonke, (16) Ngokuba zonke izinto zadalwa ngayo, ezisemazulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungenakubonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathamandla; konke kwadalwa ngayo, kudalelwa yona; (17) Yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo. (18) Yona iyinhloko yomzimba, ngisho ibandla, engukuqala, izibulo kwabafileyo, ukuze yona ibe ngowokuqala ezintweni zonke, (19) ngokuba kwaba kuhle kuYise ukuba ukugcwala kukaNkulunkulu konke kuhlale kuyo. KwabaseKolose 1:15-19.

Njengoba ngicabanga ngalezi zinto, inhliziyo yami iyafudumala kuthi ngimomotheke. Ingcebo yoThandiweyo wami yinhle. Ugcina inhliziyo yami ilondeke ithemba uBaba, ungifuza ngokweneliseka nangokuthula.

Ingcebo yesibili engayithola koThandiweyo wami kwakuyisibusiso sakhe. UBaba ubusise iNdodana yakhe, kanti enhliziyweni yayo kuhlezi isiqiniseko sokuthi uYise hlezi ethokozile ngaye. Kungabiza ukuthi sikhiphe malini ukuthola umoya onjena owokuhlala entokozweni kaBaba?

> Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: "Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo." Mathewu 3:17.

Intokozo kaBaba iba ngeyami ngenxa yokuhlanganiswa kwami neNdodana yakhe.

> Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle [asenze saba ngabamukelekileyo] ngaye oThandiweyo. Efesu 1:6.

Angidingi kusebenza kanzima, noma ngifeze into ethile, noma ngizibonakalise kuBaba ukuze ngamukeleke phambi kwakhe. Ngenxa yoThandiweyo wami, uBaba uthokozile ngami. Uthando uNkulunkulu analo ngeNdodana yakhe ngilizwa enhliziyweni yami.

O ngane ka-Adamu, kuza kanjani ngizithole ngithandwa kangaka? Awekho amazwi engingawasebenzisa ukuchaza imizwa esenhliziyweni yami. UYise uyathokoza ngami! Yebo, uthokozile ngami, ngiyamukelekile phambi kwakhe ngoba iNdodana yakhe iyamukelekile kuye.

Umbuzo abangibuza wona abanye:

> "OThandiweyo wakho udlula ngani omunye na, wena muhlekazi phakathi kwabesifazane? OThandiweyo wakho udlula kuphi omunye ukuba usifungise kanjalo na? ISihlabelelo seziHlabelelo 5:9.

OThandiweyo wami muhle kunomunye ngoba ngenxa yakhe lona ngiyamukeleka phambi kukaYise, uyabelana nami intokozo uBaba anayo ngaye. Isithandwa sasebusheni bami asingekwazi ukunginika ingcebo enjengalena. Wayengithembisa inkululeko yokwenza nanoma yini engangifisa ukuyenza ngaphandle kwemingcele, kodwa konke lokhu kwabonakala kungamanga. Akanangcebo nakancane, kanti nalonkulunkulu ayengivezela yena wayenjengesihlabathi.

*Ungothandekayo wonke*

*Like the woman at the well I was seeking for things that could not satisfy and then I heard my Saviour speaking "draw from My well that never shall run dry."*[10]

Kunezinto ezimbili engithola ziyingcebo emnandi kakhulu ngoThandiweyo wami. Eyokuqala nguMoya wokuthobeka, othembayo nolalelayo ovela kuBaba njengefa nesipho semvelo kumuntu ozelwe. Eyesibini yintokozo kaBaba ngeNdodana kanye nesibusiso amnika sona, kanti Othandiweyo wami wabelana konke lokhu nami. Lokhu ukwenza ngokwemvelo njengalokhu naye enikwe ifa ngesihle nguYise njengeNdodana yakhe ezelwe yodwa kusukela ephakadeni.

Ngeyiphi intengo ongayifaka kulencebo? Ubaluleke ngaphezu kwegolide nesiliva endaweni yonke. Lona uyipharele yentengo enkulu. Awungedayise konkeyini ukumthola?

> Ungizungezile ngasemuva nangaphambili, wabeka isandla sakho phezu kwami. (6) Ukwazi okunjalo kuyangimangalisa; kuphakeme, anginakufinyelela kukho. (7) Ngiyakuyaphi, ngisuke emoyeni wakho na? Ngiyakubalekelaphi, ngimuke ebusweni bakho na? AmaHubo 139:5-7.

> Umlomo wakhe umnandi, uyanxaneleka wonke; yilowo ongoThandiweyo wami, yilowo ongumngane wami, nina madodakazi aseJerusalema. ISihlabelelo seziHlabelelo 5:16.

---

[10] Hymn 493 Seventh-day Adventist Hymnal

## 17. UMlilo Wocwengisisayo

Uma umuntu esothandweni kunzima ukuba azifihle. Nanoma bengazi ukuthi ukwabelana imicabango yami ngoThandiweyo nebandla lami kwakuzoba nemiphumela ebingemihle neze, ukungabelani kwakuzoba nomphumela ongemuhle kunalowo.

> Ngalokho-ke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumvuma phambi kukaBaba osezulwini; (33) kepha lowo oyakungiphika phambi kwabantu, nami ngiyakumphika phambi kukaBaba osezulwini. Mathewu 10:32,33

Kwafika izwi elathi kwakumele nginikele engangikutholile ebandleni. Lokhu ngikwenza ngothando, nokuhlolisisa uma kukhona mhlawumbe engingakubonanga. Kwakukhona izikhathi lapho umlingi wami wayezongigwaza ngamazwi “Ucabanga ukuthi ungubani ukuthatha lendawo? Akhekho noyedwa kumadoda ahola ibandla akholelwa kuleNdodana kaNkulunkulu oyithanda kangaka. Uzothini makukhona ongakubonanga? Uzothini uma kuyiphutha lonke leli?”

Ngangidinga ukuba ngizithobe ebadaleni bebandla funa kube khona owayengamelana nokuqonda enganginako. Ngangidinga ukuthi ngilalele kukho konke ababezokusho kimi, ngikuqhathanise nemibhalo, bese ngihlole unembeza wami ukuthola uma ngisafisa ukuthanda Othandiweyo wami, noma wayeyingcebo esekhanda lami ngedwa. Ngangifisa ukuba nesiqiniseko. Singabantu kukithi ukwenza amaphutha nokuwela ezilingweni.

Nganginesiqiniseko sokuthi lemicabango yayivela koThandiweyo wami. Wayesazi ukuthi ngangibeka izinyawo zami endleleni abayincosana abahamba kiyo. Kwakumele ngivivinywe uma ngangifisa ngempela ukuhamba naye kulesi sigodi sobumnyama sokuhlukana, ukungaqondi kanye nengxabano.

Ngathatha incwadi yami, ebizwa *The Return of Elijah,*ngayinika abaholi bebandla, ngacela ukuba bangihlolele yona. lolosuku ngilikhumbula kahle; kwakusele usuku olulodwa ngaphambi kokuba ngibeneminyaka

engamashumi amane. Ngangikhonze unkulunkulu obizwa *Trinity* iminyaka engamashumi amane, kanti ngokunikela ngalencwadi ngangiveza uthando lwami ngoThandiweyo. Umphumela wokuziveza kubafowethu wawunentengo encane kunesithandwa sami esisha.

Emva kwesikhathi esifishane nginikele ngalencwadi, ngathola umyalezo othi kunabantu abathi mina ngiphike inkolo kankulunkulu obizwa Trinity, kanti abanye besithi mina angisakholwa kuMoya oNgcwele. Abanye babeya nasezihlotsheni zami bezitshela "ngokuhlubuka kwami". Ngazizwa ngiphuke ngempela. Ngangibathanda abangane bami, kodwa ukuthi ngizame ukubachazela okwakusenzeka kwakuzobonakala sengathi ngidelele ibandla ngalithathela phansi. Ngatshela abangane abambalwa abasondelene nami ngabachazela isimo. Ababili noma abathathu abanye bangishayela ucingo ukuzwa ukuthi kwenzekani.

Lesi kwakuyisilingo ngempela kimi. Ngangisazi ukuthi kunendaba yamanga noma amahemuhemu avunguza ngenkolo yami, nenhloso yami, kodwa ngingavumelekile ukuba ngishayele abangane bami ucingo ukubatshela okwakusenzeka. Ngaguqa eNkosini ngathi, "Bonke abangane bami ngibanikela kuwe, futhi uma bengabangane bami ngempela bazongifuna ngesinye isikathi esithile phambili." Kwakumele ngisho lomthandazo amazinga ambalwa kakhulukazi uma ngangizwa imibiko yamazwi ayekhulunywa maqondana nami.

Kancane kancane, kwabasobala ukuthi igama lami kanye nokuba yilunga lebandla kwahlanjalazwa kwancoliswa. Ukuthula kwakuhlaba ngokujula enhliziyweni yami. Izinsuku zidlula ngingezwa lutho olunje ngesicelo, ucingo noma ubizo oluvela ebadaleni bebandla, ngazithola nethuba lokucabangisisa izindleko zokuzithola usemathandweni neNdodana kaNkulunkulu. Ngangisazibuza ukuthi, kuzothiwani uma ngenze iphutha? Ngaphindela emibhalweni, nakuMoya weSiprofetho kanye namapheshana womlando webandla ngaqina isibindi nangaphezulu. Ngiyazi ukuthi angiphazami, ufakazi buvumelana nami ngendlela eyisimanga. Ingqondo yami yabambelela kulokho okufundiswa sobala yiBhayibheli. Ngangisazi ukuthi indlela yokuba

ngibenenjabulo yayingeyokuthi ngilandele unembeza wami, nokwenza engangicabanga ukuthi kulungile.

Kungekapheli izinyanga eziyishumi nambili nginikele ngencwadi yami, ngathola impendulo. Ngaba nemihlangano emibili lapho sibukene buso nobuso nomholi webandla, kanti enye yemibuzo engayibuzwa lapho ngeyokuthi ingabe ngikholelwa ukuthi kwakukhona isikhathi lapho khona iNdodana kaNkulunkulu yayingekho yini. Ngaphendula, ukuthi iBhayibheli lingitshela ukuthi uJesu uzelwe kanti futhi uvela ephakadeni. Ngithatha lokhu okubini njengeqiniso; angifisi ukuhlolisisa imfihlo yephakade ukwenzela ukuthi ngikwazi ukunqaba ifa leNdodana kaNkulunkulu elivezwa sobala. Uma ngibheka uhlobo nenani lemibuzo engayibuzwa, ngavela ngazi ukuthi ingqikithi yalokho engangicele ukuba bengibhekele kona abakuqondanga noma ababonanga ukubaluleka kwakho.

Ngesikhathi ngithola impendulo evela ebandleni ngatshelwa ukuthi ikomiti ayifumananga kukhanya kulokho engangikubhalile. Ngahlolisisa lempendulo ukuthola amavesi ayebhaliwe mhlawumbe engangimele ngiwafunde kabusha ngicabangisise ngawo. Angitholanga ngisho nevesi elilodwa elivela eBhayibhelini, ngisho noma nescaphuno esivela encwadini lapho okungenzeka ngiphazame khona.

Ngangizimisele ukufunda nokulandela konke ukuqondiswa, kodwa angikutholanga nakancane. Nanoma ngangikubhekele lokhu, ngesikhathi kusenzeka kwakubuhlungu njengokubetha. Ngafikelwa yimizwa ehlangahlangene ngesikhathi esisodwa emoyeni wami. Ngathandazela ukuthula, umusa kanye nothando enhliziyweni yami. Ekugcineni ukuthula kweza vele, nentokozo yoThandiweyo wami yabuya. Ngathandaza ngathi, “Baba, ngizimisele ukufunda nanoma yini eseBhayibhelini engizoyinikezwa ngabaholi bebandla, kodwa uma ngenze iphutha, impendulo kwamele ngiyithole eBhayibhileni.”

Umbuzo weza futhi engqondweni yami, *kuthiwani uma konke kuliphutha, kuthiwani uma ngenze impazamo?* Ngacabanga ngesikhathi ngisebenzela

ibandla, nokulahlekelwa wubudlelwane nabantu engangisebenza nabo. Inxenye yami yayifisa kangaka ukukhohlwa konke engangikufunda eBhayibhileni, ngivele ngivume ukuthi ngenze iphutha. Kodwa, ngangisazi ukuthi lena akusiyo indlela eyisa enkululweni. Ngangingakwazi ukumphika Othandiweyo wami. Wangiyela esiphambanweni engaphoxwanga muntu. Waphatheka kabi ngendlela ephathisa amahloni ngenxa yami, akwenzeki yini ukuba nami ngidlule kulokhu okuncanyane ngenxa yakhe?

Ngathatha isikhathi sokuthi ngithandaze ngicabangisise. Ngabhala incwadi eya ebaholini bebandla ngicela impendulo enamavesi ngomsebenzi wami. Ngangithandaza ngokujulileyo ngithandazela umusa nomoya othobekileyo. Ngathandazela ukuthi ngingabhali ngendlela eyayizobangela ukuthi abantu baphatheke kabi.

Amava enganginawo ngiphezulu entabeni ngokuthola Othandiweyo wami, wayeveza iqiniso lokuthi kwakumele ngehle ngibuyele ezigodini zempilo.

> Waqala ukuqhubekela phambili; kodwa Ukuqonda, Ukuzinikela, Uthando kanye nokuQaphela kwakuzohamba naye ezinyaweni zalentaba. Ngakho bahamba ndawonye, bekhumbuzana amazwi abake babanawo emuva baze bafika phansi. Wasethi uMkrestu, njengalokhu kwakunzima ukukhuphuka, kanjalo ngokubona kwami kunengozi ukwehla. Yebo, waphendula uQaphela, kunjalo vele; ngokuba akukholula ukuba indoda ingene esigodini Sokuthotshiswa, njengalokhu kwenzeka kuwe manje, kodwa ukuze ungakhubeki endleleni, yingakho sithe masize sehle nawe. Ngakho waqhubeka esehla, eqaphele kakhulu njalo; kodwa kusenjalo wayekhubeka lapho nalapho. John Bunyan, *Pilgrim's Progress* Part 1 Stage 4.

Emva kwezinyanga eziyisithupha, ngathola impendulo encwadini engangiyibhalile ecela amavesi. Kulempendulo kwakunamavesi okuthiwa ayechaza ukuthi uJesu wayengasiyo iNdodana kaNkulunkulu nendlalifa nokuthi "ezelwe" kwakuchaza ukuthi "engafani nenye". Nganikezwa

nezingcaphuno ezimbalwa ezika Ellen White. Njengoba ngithandaza ngicabanga ngalempendulo, ngabhekana nalamazwi:

> …Kungumbono ojulileyo we-*committee* ukuthi ukuqonda kwama-Adventist kwe-Godhead njengalokhu kuchaziwe kuma-*Fundamental beliefs*, futhi kufakazelwa yiBhayibheli ngamavesi amaningi kuvumelana namaqiniso onke esiwathola eBhayibhelini. ISifingqo sesicelo sakho ngalama-*Fundamental beliefs* encwadini oyibhalileyo asikwazanga ukusikholisa noma ukusenelisa, kanti nezingcaphuno zika-Ellen White ozisebenzisayo azisho lokho ochaza ukuthi zisho khona wena. SPD Biblical Research Committee, Incwadi eya ku-Adrian Ebens, April 3, 2009.

Omunye umbuzo engawuthola wawusithi ngabe angibonakilisi umoya wokuzimela yini? Ingabe umuntu uwuphendula njani lombuzo? Ingabe ngangingamelene nabaholi nabafundisi bami? *Ingabe lokhu akusiso isifiso sokuthanda ukunakwa nokubonwa? Ucabanga ukuthi ungubani we-Adrain ngokuveza isibindi esingaka, udale ubuhlungu nengxabano engaka, hhayi nakuwe wedwa kodwa ezihlotsheni zakho? Ingabe loJesu omthandayo umthanda ngaleyo ndlela ufuna kwenzeke konke lokhu?*

Lemicabango yayizula engqondweni yami sonke lesikhathi. Ngazithola ngiphupha ngezinsuku ngisakhula, ngingakhathazwa lutho, impilo isasemnandi. Umndeni wami uvelewasuka lapho esasihlala khona waphindela lapho engakhulela khona, ukuze sishaywe ngumoya phandle ezintabeni kude nedolobha, kodwa esinye isizathu sasingukuthi ngiqhubeke namaphupho ami ngezinkathi zobusha empilweni yami, ngibalekele impi eyayiqhubeka emizweni.

Uma ngangingakhathaleli ibandla kanye nabazalwane bami, angicabangi ukuthi ngangizophatheka kabi ngalendlela ngimane ngizibuza ngendlela engangikhethe ukuyithatha. Ingabe leNdodana, leNdodala eyindlalifa Ibiza konke lokhu? Ikulungele konke lokhu? Ngake ngaphazama emuva, angiphazamanga lana? Inxenye yami yayifisa ukuba ngithole iphutha, ngivele

ngilale ngivuke sekudlule iminyaka embili noma emithathu edlule, ngingakhumbuli lutho ngalesisigaba engangidlula kuso manje.

Ngase ngicabanga ngonkosikazi wami nabantwana, nendlela abazophatheka ngayo ngokukhetha engangikwenza. Ngisacabanga ngabo, ngakhumbula ukuthi:

> Niyakulazi iqiniso, kanti iqiniso liyakunikhulula. Johane 8:32.

Ngacabanga ngoThandiweyo wami, nakho konke ayengenzele khona. Njengoba ngangihamba ngixoxa naye, ngangisazi ukuthi akuna kwenzeka ukuthi ngimphike. Wayengivuma phambi kukaBaba ubusuku nemini, mina ngangingangaqaba kanjani, ngiveze ukungabongi ngokungamukeli ihlazo nokuhlanjalazwa okulandela bonke abakhetha nabavuma iNdodana ezelwe?

Imizamo yami yokuthola amavesi ayexhasa imibono eyayivezwa kimi ngabamelana nemibono yami, kodwa lemizamo yaba yize. Ngangingakwazi ukuba nginqabe konke engangikutholile ngonembeza omhlophe kanti ukumelana nonembeza womuntu akulunganga futhi akuphephile. Nganquma ukulandela indlela yeqiniso njengokuyizwisisa kwami, ngenzela iNkosi kanye nomndeni wami obuzophatheka kabi ngesinqumo engangizosithatha uma ngangizothatha indlela elula nehanjwa yisixuku sabantu. Nganquma noPawule:

> Kepha ngiyavuma lokhu kuwe ukuthi ngeNdlela abathi iyihlelo (heresy) ngiyamkhonza ngokunjalo uNkulunkulu wawobaba, ngikholwa yikho konke okulotshiwe emthethweni nakubaprofethi. IZenzo 24:14.

Emva kwenyanga ngabhalela ibandla impendulo yami:

> Ngizame ngamandla ami wonke ukuthi ngamukele konke engikuthole kubazalwane, nokuthi ngicabangisise ngakho ngomthandazo. Kungakhathazeki ukuthi ngizama kangakanani, angikwazi ukubuyiswa… Ukuqonda kwami uYise neNdodana ngempela kuyingqikithi sekuyinkolo yami manje, futhi inomthelela kuyo yonke into engikholelwa kuyo, futhi izovela kuyoyonke into engizokhuluma ngifundise

> ngayo… Nginicela ukuthi ningikhulekise… ngisacela nikhumbule futhi ukubthi unembeza wami uyikho konke enginakho, uyinto eligugu kunazo zonke enginazo futhi angikwazi ukumelana nawo. Adrian Ebens to SPD Biblical Research Committee, May 3 2009.

Nanoma ngangingakwazi ukunikela ngonembeza wami nakunoma ngubani, igama nesimo sami ebandleni kwakusezandleni zabaholi bebandla. Ngaqondiswa ngumoya ukuthi indlela ephephe kunazo zonke ngeyokuthi ngizinikele nakunoma ngeyiphi indlela yokungiqondisa ibandla elalicabanga ukuthi ingifanele. Ngangilithanda ibandla lami, ngithemba futhi ukuthi uBaba wethu wayezovumela izinto zihambe ngendlela ayemise ukuthi zihambe ngayo. Othandiweyo wami wazithoba ngomoya othambile nomnene, nonomusa phambi kwalabo ababephathe ubuholi. Ngezwa nami kubiza ukuthi ngenze ngendlela efanayo.

Ngasemaphethelweni wonyaka-2009 ngathola izwi elithi ibandla licabanga ngokususa igamalami ezincwadini zebandla. Nangalesi sikhathi ngaphindela emadolweni ngathandaza ngokujulile ngendlela eyaphambili. Ngaphinda ngafunda iBhayibheli, imibhalo yomoya wesiprofetho kanye namapheshana akhuluma ngomlando webandla, ngaqiniseka nangaphezulukokungabaza ukuthi ngangikhethe iNdodana yangempela eseBhayibhileni. Ngesikhathi ngithandaza, ngacela iNkosi uma kwakungenzeka ukuthi amaphepha ami obufundisi agcinwe, ngoba ukuba umfundisi ebandleni lensala kwakuyinto engangiyibona njengesibusiso esikhulu. Kodwa uma lokhu kwakubiza ukuthi nginikele nangalokhu, ngangizokwenza njalo ngentokozo ngaphandle kokukhonona. Izwi leza kimi:

> Bayakunikhipha emasinagogeni, yebo, siyeza isikhathi sokuba lowo onibulalayo uyakuthi ukhonza uNkulunkulu. (3) Lokhu-ke bayakukwenza ngokuba bengamazanga uBaba kanye nami. Johane 16:2-3.

Uma nje babengathola ukwazi ngoBaba wami osezulwini kanye noThandiweyo wami, babezoqonda ukuthi kungani ngihamba lendlela kodwa

babengabazi. Ngakho ngathola izwi ngoDecember ka-2009 lokuthi angisasengumfundisi webandla lama-Adventist. Ngesikhathi kufika lomyalezo angizwanga ubuhlungu, nosizi, nenyembezi ngisho zazingekho. Konke lokhu ngasengike ngabhekana nako emveni. Ngakwehliselwa ehlazweni nasemlilweni wenhlungu into eyasala kimi kwakungoThandiweyo noYise osezulwini kuphela. Yeka ubumnandi bobudlelwano babo! nentokozo engaba nayo ngolwazi lwezinto engasengiziqonda manje.

Nganginqume indlela engangifise ukuyilandela kungakhathazeki izimpi nezilingo engangizohlangabezana nazo. Besengibhekane nabangane, nebandla lami ngayivuma iNkosi yami uJesu. Lendlela ibiveze esimilweni sami izinto okwakumele zishiswe Ngumlilo Wocwengisisayo. Kusenjalo, sengimisile izinyawo zami ukulandela iNdodana ezelwe, isithandwa sobusha bami asingivumelanga ukuba ngihambe ngaphandle kokwenza imizamo yokungilwela.

## 18. U-Apollyon

APOLLYON: Uvela kuphi na, ingabe ibheke kuphi indlela? UMkrestu: Ngivela kwidolobha lokubhidlizwa, okuyindawo yakho konke okubi, ngiqondi indlela enyukayo eya eZiyoni. APOLLYON: Ngalokho ngiyabona ukuthi ungenye yezinceku zami; ngoba lonke lelozwe lingelami, futhi ngiyinkosi nonkulunkulu walo. Kuza kanjani na ukuthi wena ubalekele inkosi yakho? Uma ngangingasenathemba kuwe lokuba usungaphindela emuva uyongisebenzela, ngangizokufaka inhlamvu eyodwa nje ngikubeke phansi. UMkrestu: Nangempela ngazalelwa emandleni akho, kodwa umsebenzi wakho unzima, kanti nenkokhelo yakhona ingalendlela yokuthi umuntu angephile ngayo; ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, Rom. 6:23; ngakho-ke, ngithe ekukhuleni kwami, ngenza lokho abanye abantu abanokuhlakanipha bankwenzayo, ukubheka uma inkhona indlela yokuziqondisa.
APOLLYON: Ayikho inkosi engavuma ukulahlekelwa yisisebenzi sayo kalula ngaleyo ndlela, kanti nami angizokulahlekelwa nguwe manje; *Pilgrim's Progress* Stage Four.

Ngemva kokuthola izwi lokuthi iziqu zami namagama ami asusiwe, nganquma ukuba ngizozihlalela ngizithulele. Ngangingazithembi ukuthi ngingakwazwi ukumelana nesifiso sokuzizwela ubuhlungu, nokuzibizela ukunakwa ngesimo engangizifake kuso. Ngikulesimo sengqondo ngaqhubeka isikhathi esingangenyanga, kwaze kwathi ngolunye usuku ngafikelwa yisiqondiso sikaMoya sokuthi ngenxa yokuthi ngangisebenza emphakathini, lokhu kwakubiza ukuthi ngixolise emphakathini ngephutha lami lokukholelwa nokufakaza amanga, iTrinity. Ekukhanyani okwakuvela koThandiweyo wami kanye noYise, lesono savela sisikhulu futhi singisinda kakhulu, nganquma ukuba ngenze nanoma yini okwakumele ngiyenze ukulungisa iphutha lami. Ngabhala incwadi eyokuxolisa, neyokuvuma emphakathini oThandiweyo wami. Ngayithumela bonke ababhalise ukuthola incwadi kuwebsite yeMaranatha media. Ngazizwa kufanele ukuba ngixolise kubo. Ngabuye

ngabhalela namanye amabandla engangike ngaba ngumfundisi kuwo ngacela ukuba bengixolela ngokuthatha inxenye ekufakazeni nasekufundiseni kwami imfundiso yamanga.

Ngokunaka indlela isikhundla sami sasisemphakathini, ngezwa isidingo sokubhala amapheshana ambalwa achaza isinqumo sami ngoThandiweyo wami. Babekhona abakwamukela ukukhetha kwami badumisa inkosi ngaze ngasho ukuthi ngisakholelwa ebandleni lama-Adventist nokuthi isivumelwano salo noNkulunkulu sisamile. Isinqumo sami ngoThandiweyo wami, kwabiza ukuthi ngilahlekelwe yiningi labangane bami ebandleni, kanti iningi elalivumela nami ngokuvuma oThandiweyo wami langishiya uma ngisho ukuba ngisakholelwa ekutheni ibandla lama-Adventist lisaseyibandla lesivumelwano sikaNkulunkulu.

Izikhathi ezimbalwa ngangizibuza ukuthi ingabe lokhu kwakudingeka yini ukuthi ngizihlukanise nawo wonke umuntu. Kwamele kube nenye inhloso ekhona engaka veli ngisho nakimi! Njengendoda eyayifisa kubekhona ukuthula, uthando, nobuhlobo yingani kwakubukeka sengathi ngiphikisana futhi ngimelene nabo bonke laba bantu? Nami ngazithola ngiqonda nalabo ababebhekile baze bathathe isinqumo sokwahlulela besithi ngingumuntu othanda ukudala inking kuphela nongena into yokwenza ngesikhathi sami. Ngangizolingeka ukuba ngithathe isinqumo esihlukile kunalesi engangisithathile. Kodwa kusenjalo, konke lokhu kwakuqhubeka ngisizwa intokozo emnandi, ukuthula kanye nothando engangiluzwa noThandiweyo wami. Ngangingafuni indlela eyisa empini; ngangizifisela ukulandela lapho ubizo olumnandi loThandiweyo wami lalivela khona.

Ngalesi sikhathi isifo sendodana yethu encane se-*Autism* sabukeka sengathi siyanyuka. Waqhubeka ehlukumezeka elwa ngamandla. Ngesikhathi esifanayo ngaqala ukukuthola kulikhuni ngokuya nokuya ukuhlala nginokuthula uma ngibhekana nezimo ezazingilila. Ngaphandle kokwazi kwami, umndeni wami waphuza umkhuhlane emanzini wasetangeni esasiwaphuza, lokhu kwaba nomthelela omkhulu kakhulukazi kimi nendodana yami encane. Ngesikhathi esifanayo sathola ukuthi indlu esasihlala kuyo yayinenkinga nge-*mould* eyayikhula ngaphakathi. Konke lokhu

kwadala izinkinga ezimbalwa emndenini wethu. Sathatha isinqumo sokusuka siye endaweni lapho khona isimo sezulu sithe ukushisa kancane, singeka boni inkinga yamanzi esasiwaphuza. Ukuqindezeleka kokubhekana nebandla kuhlanganiswa nalenkinga yamanzi (engangingayazi) kwabhidliza nervous system yami yonke. Ngalesi sikhathi esifanayo, indodana yami encane yayihlukumezeke ngento efanayo ngangokuthiukuphatheka kwakhe kwabhamuka kwafika ezingeni ayeyibonakalisa ngentukuthelo.

Ngesikhathi kwenzeka konke lokhu, isimo sempilo engangiyiso, kuhlanganiswa nendlela engangiphatheke ngayo ebandleni ngenxa yothando lwami ngoThandiweyo wami, ngangena esikhathini esasimnyama kakhulu empilweni yami esingangonyaka wonke. Ngalesikhathi, ngaphoxeka ukuba ngithandaze ngokujulile ngithandazela amandla okuthi ngidlule nje olunye usuku. Ngabambelela encwadini yamaHubo, ngayincenga iNkosi ukuba ingisize. Kwakubukeka sengathi zonke izinto ziwela phezu kwami, ngafika esigabeni lapho ngibona ngingena sizathu sokuphila. Kodwa nanoma kwakusenjalo, uMoya omnandi noduduzayo okaJesu wawuzofika, kakhulukazi ngeSabatha ukuba usisize. Oh indlela induduzo kaJesu iyigugu ngayo. Ungumduduzi wami ngezikhathi zenhlupheko nezilingo.

Sonke isikhathi uma ngizobhala ipheshana noma i-athekile ngalokho engangikufundile, kwakungathi indlu yethu izokuguqulwa ibheke phezulu. Besizowa phansi ngamadolo sicele usizo, bese usizo belizokuza.

Emva kwezinyanga eziningi zesimo esipintshayo ngalendlela, ngazizwa ngiphela amandla ngangokuthi ngangingacabangi ukuthi ngizophuluka. Ngalesi sikhathi lapho kufiphele engqondweni, ngezwa izwi lomlingi likhuluma nami. Wayesithi uNkulunkulu wayengidelile, yindaba ngingavele ngimshiye nami? Ngasheshisa ukuqonda lelizwi, ngabambelela emibhalweni nakuJesu. Ngangilindele ukuba ngife kunokuthi ngilahle uthando lwami ngoThandiweyo wami. U-Apollyon, ebona isimo engangiyiso, waphakamisa ukuba ngimdele oThandiweyo wami. Isisindo sami sasehle ngaphansi kwesikaNkosikazi, kodwa kusenjalo ngabambelela umuseni kaNkulunkulu, ngagodla isithembiso esithi:

> Bengilindela uJehova; wayesezikhothamisela kimi, wezwa ukukhala kwami. (2) Wangikhipha emgodini wokubhujiswa odakeni olubishayo, wamisa izinyawo zami edwaleni, waqinisa izinyathenlo zami. (3) Wabeka igama elisha emlonyeni wami, igama lokubonga uNkulunkulu wethu; abaningi bayakukubona, besabe, bamethembe uJehova. AmaHubo 40:1-3.

Sobabili nonkosikazi salingeka ngendlela engaphezu kwalokhu esasicabanga, noma kusenjalo iNdodana kaNkulunkulu besisayithanda. Ngemuva kwalezi zigameko, sathola inkinga yamanzi, sathola okwakudingeka ukuba elungiswe alungele ukuphuzwa, nempila kahle yethu sayithola. Usuku nosuku kwakuya ngokuba ngcono. Safunda ukuthi uma kukhona ekhaya lethu okwakungalethu udumo kuJehova, besizoba nobunzima thizeni endlini. Ngomthandazo sahlolisisa yonke into esasinayo, sakhipha yonke into eyayingabiza umoya wezwe nangayiphi indlela.

Nanoma lesi sikhathi sasinzima kakhulu, sithole ukuthi okuningi okwakungadingeki okwakulukhula kwashiswa ezimpilweni zethu. Nanoma isitha sasizama ukuba sisigudlule endleleni yeqiniso, uMsindisi wethu othandekayo wenza konke kusebenzele ekuhleni.

Usuku nosuku esiba nokuthula manje, siyakwazi ukuthi izingelozi zikaBaba osezulwini ziyasivikela kukho konke okubi. Izilingo esaba nazo zasenza ukuba sibone sinake ukuvikeleka kwakhe kothando. Lezi zinto asisazithathi kalula njengalokhu besenza ngaphambilini.

Uma besibonile indlela yethu ngaphambilini, nezimpi okwakumele sibhekane nazo, izinhliziyo zethu beziyakudela. Ngomusa weNkosi sathwalwa kulezi zilingo ezishisayo singena lwazi lwalokho okwakusilindele phambili. Sithatha usuku ngalunye ngalunye, sabambelela kuYise neNdodana yakhe, sithembela, sikholwa, futhi sivuma ukuba ngesikhathi esibekiwe inkululo yethu ibizakufika.

> Bese u-Apollyon, ebona ithuba lakhe, waqala ukusondela kuMkrestu, elwa naye, wamshaya wambeka phansi ngesisodwa, inkemba yoMkrestu yawa esandleni sakhe. Wayesithi u-

Apollyon, manje sewungowami wena: esekushilo lokhu kwasala kancane ukuba embulale, wasala uMkrestu sekunzima ukuthi egcine umphefumulo ngakuye. Kodwa, ngoba uNkulunkulu efisile ukuthi kube njalo, u-Apollyon efuna ukuyicishalendoda elungile, yalula nje isandla sayo ukuba ibambe inkemba yayo, wayibamba, wayesithi, ungathokozi ngami sitha sami, ngokuba uma ngiwile, ngiyakuvuka, Mik. 7:8; Ngalelo lizwi wamgwaza wamnika inxeba lokufa, wakhweshela emuva njengomuntu othole inxeba lokufa. UMkrestu wakubona lokho, wamnikeza elinye izilwi, wathi, hayi, kepha kukho konke lokho singaphezu kwabanqobi ngaye owasithandayo. AmaRom. 8:37. Ngalelo lizwi u-Apollyon walula izimpiko zakhe zikadrako, wabaleka, uMkrestu akaphindanga wambona. Jakobe 4:7.

Kulempi akekho owayengacabanga, ngaphandle kokuthi ezibonele, ezwe njengami, ukukhala kuka-Apollyon sonke isikhathi uma wayebaleka; wakhuluma njengodrako: ngesikhathi esifanayo inhliziyo yoMkrestu yathi ukuphumula ngokububula okukhulu. Wayengabhekanga nakancane uMkrestu aze abone ukuthi umgwazile ngenkemba yakhe ebukhali macala amabili: bese waqala ukumomotheka wabheka phezulu! Kodwa kwakuyisigameko esasisabeka kakhulu.

Ngakhop ngesikhathi sekuphele konke ukulwa, uMkrestu wayesithi, manje sengizakumbonga ongikhulule emlonyeni webhubezi, kuye owangisiza ukumelana no-Apollyon. *Pilgrim's Progress*, Stage Four.

## 19. UMduduzi

Njengoba sihamba loluhambo sihlangabezana nezilingo ezihlukene, linye izwi elisinika induduzo ngaphezu kwawo wonke amanye.

> Ngakho-ke kwamfanela ukuba abe njengabafowabo kukho konke, ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo nothembekayo ezintweni zikaNkulunkulu, kube yinhlawulo yezono zabantu. KumaHeberu 2:17-18.

IBhayibheli lisitshela ukuthi ngenxa yokuthi uJesu wahlupheka elingwa ngakho konke, uyakwazi ukusiza ekhulule labo abalingwayo. Kodwa uma uJesu eseZulwini enxusela thina, kuza kanjani ukuba ephinde ebe nguye osisizayo? UJesu ukuchaza kahle lokhu kubafundi bakhe ngesikhathi ebatshela ukuthi sekumele ehambe.

> USimono Petru wathi kuye: "Nkosi, uya ngaphi na?" UJesu waphendula wathi: "Lapho ngiyakhona, ungengilandele kalokhu, kepha uyakungilandela kamuva." (37) wathi kuye uPetru: "Nkosi, ngingekulandele kalokhu ngani na? Ngizakudela ukuphila kwami ngenxa yakho." Johane 13:36,37.

UPhetro wayeyithanda iNkosi yakhe, engafuni ukuhlukaniswa nayo. Ngosizi wabuza iNkosi yakhe, kwakungani engakwazi ukuyilandela. Ezahlukweni ezilandelayo zilaJohane, uJesu ubachazela indlela esazokuba nabo nanoma engasoze ebe nabo ngokwenyama.

UJesu ubatshela ukuthi izinhliziyo zabo mazingakhathazeki; wayesiyobalungisela indawo ezophinda ebuye. Bese kusukela ngoJohane 14:4-11, uJesu uchaza ubuhlobo bakhe noBaba nendlela engumfanekiso wakhe ogcwele.

Ivesi ngu-6, uJesu usho amazwi abaluleke kakhulu ajweyelekileyo kwabaningi bethu. Uthi yena uyindlela, iqiniso nokuphila. Into eyokuthi uJesu uzibiza ngeqiniso ibaluleke kakhulu emavesini alandelayo.

Njengoba echaza ukusondelana kobudlelwane bakhe noBaba, utshela abafundi ukuthi bengacela uBaba nanoma yini abayidingayo egameni lakhe.

> Uma nicela utho egameni lami, ngolwenza. Johane 14:14.

Masikhumbuleni ukuthi yonke lengxoxo ibekhona ngoba abafundi bakhathazekile ngokuthi uzobashiya. Kungalesi sikhathi lapho khona uJesu efisa ukukhulula izingqondo zabo. Usho lamazwi:

> Uma ningithanda niyakugcina imiyalo yami. (16) Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye uMduduzi wokuba ahlale kini phakade, (17) uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, lingamazi; kepha nina niyamazi yena, ngokuba uhlala nani, uyakuba kini. (18) Angiyikunishiya niyizintandane; ngizoza kini. Johane 14:15-18.

UJesu wakhuluma ngomunye uMduduzi owayezovela kuBaba. Qaphelisisa ukuthi uJesu utheni:

1. UMduduzi unguMoya
2. Izwe alimazi Yena
3. Abafundi sebemazi Yena
4. Uhlala nabo manje
5. Uyakuba kibo
6. UJesu wayengasoze ebashiye bengena nduduzo
7. Yena uqobolwakhe wayezoza kubo.

Uma uJesu eliqiniso kusho ukuthi uMoya weqiniso unguMoya kaJesu. UJesu akakhulumanga ngoMduduzi ngaphambilini kodwa manje uthi abafundi sebemazi ngoba ehlala nabo. Ngubani owayehlala nabo na? NguJesu! Bese ayenze ibelula. Uthi akayi kubashiya bengena nduduzo kodwa yena ngokwakhe uzokuza kubona.

Ekugcine kwesahluko uJesu ubiza loMduduzi ngokuthi Moya oNgcwele.

> Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona. Johane 14:26.

Yindaba uJesu ekhuluma sengathi uzokuza ukuzobaduduza bese ngesinye isikhathi ekhulume sengathi uzokuthumela omunye umuntu? UJesu

wayenokukhuluma ngaye sengathi ukhuluma ngomuntu wesithathu. Qaphela amavesi alandelayo:

> Ngakho esephumile, uJesu wathi: Manje iNdodana yomuntu ikhazimulisiwe, noNkulunkulu ukhazimulisiwe kuyo. Johane 13:31.

> Ngithi kini izakubazwela masinyane. Nokho nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala [yona] iyakufumana ukukholwa emhlabeni na? Luka 18:8.

Kulawa mavesi, uJesu ubiza iNdodana yomuntu ngokuthi "yona", "kuyo", abe ezisho yena. Lena kwakuyinto eyayijwayelekile ngoJesu.

Ingabe yini okunye esingakufunda ngoMoya oNgcwele? Bheka lamavesi avumelanayo.

> Ngokuba akuyinina enikhulumayo kodwa uMoya kaYihlo okhuluma kini. Mathewu10:20.

> Uma beniqhuba, benikhaphela ningakhathaleli ngaphambili eniyakukhuluma, kodwa lokho eniyakukunikwa ngaleso sikhathi, kukhulumeni; ngokuba kakunina enikhulumayo kodwa nguMoya oNgcwele. Maku 13:11.

Qaphela ukuthi uMoya oNgcwele ngokukaMaku 13:11 ubuye ubizwe ngoMoya kaYihlo ngokukaMathewu 10:20. Uqhubekela phambili ngokuchazela abafundi bakhe uJesu:

> Kodwa nxa esefikile uMduduzi, engiyakumthumela kini evela kuBaba, uMoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami. Johane 15:26.

UMoya oNgcwele uvela kuBaba, ulethe kithi ubukhona bukaYise neNdodana. UJesu uza aphinde abe nguMduduzi wethu ngoMoya oNgcwele. Qaphela indlela iBhayibheli elisetshenzisa igama elithi Moya nobuso ukuchaza into eyodwa.

> Ngiyakuyaphi, ngisuke emoyeni wakho na? Ngiyakubalekelaphi, ngimuke ebusweni bakho na? AmaHubo 139:7.

Kungesizathu esifanayo uPhawule esebenzise amagama ambalwa ngokushiyana ewashintsha.

> Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye **uMoya,** uma **uMoya kaNkulunkulu** ehlala kini. Kepha uma umuntu engenaye **uMoya kaKristu**, lowo kasiye owakhe. (10) Uma **uKrestu** ekini, umzimba ufile ngenxa yesono; kepha **uMoya** ungukuphila ngenxa yokulunga. AmaRoma 8:9-10.

Qaphela ukuthi lamazwi ahlangana kanjani:

UMoya = UMoya kaNkulunkulu = UMoya kaKrestu = uKrestu = UMoya

Zonke lezi zinto zisitshela ukuthi ngoMoya oNgcwele, uJesu ukwazi ukusiduduza esincede noma esisize mathupha. Lesi siphon esimangalisayo sivela esihlalweni sikaNkulunkulu njengomfula omkhulu, ugelezele ezinhliziyweni zabo bonke abawomile nabanxanele uKrestu.

> Wayesengikhombisa umfula wamanzi okuphila ucwebezela njengekristalu, uvela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu neseWundlu. ISambulo 22:1.

> Kepha ngosuku lokugcina olukhulu lomkhosi uJesu wema wamemeza wathi: "uma ekhona owomileyo, akaze kimi, aphuze. (38) Okholwa yimi, ngokusho kombhalo esiswini sakhe kuyakugobhoza imifula yamanziaphilayo. (39) (Washo lokho ekhuluma ngoMoya, abazakumamukela abakholwa ngaye ngokuba uMoya wayengakafiki lokho uJesu wayengekakhazimuliswa). Johane 7:37-39.

> Kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade." Johane 4:14.

Amanzi okuphila uJesu akhuluma ngawo kowesifazane wayeyisipho esiligugu sobukhona bakhe ngawo uMoya kaNkulunkulu.

Ingabe siyaqonda yini ukuthi lokhu kusebenza kanjani?

> Umoya uphephetha lapha uthanda khona; uyaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona nalapho uya khona; banjalo bonke abazelwe nguMoya. Johane 3:8.

Asazi ukuthi uJesu usiduduza kanjani ngoMoya oNgcwele; esikwaziyo yikuthi nguyena oza kithi. Kungani uJesu engumduduzi wethu? IBhayibheli lisitshela ukuthi:

> Ngokuba lokhu wahlupheka yena uqobo elingwa, unamandla okusiza abalingwayo. KumaHeberu 2:18.

Leqiniso elisobala liyigugu kakhulu kimi. Yingakho ngangikwazi ukuza ngempela koThandiweyo wami. Ngaphandle koMoya weQiniso ngangingasoze ngimazi yena oyiQiniso. Uma uMoya kwakungomunye umuntu ohlukile kunoJesu njengalokhu kuchazwa ku-*Trinity,* kwakuzobiza ukuthi ngifunde ukumazi nokumthanda lomuntu. Bekungasabi nguJesu osiduduzayo kodwa omunye umuntu. Kepha nguJesu kuphela okwazi indlela engizizwa ngayo ngakho nguye kuphela ongangiduduza ngempela.

I-*Trinity* yenza konke lokhu kubenzima. UJesu uthe:

> Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso; ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo uyakukukhuluma, anibikele okuzayo. Johane 16:13.

UMoya awuzikhulumeli, okuchaza ukuthi nanoma yiphi indlela asebenza ngayo uMoya, akumele sibheke yena njengomuntu ohlukile kunoKrestu, uKrestu nguyena ingqikithi yethu, nguyena umduduzi wethu.

Ngikhumbula ibanga lokuqala ngiqonda ukuthi uJesu kwakunguye owayenami kunomunye umuntu ongena simo esibambekayo noyimfihlakalo ongazanga wahamba enyameni yami, nongazange wezwa waqonda izilingo zami. Ngakhala inyembezi zenjabulo uma ngicabangisisa indlela okusobala ngayo. Njengoba wayetshele abafundi bakhe ukuthi izinhliziyo zabo mazingakhathazeki ngoba wayezoza ebaduduze, kanjalo uKrestu nanamhlanje uzakithi asiduduze ukuze sidle naye, sihlanganyele ndawonye naye.

Ngokucwengisiswa yizilingo kwami ngesikhathi ngisafakaza nokuvuma oThandiweyo wami, nangesikhathi ngibhekana no-Apollyon, induduzo emnandi kwaba lulwazi lokuthi uJesu wayenami. Engikhuthaza, engixhasa, engisiza, engisekela, engithanda yebo engibusisa. Oh umcabango omuhle oligugu. Oh iqiniso elikhazimulayo.

Ukufika kuka-Eliya kwangiqondisa izithandwa ezimbili ezazifuna isandla sami, makubongwe izilingo zomlilo wocwengisayo izinto ezazingivimbela ukuba ngingangeni endaweni eNgcwele Ngcwele zasuswa. Uthi uJesu:

> Ngiyayazi imisebenzi yakho; bheka, ngimisile phambi kwakho umnyango ovuliweyo, ongenakuvalwa muntu; ngokuba unamandla amancane, kanti waligcina izwi lami, kawuliphikanga igama lami. ISambulo 3:8.

Kulabo abangeke beliphike igama leNdodana kaNkulunkulu umnyango wendawo eNgcwele Ngcwele umi uvuliwe.

## Ikhefu IV

Inhliziyo yami izohlabelela, ngoThandondiweyo wami, ngokunginikeza ukuqonda ukuthi kungani ngangihlezi ngilahlekelwa nguwe. Ifa lami elivela ku-Adamu nokwenza okukhohlisayo komlingi wami kwangiheha, kwangidida, kwadabukisa inhliziyo yami. Nanoma ngangilahlekelwe nguwe, ngangisenalo ithemba.

> OThandiweyo wakho uyephi na, wena mhlekanzi phakathi kwabesifazane? Ushonephi oThandiweyo wakho ukuba simfune kanye nawe na? (2) "OThandiweyo wami wehlele ensimini yakhe, ezindimeni zamakha, ukuba aluse ensimini, akhe iminduze. (3) Mina ngingowoThandiweyo wami, noThandiweyo wami ungowami, lapho alusa phakathi kweminduze." ISihlabelelo seziHlabelelo 6:1-3.

Emlilweni wocwengisayo inhliziyo yami iguquliwe, ingqondo yami yenziwe yantsha. Ngokholo ngiyawezwa amazwi akho kimi.

> Kepha ijuba lami, opheleleyo wami munye nje; ungoyedwa kunina, ungokhethiweyo wakhe owamzalayo. Amantombazana ayambona, athi ubusisiwe; yebo amakhosikazi nezancinza bayamdumisa. (10) Ngubani lo olunguza njengokusa, emuhle njengenyanga, ecwebile njengelanga, kepha esabeka njengebutho, na? (11) Ngehlela ensimini yamantongomane ukuyobona uhlaza nezithelo zesigodi, nokubona uma imiviniiqhakazile, namapomegranati uma ekhahlele. (12) Ngingakakwazi ukulangazela kwami kwangibeka enqoleni yabantu baka Aminadib. (13) Phenduka, phenduka, mShulamiti! Nizobonani kumShulamiti? Kunjengamabutho amabili. ISihlabelelo seziHlabelelo 6:9-13.

Sengibuyile, oThandiweyo wami, nginethemba lokuthi ingadi yesimilo sami iqhakazile nokuthi uthokozile ngami. Inyanga ingufakazi phansi kwezinyawo zami kanti nokukhanya kwelanga kuyingubo yami; ekhanda lami kukhona umqhele wezinkanyezi eziyishuminambili. Udrako uzame ukungigwinya, kepha intonga yakho nodondolo lwakho zangikhuthaza kulesi sigodi sethunzi lokufa. Ngahlala etafuleni lakho phambi kwezitha zami kanti "nebhandela

lakho phezu kwami liluthando." "Nembala okuhle nomusa kuyakungilandela imihla yonke yokuphila kwami."

Emlilweni wokulingwa, ukwesaba uBaba wakho okwakusekujuleni kwami kwavela. Ngangizibuza ukuthi engangamukela yini, wayengabusisa uthando enginalo ngawe yini? Ngangisazi ukuthi ufisa ukungithatha ungise kuBaba endaweni engcwele kunazo zonke. Kodwa uvalo lwami lwangivukela lwangithwalela kude.

Ngesikhathi ngizwa izinyathelo zikaBaba wakho zisiya esihlalweni sokwahlulela, inhliziyo yami yadangala ngaphakathi kimina. Nganginovalo lokuthi uzokusihlukanisa ngenxa yezono zami! Kepha ngenxa yezwi eliduduzayo elimemeza ehlane, sengafunda ukuthi uBaba unjengawe; ngoba konke onakho wakuthola Kuye njengefa.

Manje izinyathelo zikaBaba zokuya ekwahluleni akusizo izinyathelo zokulahla nokugxeka, kodwa zinjengezinyathelo eziya endodaneni Yakhe yolahleko. Izingalo zakhe zivulekele mina, Thandiweyo wami! UBaba wakho uyangamukela, Thandiweyo wami! Nangempela uthando lwethu uzolibusisa; nembala uzosishadisa.

> Mina ngingowothandiweyo wami, kanti naye uyanginxanela. (11) Woza wena oThandiweyo wami, siye endle, silale emizaneni. (12) Masivuke ekuseni, siye ezivinini, sibone uma umvini uqhakazile, nezimbali zawo uma zivulekile, namapomegranati uma ekhahlele; lapho ngiyakukunika uthando lwami. ISihlabelelo seziHlabelelo 7:10-12

# ISahluko 5. ENdaweni eNgcwele Ngcwele

## 20. Ukushadiswa nguMdala weZinsuku



Ukuba ngikwazi ukuphumula othandweni loMsindisi wami kwakuncike ekwamukelekeni kwakhe nguYise, hhayi ezithembisweni ayezenzile kimi kuphela. Ekufundeni kwami iBhayibheli, ngangifunde ukuba kwakumele ngime phambi kukaNkulunkulu ekwahluleni, ngihlangane nqo noYise woThandiweyo wami endaweni eNgcwele Ngcwele.

Ukungakhululeki kwami okokuhlangana noYise woThandiweyo kwakufihlakele kimi nakwabanye, kodwa kwakuzozibonakalisa ngezindlela ezihlukahlukene. Ngaso sonke isikhathi uma ngiwela esonweni, ngangizophenduka kodwa ngesinye isikhathi ngangingazovuma okwakuqhubeka ngempela. Uvalo olwalusekujuleni kwenhliziyo kwangiqhubela ekutheni ngizijabulise, ngizizwele ubuhlungu futhi.

Uma ngiqala ukufunda iBhayibheli, ngigcwele ukubonga ngoMsindisi wami, indlela eya endaweni eNgcwele Ngcwele yaqala ukubonakala. Ngaqaphela ukuthi kusukela ngo-1844, oThandiweyo wami wayeqale ukwenza umsebenzi oligugu wokunxusela nokumela abantu endaweni eNgcwele Ngcwele.

Ngangizoduduzeka ngokuthi uJesu wayengimele phambi kukaBaba. Ngangibona ngisho nobufakazi bokuthi uBaba wayengithanda. Kepha imbewu eyatshalwa ngumlingi, yokudinga nokufisa inhlonipho nokwamukeleka ngemisebenzi yami nezinto engangizifeza yashayisa naleliqiniso laloMuntu ohleli esihlalweni sobukhosi onikeza bonke ukuphila.

Uma kwakusasekhona ichashaza nje enhliziyweni yami lothando lwesithixo somlingi, kwakungena kwenzeka ukuthi ngikwazi ukuma phambi koMsuka waso sonke isidalwa, nomthombo wawonke umthetho ngizizwe nginokuphumula. Yingakho amakrestu amaningi ephika ngokuphelele ukuthi umsebenzi wokwahlulela waqala ngo-1844. Amakrestu amaningi ngokwemizwa awafuni ukuhlangana noBaba; bafuna nje ukuhlala nesithombe salokho abacabanga ukuthi uJesu uyikho.

Sinye isizathu esingasenza sifise ukungena endaweni eNgcwele Ncwele, kuma simthanda ngempela uMsindisi wethu. Njengo Esther nathi singasho sithi:

> …Nami nezintombi zami siyakuzila kanjalo, ngingene enkosini noma kungengamthetho; uma ngibhubha, mangibhubhe. U-Esteri 4:16.

OThandiweyo wethu usiqinisa ukuba sibhekane nanoma yini okumele sibhekane nayo ukuze sibambelele kuye. Enye into emangalisayo ngemikhono yethu yokusondela kuBaba endaweni eNgcwele Ngcwele kungukuthi kuma simthanda ngempela uJesu lapho sizobanolwazi lenhliziyo kaBaba nothando analo ngathi. Indlela yonke iqinisekile.

Ngesikhathi u-Eliya[11] eza kimi, engibonisa umehluko okhanyayo phakathi kukaBaba neNdodana kanye ne-Trinity, ngabona ukuthi uMuntu obizwa Baba kwi-Trinity akasoze afinyeleke ngenhliziyo yami. WayengasoYise kaJesu ngempela, ngakho wayenganikelanga ngeNdodana yakhe empeleni. Ngesikhathi ekhuluma amazwi athi "Uyindodana yami ethandekayo," kwakunenxenye yami eyathokoza, kodwa kwakukhona enye inxenye eyayiqonda ukuthi leli akusilo iqiniso ngempela.

Njengoba ngangibheka iNdodana kaNkulunkulu yangempela, yangivulela indlela yokusondela kuBaba; indlela yakhe yokusondela yaphenduka itshelegumbi lokusondela kwami. Uthando lukaBaba ngeNdodana laba

[11] ngo Eliya oweza kimi, ngisho umyalezo ka-Eliya ongitshengise umehluko okhanyayo phakathi kukaBaba neNdodana kanye ne-Trinity.

yitshelegumbi lothando lukaBaba ngami. Ngesikhathi ngiqonda lobudlelwano bukaBaba neNdodana obangempela nami ngaqala ngazi ukuthi uBaba wayengithanda ngempela futhi engamukela.

Ngesimiso sokwamukeliswa ifa ngithola induduzo ngalawa mazwi:

> Ongibonile mina, ubonile uBaba; Johane 14:9.

Njengoba ngibheka indlela oThandiweyo wami efana noYise, ngaqina isibindi ngalesi sethembiso:

> Ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle [asenze saba ngabamukelekileyo] ngaye oThandiweyo. Efesu 1:6.

Ngangike ngawafunda lamazwi ngaphambilini, ngazitshela ukuthi ngiyawakholelwa, ngabambelela kuwo. Kodwa ngazithola ngiphambuka endleleni eya endaweni eNgcwele Ngcwele amathuba amaningi, ngingena kwenye indlela. Uma u-Eliya wayengavezanga uthando lwami lukamina olwaluyimfihlo ngenxa yenkohliso ye-Trinity, ngangingasoze ngiqine isibindi sokusondela eduze noBaba woThandiweyo wami.

Amalungu webandla amaningi sewayilahlile lendlela. Bathi uJesu ungithwalele ukwahlulelwa kwami" noma ukuthi u-1844 kwakungumkhosi ongenamusho wokunikela emiphumela yomsebenzi wokubiyisana, nowokuvezela umhlaba lokho osekwaziwa nguNkulunkulu. Konke lokhu kuveza into yokuthi zonke lezi zinhliziyo azifuni kuhlukana nembewu yenyoka engavumi iqiniso lokuthi uBaba ungumsuka omkhulu wakho konke.

Kukho konke lokhu, okuyiminininingwane okufundwa ngayo kuTheology, akukho okususa iqiniso lokuthi siding ukwamukelwa ngempela nguBaba womyeni. Iyodwa indlela yokuthi sikwazi ukuhlala siphile endaweni eNgcwele Ngcwele, kuma siqonda iqiniso likaYise owanikela ngeNdodana yakhe ngenxa yezono zethu.

> Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo. (10) Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina

samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo yezono zethu. 1 Johane 4:9-10.

Ngaphambi kwejaji elikhulu lomhlaba, yonke imifanekiso nemidlalo yokushintshashintsha okuthiwe uNkulunkulu uziziqu ezitathu ezilinganayo, kubulala kushabalalise iqiniso elithi uNkulunkulu wanikela ngeNdodana yakhe ngenxa yothando lwakhe ngathi. Umfaniso wesipho uchaza umfaniso wokwamukeleka, owambukayo ngaphansi kokuhlolisiswa ekwahluleni.

Emphefumulweni womuntu othole intokozo eNdodaneni ezelwe, izinyathelo zikaYise zokuya esihlalweni sokwahlulela eZulwini ziyizinyathelo ngempela hhayi umfaniso. Kodwa kulowo osazithandela u-‘mina,’ umsindo walezinyathelo ziphenduka omunye umfaniso wothando olukhulu lukankulunkulu u-Trinity, oluvezelwa abasemhlabeni ukubanikeza ithemba. Ingqondo ekhonza unkulunkulu oyi-Trinity kwamele iguqule izinyathelo zikaBaba zokuya endaweni eNgcwele Ngcwele zibe ngumfaniso ngoba izinyathelo ezokuya ekwahluleni zangempela ziyathusa.


Kulabo asebebheke emehlweni oMsindisi wethu ibanga elide, umsindo wezinyathelo zikaBaba uveza ukulangazelela kwakhe ukuba eshadise iNdodana yakhe nomakoti. Umsebenzi wokwahlulela uveza ukuthi ngobani abayithanda ngempela iNdodana yakhe, nokuthi ngobani angabafaka uphawu lokuba bephile ingunaphakade naye. Yilowo nalowo kuphela owazi uYise njengalokhu evezwe yiNdodana ongayithola indawo efihlakele yongaPhezu Konke.

Akumelanga sibenovalo ngenxa yokwahlulela kukaNkulunkulu. Ufisa kangaka ukusivezela indlela asamukela ngothando ngayo. Ingqikithi isekutheni siqonde sivume ukuba ungubani Yena neNdodana Yakhe, kanti uma sikuvuma lokho siba nokuphila okuphakade.

Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, noJesu Kristu omthumileyo. Johane 17:3.

Asingesondele yini phambi kwesihlalo somusa ngesibindi, sinolwazi lokuthi zonke izidingo zethu zizofezeka, nokuthi nangempela uBaba uyathokoza ngathi nangothando esinalo ngeNdodana yakhe?

## 21. Phambi Kombhoshongo Wesivumelwano



Iqiniso lothando lukaBaba elivela ngoKrestu linikeza umphefumulo amandla okusondela esihlalweni sokwahlulela. Njengoba sisondela kulesi sihlalo, umthetho olapho usenza sibone ukuswela kwethu okukhulu. Kanti ukuswela kwethu okukhulu kusibangela ukuba sicele amandla okunqoba; impilo iqala ukwakhekha ngemithandazo kunamazwi wodwa. Umsebenzi wommeli uthatha indawo, ube yingqikithi empilweni yesoni. Inkolo yethu yokuthi izicelo zethu ziyazwakala incike ekutheni simthemba kangakanani uKrestu njengommeli.

Uma sasihlela uhambo oluya emahlathini ase-Afrika ukuyohlangana nenkosi ethile yendawo ethile, singazizwa siphephile uma singabuza umakhelwane wethu okewaboleka incwadi e-Labhulali ukuba esihumushele? Kuyakhanya ukuthi amakhono namalungelo kamakhelwane akazukusinikeza isiqiniseko kangaka.

Uma besingathatha loluhambo, siye kuleli lizwe elikude, sithembele komunye wezisebenzi zenkosi ukuba isihumushele, ingabe singazizwa siqinisekile ngaye? Cha, ngoba lomhumushi wenkosi kungenzeka ukuthi wazi izindlela zenkosi zonke kahle futhi kodwa akazi lutho ngathi esivela e-Australia noma ngamasiko nezidingo zethu. Ukuqiniseka kwethu ukuthi lomhumushi engakwazi ukuqonda izicelo zethu kuzoba ziphansi kakhulu.

Uma siza esihlalweni sikaNkulunkulu sobukhosi, sinesidingo esikhulu sokuthi osimelayo uqonda ngempela izindlela zikaNkulunkulu nezabantu zombili. Umyalezo wencwadi yamaHeberu isahluko esokuqala nesesibini yanikezwa ngenhloso yokuveza ukuba uJesu njengommeli, ngembala angakwazi ukuba esimele.

Masiqaphelisise ukuthi:

> UNkulunkulu, esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, (2) ekugcineni kwalemihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise yaba yindlalifa yakho konke, adala ngayo futhi izwe. (3) Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono, yahlala ngakwesokunene somkhulu kweliphezulu, (4) seyaba nkulu kunezingelosi, njengalokhu igama layo eliyifa lilikhulu kunelazo. KumaHeberu 1:1-4.

Endimaneni engaphezulu, singaqiniseka ukuthi uJesu uyayazi ingqondo nenhliziyo kaNkulunkulu yini? Uma siqonda ukuthi uJesu ufuze uYise nokuthi ifa lakhe elivela kuBaba limenza abenangaphezu kokulungela umsebenzi ophambi kwakhe kunezingelozi, singasho ukuthi "Makabongwe uNkulunkulu!" Singaqiniseka ukuthi uJesu uzokwazi ukusivezela uBaba, ekhulume okusengqondweni yakhe njengalokhu kunjalo.

Kanti uma siya esahlukeni sesibili sencwadi yamaHeberu sifunda lokhu:

> Ngakho-ke njengokuba abantwana bahlanganyela igazi nenyama, naye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe obe nawo amandla okufa onguSathane; (15) abakhulule bonke labo abathi ngokwesaba ukufa ekuhambeni kwabo konke babeboshwe ebugqileni. (16) Ngokuba akembathanga imvelo yezingelosi, kodwa wembethe inzalo ka-Abrahama.(17) Ngakho-ke kwamfanela ukuba abe njengabafowabo kukho konke, ukuze abe ngumpristi omkhulu ohawukelayo nothembekayo kokukaNkulunkulu, kube yinhlawulo yezono zabantu. (18) Ngokuba lokhu wahlupheka yena uqobo elingwa, unamandla okusiza bonke abalingwayo. KumaHeberu 2:14-18.

Kulawa mazwi sifunda ukuthi uJesu wathatha imvelo yethu phezu kwakhe. Wayenjengathi ngakho konke. Ukwazi kahle ukuthi kunjani ukuzizwa ukhathele kakhulu, ucindezelwe ngabantu abaningi abathukuthele. Wazi kahle ukuthi kunjani ukuzizwa ulahliwe. Wahlupheka elingwa ngayo yonke indlela njengalokhu silingwa kepha akonanga. Uma siqonda ukuba uJesu nangempela uyiNdodana yomuntu, futhi nangempela uyiNdodana kaNkulunkulu singaqiniseka ngokugcwele ukuthi uzodlulisa imithandazo yethu kuYise, aphinde adlulisele amandla, nenduduzo kanye nenkuthazo evela kuBaba.

Amabandla amanigni wama-Protestant afundisa ukuthi uJesu uyasinxusela ezulwini. Kodwa ngoba kungenakukholo lokuthi uJesu wasuka waya endaweni eNgcwele Ngcwele ukuqhuba umsebenzi wokubuyisana kokugcina, asikho isidingo sokuthotshiswa komphefumulo nesokulahla sonke isono. Lokhu kungafaniswa nokuzihambela kamnandi kubhuloho lwe-Golden Gate. Uma sikholelwa ukuthi ujesu uzoqhubeka esinxusela ngezono zethu engaphezi lomsebenzi, lokho kushokhona ukuthi singabuye sicabange ukuthi singazama ukuphila impilo elungile, kodwa akudingeki ukuba sibenentshisakalo ngoba hlezi singacela intethelelo nanoma kunini; asoze kwaphele.

Isidingo sokushiya sonke isono siza uma sibona ukuthi umsebenzi wokunxuselwa kwezono uzophela ngaphambi kokuthi uKrestu ebuye okwesibini. Isidingo somsebenzi oqhubekayo endaweni eNgcwele Ngcwele ungachazwa ngalendlela. Lokhu kungafaniswa nokudlula e- Niagara Falls ngocingo. Uma siqonda ukuba ukunxuselwa kwezono kuzophela ngaphambi kokubuya kwesibini kukaKrestu sinjengendoda eyavumela ukungena ebhaleni yavumela ukuthi usosaziwayo uCharles Blondin (owayesazeka ngokuhamba phezu kocingo), emthwale bedlule umgodi weNiagara Falls behamba phezu kocingo. Njengoba indaba ikhulunywa, lolucingo laqala ukunyakaza bengekaqedi ukudlula. UBlondin watshela lendoda ukuba mayisukume iphakathi kwalebhala. Lokhu kwakudinga ukuthemba okungena kungabaza,kodwa lendoda yema. Seyihlezi okwesikhashana yayike yaba seduze kangaka ukuthi ingabona amakhono akaBlondin imi eduze naye. UBlondin ngendlela exakayo wakwazi ukuletha lendoda emhlanewamthwala sonke isikhala esasisele.

Uma ucabanga ukuthi indlela eya ezulwini inje ngokudlula ibhuloho leGolden Gate, ungadinga ukuthi ubambelele emhlane wommeli ukuze esindise ukuphila kwakho? Cha! Usungahamba kunamamitha angu-30 anihlukanisayo ungabi nangozi futhi. Angeke udinge ukuthi ubeseduze kangaka noMsindisi wakho, ngakho angeke ube nokunaka nokuqhaphela izono zakho, noma ufunde ngoYise ngayo iNdodana. Ukuphila ube namava endaweni eNgcwele

Ngcwele kubeka phambi kwethu ucingo uMsindisi wethu angasithwala ngalo uma simvumela. Ukuphila endaweni eNgcwele Ngcwele kungevumele u-mina adlulele eKhenani lasezulwini. Impilo endaweni eNgcwele Ngcwele Ibiza ukuthi sizinikele ngokuphelele phezu kommeli wethu, simthemba ukuthi uzokusinxusela asinike namandla esiwadingayo ukuba sinqobe. Njengokusho kweBhayibheli:

> Ngiyakusondela kini ngokwahlulela, Malaki 3:5.

UNkulunkulu uzakusondela esize labo abamfuna ngeqiniso ekwahluleni, nokwambula abaqambi bamanga abathathela phansi indlela yensindiso. IBhayibheli lisitshela ukuthi:

> Nokho kithina kukhona uNkulunkulu munye, uYise, okuvela kuye konke, nathi sikhonela yena; neNkosi inye, uJesu Kristu, okuvele (ngaye) konke, nathi sikhona ngaye. 1 KwabaseKorinte 8:6.

> Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, indoda uKristu uJesu. 1 Timoteo 2:5.

Siyabona ukuthi uNkulunkulu munye, uYise, nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu munye, indoda uKristu uJesu. Uma ngamukela imfundiso ye-Trinity, ngiphoxeleka ukuba ngikholwe ukuthi kukhona uNkulunkulu munye, ogoqhelela uBaba, iNdodana kanye noMoya, futhi umlamuleli munye uJesu Krestu.Lokhu kwenza lendoda uJesu ebe ngummeli aphinde abeyijaji. Kungenzeka yini ukuthi umuntu abengummeli ngesikhathi esifanayo abengomunye ophathekile okumele ukubuyiswane naye? Lesimo hlezi singazuhamba ngendlela, awuboni yini?

Uma uJesu enguNkulunkulu ngendlela efanaya njengoBaba, kungani siding ummeli phambi kukaBaba kodwa singamdingi phambi kweNdodana? UJesu engammela njani uBaba engavelanga kuye? Ukumela kwakhe kuphenduka umfaniso ngoba phela akukho mehluko phakathi kukaYise neNdodana ngaphandle kwezihloko ababizwa ngazo.

Ummeli wangempela nofeza umsebenzi kwamele abe nendawo noma isikhundla esikhanyayo suthi nesingahlangene nalabantu ababili abadinga

ukubuyiswana. Ifa uJesu alithola kuBaba lisenzela lomehluko phakathi kwabo bobabili. Limvumela ukuthi abuye amele uNkulunkulu ngoba enemvelo yakhe. Uhlukile kuNkulunkulu uBaba, kodwa wayenaye ngakho unguNkulunkulu ngenxa yefa alinikezwa. NjengeNdodana kaNkulunkulu eyathatha inyama yethu, uhlukile kunathi kodwa munye nathingenxa yefa alinikezwa. Kungukwehluka kwakhe uKristu ngenxa yefa alamukeliswa kuNkulunkulu nakubantu okumenza abengummeli weqiniso phakathi kwabantu noNkulunkulu.

Uma sesikwazi lokhu ngoMsindisi, sesingazinikela ngokuphelele kuye, sithembe futhi ukuba uzosinikeza usizo esiludingayo ukuwela ucingo oluncane. Ummeli wangempela unikela ukumela nokunxusela kwempela okuletha insindiso yangempela. Kanti ummeli wokufanisa we-Trinity unikela ngokunxusela kokufanisa, kuBaba ofanisayo onikeza ngamandla okufanisa nensindiso yokufanisa ekugcineni eletha ukubhubha.

Lesi yisizathu esimqoka kakhulu esangenza ukuthi ngikhethe oThandiweyo wami kunokuba ngikhethe uTrinity. YiNdodana kaBaba ezelwe kuphela engaletha ukunxusela nokumela kweqiniso ngokuziveza eyilokho ayikho khona. Ukuqiniseka kwami emmelini wami kuqinisa ukukholwa kwami ukuba ngizovela phambi kukaBaba ekwahluleni.

> UJehova akayikumnikela esandleni sakhe; akayikumlahla lapho ahlulelwa khona. AmaHubo 37:33.

NgoThandiweyo wami yedwa engimkhethileyo ongivumela ukuba ngihambe indlela yonke yethempile ngoba nembala nguye kuphela oyiNdlela eyakuBaba.

> Ngubani owenyuka ehlane encike ngoThandiweyo wakhe na? phansi komapula ngakuvusa; lapho unyoko wayenemihelo ngawe, khona lapho wayenemihelo owakuzalayo. (6) Ngifake njengophawu enhliziyweni yakho, njengophawu engalweni yakho, ngokuba uthando lunamandla njengokufa; isikhwele silukhuni njengendawo yabafileyo: amalangabi alo angamalangabi omlilo, ilangabi likaJehova. (7) Amanzi amaningi awanakulicima uthando, nemifula ayinakuluminzisa; uma umuntu

## 22. Intokozo yoThandiweyo wami

Miningi imicabango engingayabelana nawe eyokuthi kungani ngithokoza kangaka ngoThandiweyo wami kodwa njengokusho kukaJohane asikho isikhala esanele esingaphatha izincwadi okuzomele zibhalwe:

> Kukhona nezinye izinto eziningi azenza uJesu; uma zilotshiwe zona ngazinye, ngithi nezwe lonke lingezanele izincwadi ezingalotshwa. Amen. Johane 21:25

Kodwa kunento eyodwa okumele ngabelane nawe ngayo echaza ukuthi kungani ngikhetha oThandiweyo wami nokuthi kungani emnandi kunomhlaba wonke.

Maningi amaKrestu avumelana nalombono olandelayo uma bekhuluma ngothando lukaNkulunkulu.

> "Uthando lungolomuntu othandayo, kanti ngothando kukhona into okumele ithandwe." Augustine. De Trinitite "On the Trinity" Book VIII

Okuvela kulombono wothando okuzwisiswa kuyikho okuchazwa yi-Trinity, sithola okulandelayo:

> Uma uNkulunkulu ngempela enguNkulunkulu "wothando" (Johane 3:16 no 1 Johane 4:8), kwamele sicabange ngomphumela olandelayo. Kungenzeka yini ukuthi umuntu onjalo ophila kusukela ephakadeni elidlule, nosidale ngokomfanekiso wakhe wothando – kungenzeka yini ukuthi uNkulunkulu onjalo ebizwe ngokuthi uluthando abe kwakukhona isikhathi lapho wayephila eyedaw? Akusikho yini ukuthi uthando, kakhulukazi uthando lukaNkulunkulu lukwazi ukubakhona uma lowo owadalayo wayengekho yedwa? Nokuthi wayebonakalisa "uthando" lwakhe komunye kusukela ephakadeni elidlule?...[manje iziqhaphuno ezivela kuBruce Metzger] "Abakholelwa kuNkulunkulu oyedwa bathi bayavumelana nomusho othi'uNkulunkulu uluthando.' Kodwa

> lamazwi 'uNkulunkulu uluthando,' awanamusho owangempela ngaphandle kokuthi uNkulunkulu abengabantu abangaphezu kwababili. Uthando luyinto omunye umuntu onayo ngomunye umuntu. Uma uNkulunkulu wayengumuntu oyedwa, singasho ukuthi ngaphambi kokuba edale umhlaba, wayengasilo uthando. **Ngoba, uma uthando kuyinto ayiyo uqobo lwakhe uNkulunkulu, kumele kubekhona into ayenayo kusukela ephakadeni ayengayithanda. Ngaphezu kwalokhu, uthando oluphele lubakhona kubantu abalinganayo kuphela.**Njengalokhu umuntu engakwazi ukwenelisa noma eveze amandla othando lwakhe ngokuthanda izilwanyane ezingaphansi kwakhe, **kanjalo noNkulunkulu akakwazi ukwenelisa noma eveze uthando lwakhe ngokuthanda umuntu noma esiphi nje isilwane. Ngoba evela ephakadeni, kwamele kubekhona into ethile evela ephakadeni nayo abengayithanda,** into enjengeNdodana enjengaye, elingana naye, evela ephakadeni naye ngokusho kwe-theology yomhlaba yamaKrestu. The Trinity, Whidden, Moon and Reeve Page 115,116.

Iphuzu elokuqala ekumele siliqaphele ngelokusetshenziswa kuka 1 Johane 4:8 esitshela ukuthi "uNkulunkulu uluthando." Labo abakholelwa kwi-Trinity bafuna sikholwe ukuthi lamazwi athi "uNkulunkulu uluthando" akhuluma ngabantu abathathu abalinganayo abathandanayo, kodwa uma sifunda levesi njengalokhu libhaliwe sithola into ehluke kakhulu.

> 1 Johane 4:7-12 Bathandekayo, masithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu, nabo bonke abathandayo bazelwe nguNkulunkulu, bayamazi uNkulunkulu. (8) Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu; ngokuba **uNkulunkulu uluthando.** (9) **Uthando luka Nkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokhu ukuthi uNkulunkulu wathumela iNdodana yakhe ezelwe yodwa** ukuba siphile ngayo. (10) **Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu,kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo yezono zethu**. (11) Bathandekayo, uma uNkulunkulu wasithanda kangaka, nathi simelwe ukuthandana. (12) **UNkulunkulu akazange abonwe muntu nangasiphi isikhathi.**

> Uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi, nothando lwakhe luphelele kithi.

Njengokuzwisisa kwami lendimana, uJohane uchaza uthando lukaNkulunkulu ngokunikela ngeNdodana yakhe ukuba isifele. Ngakho ekugcineni kwevesi-8 uchaza uNkulunkulu njengothando, bese akhulise encazelo yakhe ngokubonakaliswa nguNkulunkulu ethumela iNdodana yakhe. Uma sifunda kahle lamavesi akuveli yini ukuthi uNkulunkulu okukhulunywa ngaye kuvesi-8 nguye okuphindekwakhulunywa ngaye kuvesi 9-12? Lokhu akuvezi yini ukuthi uNkulunkulu okuvesi-8 nguBaba nokuthi uthando lwakhe luvezwe ngumnikelo weNdodana yakhe?

Into yesibili engithanda ukuyiveza ngeyokuthi igama elichaza uthando lesiGerike ku 1 Johane 4:8 ngu-*agape*. Ukuqonda kwami ezifundweni zami ngaleli gama kungukuthi uthando kunokuthi lufune ukuzuza isisindo nokubaluleka luyanikela. UNkulunkulu enikela ngeNdodana yakhe kunikela ngesisindo nokubaluleka kunokuthi kufune ukuzuza okwalo, nangempela ngu-*agape.* Kodwa uma sibheka uthando oluchaza uTrinity, siyabona ukuthi loNkulunkulu udinga into elingana naye ukuze amandla othando lwakhe abonakaliswe. Loluhlobo lothando lufuna okubalulekileyo nokugcwalisa isidingo. Lena akusiyo inchazelo ka-agape kodwa olunye uhlobo lothando.

> Uthando lwe-Agape lujwayele ukuqhathaniswa nolunye olubizwa ngo-eros, olungafumaneki eTestementeni elisha nanoma ijwayelekile ezimfundisweni zamaGerike. Uthando lwe-Eros lungachaza uthando olungahlambulukanga nolukhohlakele kodwa ngokwezifundiso zama-Hellenic luthatha isimo sothando lukamoya elifisa ukuthenga nokuzuza okuhle kakhulu. **Uthando lwe-Eros luyisifiso sokuzuza nokuzijabulisa ngento ethile**; [Isifiso noma isidingo sokunye] kanti i-Agape kungukufuna ukukhonza ngaphandle kokuzinqanda.... **uthandolwe-Eros luhehwa kulokho okunesisindo esikhulu**; [isidingo salokho okusezingeni eliphakeme noma okulingana nakho] kanti uthando lwe-agape luyakuloyo ongalifanele

> nakancane.**Uthando** lwe-**Eros luthola okunesisindo**[lofuna okulingana nakho] kanti i-Agape izenzela ukubaluleka [yenza kulingane].I-Agape luthando lwesipho kanti **i-Eros luthando lwezidingo. Uthando lwe-Eros luvela ekuswelweni okumele kugcwaliswe.**Uthando lwe-Agape lungukuchichima komusa kaNkulunkulu. (`God the Almighty': Power, Wisdom, Holiness and Love', D. Bloesch, 2006, p. 147.)

Kungafika njengento emangalisayo kuma-Adventist amaningi ukucabanga ukuthi kungakhona umuntu ongaqhumanisa uthando lwe-eros nothando lukaNkulunkulu, kodwa lokhu kuqondwa ngahle ebandleni lamaKatholika.

> UNkulunkulu ungumsuka omkhulu waso sonke isidalwa; kodwa lesimiso somhlaba esadala—Logos noma izwi, primordial reason—ngesikhathi esifanayo singumthandi ngentshisakalo yothando lweqiniso. Ngakho **i-Eros ngalendlela iyaphakanyiswa, kodwa ngesikhathi esifanayo iyahlanzwa ibe yinye no-Agape.** Pope Benedict IX Encyclical Letter, 2005, Deus Caritas Est "God is Love."

Nawu umehluko omkhulu phakathi kwe-Trinity kanye noYise neNdodana yakhe, kanti ngifuna ukuligxizelela leli phuzu elibaluleke kakhulu.

**i-Trinity ifuna abalingana nayo kanti uBaba wenza abantu balingane naye**.

Iqiniso elibuhlungu nge-Trinity ngelithi uma uthando oluphelele lungatholakala kontanga kuphela, lokhu kuchaza ukuthi wonke umuntu ongaphansi kukaNkulunkulu akunakwenzeka ukuba bethola noma bemukelswe uthando oluphelele. Uma ekuqondeni kwethu uNkulunkulu kungabantu abathathu abanamandla alinganayo, abathandanayo lokho kusho ukuthi thina angeke savuka sifanele uthando lwabo oluphelele. Ngalombono ngoNkulunkulu, sivele sizifunele izindlela zokuvula amehlo ethu ukuba (Gen 3:5) ukuze silungele uthando lukaNkulunkulu oluphele. I-Trinity ingibeka kwiplatifomu engiphoxa ukuba ngizame ukuba njengongaPhezu Konke ukuze ngizuze loluthando oluphelele.

Iqiniso elimnandi ngoThandiweyo wami ngelokuthi zonke izinto wazinikwa esandleni nguYise.

> Ngokuba njengalokhu uYise enokuphila ngokwakhe, kanjalo uyiphile neNdodana ukuthi ibe nokuphila ngokwayo. Johane 5:26

Uma uNkulunkulu eyinikile iNdodana ukuba ibe nokuphila ngaphakathi kuyo noma ngokwayo, ingabe lokhu akusikho ukubonakaliswa kwe-*agape*? UNkulunkulu uBaba unikela ngokubaluleka nesisindo eNdodaneni yakhe okubuye kumenze elingane naye? Ingabe lokhu akusikho okushiwo ngu 1 Johane 4:8? Ingabe akusikho okuchazwa ngu-Ellen White uma ethi?

> "UNkulunkulu unguYise kaKrestu; uKrestuuyiNdodana kaNkulunkulu. **UKristu wanikezwa isikhundla esiphakeme. Wenziwe walingana noYise.** Zonke izimiso zikaNkulunkulu zivulelwe iNdodana." *Testimonies Volume Eight,* page 268.

Ngoba oThandiweyo wami wayenikezwe zonke izinto nguYise, uma ngibheks iNdodana kaNkulunkulu, ngibheka uMuntu onikezwe into yonke. Angisabheki isithombe salowo othola ukwamukeleka nesisindo sakhe ngoba elingana kodwa ngibheka owayenziwa walingana noNkulunkulu ngenxa yokwamukeleka kwakhe.

Ngiyazi ukuthi iNkosi yami uJesu Kristu iyamukele ifa elivela kuYise, kanti inguNkulunkulu ngokugcwele ngenxa yaleli ifa, kanti kulelo ifa nami ngikwazi ukuzwa amazwi othando avela kuBaba wangempela owakhuluma neNdodana yakhe. Amagama athi Yise neNdodana athola umusho ngothando lwe-agape oluvumela ifa kanti olwe-eros luphika lelifa.

Kulawa mazwi aligugu kaYise aya eNdodaneni ezelwe yodwa, nami ngithola isiqiniseko sobudodana bami. Uthando lwe-Agape lukaNkulunkulu lugeleza ludlule eNdodaneni lukhulume nakimi.

Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: “Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo.” Mathewu 3:17

**Kanti amazwi akhulunywa kuJesu eJolidani, “Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo," agoqelela uluntu lonke. UNkulunkulu wakhuluma noJesu engummeli wethu singabantu.** Ngazo zonke izono nobuthakathaka bethu, asilahlwanga njengezinto ezingena msebenzi. “Usenze samukeleka koThandiweyo.” Efesu 1:6. Ukukhazimula okwahlala phezu kukaKristu kuyisibambiso sothando lukaNkulunkulu kithi. Kusitshela ngamandla omkhuleko, -- indlela izwi lomuntu lingafinyelela indlebe kaNkulunkulu, nezicelo zethu zamukeleke ezulwini. Ngenxa yesono, umhlaba wahlukaniswa nezulu, wabangumfokazi ekuhlanganyeleni kwalo; kodwa uJesu sekebuya wasihlanganisa futhi ngenkazimulo yakhe. Uthando lwakhe lumsingathile umuntu, lwafikelela ezulwini eliphezulu. Ukukhanya okwakuvela emasangweni avulekileyo wezulu, kwawela phezu kwekhanda loMsindisi wethu kuzowela phezu kwethu uma sikhulekela usizo lokumelana nezilingo. **Izwi elakhulunywa kuJesu lisho kuwowonke umuntu okholwayo, “Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo", Lo ungumntwana wami othandekayo, engithokozile ngaye**. "Bathandekayo, manje sesingamadodana kaNkulunkulu, kepha akukabonakali esiyakuba yikho: kodwa siyazi ukuthi nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye; ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo." 1 Johane 3:2. DA 113

Kuyifa likaKrestu eliphelele eliveza ukuthi uYise unothando lwe-*agape*ngeNdodana yakhe. Uma uJesu wayengamukeliswanga ifa besingeke sibe nasiqiniseko sokuthi uNkulunkulu unothando lwe-*agape*ngeNdodana yakhe. Uma iNdodana yayinamandla ngaphakathi kuyo ngokwayo, uma evele wazinikela yena ngokwakhe, lokhu kwakuzochaza ukuthi uBaba eqaphela

lokho iNdodana enakho vele, emhlonipha wayezoba nolunye uthando ngeNdodana olubizwa*philos*[12]. Kodwa uBaba ukushilo ukuthi uthanda iNdodana ngothando lwe-*agape.* Lokhu kwenzeka uma sivuma ukuba ngembala uKristu wamukeliswa ifa. UBaba engaba ne-*agape* ngempela eNdodaneni uma enikele ngakho konke eNdodaneni, ngoba kulapho kuphela esingaba nesiqiniseko sokuthi uthando lukaNkulunkulu lwalungancikanga ezicini ezithile eyayinazo iNdodana, kanti vele luthando olunje kuphela olusikhululayo.

Ngalo uthando lwe-*agape* luka 1 Johane 4:8 ngikwazi ukubambelela kulawa mazwi ngoba uthando lwe-*agape* luzenzela luzifakele isisindo kimi, lingivumele ukuba ngikholwe ukuthi ngiyindodana yakhe ngaye uKristu, lapho uthando lwe-*Eros* lingilahla ngoba lizifunela okwalo nesisindo enginganaso. Uthando lwe-*Agape* likhuluma kimi linginike nesiqiniseko esigcwele uma ngifunda:

> …Kepha yana kubazalwane bami, ubatshele ukuthi ngenyukela kuYise wami, noYihlo wenu, kuNkulunkulu wami noNkulunkulu wenu." Johane 20:17

UYise kaJesu unguYise nakimi, noNkulunkulu kaJesu unguNkulunkulu wami; konke lokhu nginakho ngenxa kaKristu iNdodana kaNkulunkulu engafani nanoma ngubani, oyisibonakaliso esikhulu sothando lwe-*agape* esike sabonwa emhlabeni wonke. Yingakho uYise eyiphakamisa iNdodana yakhe, eyinika negama elingaphezu kwamagama onke ngoba uKristu uJesu ungukubonakaliswa okuphakeme kothando lukaNkulunkulu lwe-*agape*.

Iminyaka neminyaka imfundiso ye-Trinity yanginqabela intokozo yokwazi ukuthi nangempela ngingathandeka kuNkulunkulu. Isimo sokulingana

---

[12] "`phileos': Luthando lokuhlanganyela kwabangane esijabulela ukuba ndawonye. Libonakala ngesimiso esithi amanzi athola izinga lwawo – sihehwa ngabantu esibathandayo, nesinezinto ezifanayo nabo. Kym Jones, www.agapetruth.com

nokuvela ephakadeni kwamalungu alonkulunkulu azifakela engqondweni yami amangana abuhlungu okuthi uNkulunkulu uzifunela okwakhe, nokuthi ufuna labo abanjengaye nabalingana naye kuphela. Manje ngentokozo egcwele, ngiyafakaza kuwe ukuthi ulwazi lwami lweNdodana ezelwe lungikhululile kulawa manga ahlaza, manje ngiyambona uBaba wami osezulwini onjengomuntu onothando oluphelele ngami, nonikele yonke ingcebo yezulu ukuba ezuze mina, ngoba unikele iNdodana yakhe ukuba ingifele. Angisadingi ukuba "njengoPhezu-Konke," uthando lwakhe oluphelele lwe-*agape* yilolodwa engilidinga ukuba ngeneliseke ezingeni engadalelwa lona.

Ngakho kuKristu uJesu, intokozo yami iphelele. Njengoba ngiyibuka iNkosi yami enamandla, ngimbona embethe uthando lukaBaba lwe-*agape*, ngigcwele yinjabulo. Ngitholele umphefumulo wami indawo yokuphumula, nembala ijoka lakhe lihle nomthwalo wakhe ulula!

# ISiphetho

Baba othandekayo osezulwini, ngiyakudumisa, ngiyakuphakamisa ngenxa yomuwa wakho, nothando lwakho olungena mkhawulo ngokunikela iNdodana yakho ukuba yinhlawulo yezono zami, abengumPristi neNkosi yami. Ngiyakubonga ngokungisindisa ekubhubheni nokungivezela amaqhinga nengozi yomlingi. Ungivezele sobala ukuba izethembiso zakhe ziyize nokuthi isisekelo sakhe siyisihlabathi.

Ngiyakubonga ngokungihola kancane kancane endaweni eNgcwele Ngcwele. Manje ngiyabona kulezi zindonga ezingcwele ubuhle bezimbali nemisedari (1 AmaKhosi 6:20). Ungifuze ngesinkwa sezulu, wakhanyisa indlela yami ngokukhanya kwasezulwini. Wathumela u-Eliya ukuba engiqondise, wavumela nezilingo ukuba zingihlanze. Kepha kukho konke lokhu, wathumela umoya weNdodana yakho enhliziyweni yami okhala ethi, “Aba Baba.”

Baba othandekayo, ngibambelela isiqiniseko sezwi lakho. Imizwa yami iyangivukela uma ngicabanga ngalezi zinto. Ngakho ngizogxila ngibambelele esiqinisekweni samazwi akho. Ngubani owayengacabanga ukuthi isiphukuphuku sendoda empofu nebuthakathaka njengami, ingathola ukwamukeleka phambi kukaJehova, ngenxa yesipho seNdodana yakhe.

Isihlalo sakho sobukhosi siphathwa ngokulunga, ngokwahlulela okuhle, nangeqiniso. Kepha ngaphezu kwalokhu wembathe umusa, ukubekezela kanye nothando – uthando lwe-Agape oludala isisindo nokubaluleka kunokuthi luzifunele okwalo.

Baba, ngivumele ngihlale nawe endaweni eNgcwele Ngcwele; vumela amanyela esuswe kimi. Vumela umoya weNdodana yakho uhlale nami njalo, ungifundise imiyalo yakho. Ngifuna umthetho wakho ulotshwe enhliziyweni yami, ngifisa ukuzindla ngawo ubusuku nemini.

Ngiyathemba ukuba oThandiweyo wami ungilungiselela indawo endlini yakho enkulu. Ngifikelwa zinyembezi uma ngicabanga ukuthi ungangamukela ngothando ekhayeni lakho ufise ukuba ngibekhona nami.

Lezi zinto ngiyazinikela kuwe zivela enhliziyweni yami egameni loThandiweyo wami, iNdodana yakho ezelwe yodwa. Amen.

Ngizwa iziga zakhe, inhliziyo yami iyagxuma igcwala ukulangazelela. Ngizwa izwi lakhe linjengenhlokomo yamanzi amaningi. Linjengebhalisamu elimnandi emoyeni wami. Othandiweyo wami uyabiza. Ingabe ubiza igama lami ngempela? Ithemba elinje lifike njani na esifubeni sami? Uvela kuphi na lomcabango? Kungani ethande ukukhetha mina – leNkosi enamandla, iNdodana ethandekayo kaYise? Ngamaphuzu avela eThabanakelini, encwadini Yesihlabelelo seziHlabelelo kanye nasencwadini iPilgrim's progress, silandela uhambo lwendoda idlula izinsalela, izilingo namahibe, ukuze ifumane, idayise konke, ithandane noJesu, ngishoyona iNdodana kaBaba

Maranatha Media
fatheroflove.info